Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISETHULO**

UMnyango WeMfundo KwaZulu-Natali ngezwi loMqondisi wakwaFET ngezandla zabeluluki besifundo nothisha abangabalekeleli besiZulu uLimi Lokuqala Lokwengeza (FAL) bethula le nsizakufundisa ehlose ukwelekelela ekuthuthukiseni izinga lokuphumelela ngamalengiso kulesi sifundo esifundiswa ngaphansi kohlelo lukaTHAFUZWE (CAPS). Leli bhuku liyinsiza edinga ukwesekelwa ngezinye izincwadi. Ingumhlahlandlela ekufundisweni kwamakhonono oLimi. Lokhu kungukungenela okuhlose ukwelekelela uthisha nabafundi ezinqinambeni abhekana nazo.

## Table of Contnts

IPHEPHA LOKUQALA. UKUFUNDA NOKUBUKELA KANYE NEZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI ....8

UMSEBENZI 1. ISIFUNDO SOKUQONDISISA SOKUQONDISISA : AMANOTHI ....9

UMSEBENZI 2. UNGAZIKHATHAZI UTHUMELE I-EMOJI ....12

UMSEBENZI 3. EZEMIDLALO ZIHLANGANISA ISIZWE SONKE ....15

UMSEBENZI 4. UKUHUMUSHA ISITHOMBE: AMANOTHI ....18

UMSEBENZI 5. UMBHALO OBUKWAYO- IZWE ININGIZIMU AFRIKA ....19

UMSEBENZI 6: UMBHALO OBUKWAYO- IMIGWAQO YASEDOLOBHENI ....20

UMSEBENZI 7: UKUFINGQA AMANOTHI ....21

UMSEBENZI 8: UKUFINGQA - UKUBALULEKA KOKONGIWA KWEMALI ....22

UMSEBENZI 9: UKUFINGQA – EZOBUCHWEPHESHE NABAFUNDI ....23

UMSEBENZI 10: AMANOTHI OKUHLAZIYA ISIKHANGISO ....25

UMSEBENZI 11: UKUMUSHA ISIKHANGISO-NZIMASE BUS SERVICE ....26

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 1. ISIFUNDO SOKUQONDISISA SOKUQONDISISA : AMANOTHI

Isifundo sokuqondisisa umbhalo ofundwa ngenhloso yokuqondisisa ulimi ukuze abafundi bathole ulwazi. Lokhu kuhlanganisa ukufunda ngokujulile, ukufingqa, ukuphendula imibuzo kanye nokuthuthukisa ulwazimagama.

**Indlela yokufundisa isifundo sokuqondisisa:**

**Ngaphambi kokufunda:**
- Xoxa ngesihloko sendaba nemifanekiso ukuze abafundi baqaphele ukuthi indaba imayelana nani ukuze uvuselele ulwazi lwangaphambilini.
- Qaphela izimpawu zetheksthi ezinjenga lezi; izithombe, amagrafu nokunye.
- Chaza amagama amasha okungenzeka kube nzima kubafundi ukuqonda umbhalo.

**Ngenkathi kufundwa:**
- Uthisha ufunda kuzwakale indaba ngokucacile ukuze abafundi bezwe ukuphinyiswa kwamagama nokuthola umqondo wethekisthi
- Abafundi bafunda bebodwa ukuze bathuthukise ikhono lokufunda, bayifunda yonke indaba kanye nemibuzo.

**Ngemumva kokufunda:**
Abafundi bakwazi ukuphendula imibuzo, baqhathanise imibono, bacubungule bese bekhiqiza izimpendulo ezishaya emhlolweni.

**Amasu okuphendula imibuzo:**
Kubalulekile **ukufundisisa** imibuzo nokubheka inani lamamaki ngombuzo ngamunye.

Izibonelo zezinhlobo zemibuzo

| | |
|---|---|
| Imibuzo edinga ulwazi | Kwenzeni emva koku ...?<br>Ungasho igama lalo ...<br>chaza ukuthi kwenzenjani ...<br>ubani owakhuluma no ...?<br>Yini incazelo yalokhu ...? |
| Imibuzo edinga ukuqondisisa | Ubani owabe engumlingiswa omkhulu ...?<br>Unganika isibonelo salokhu ...?<br>Ungachaza ngamagama akho ...? |
| Imibuzo edinga asebenzise ulwazi analo | Ungacabanga okunye..kuph ilapho ...?<br>Uyakhumbula ukuthi sibheka isingathekiso - ungasicahaza uthini isingathekiso kulo mugqa? |
| Imibuzo edinga ukuhlaziya | Lokhu kufana ngani nalokhu ...?<br>Lokhu kwehluke ngani kulokhu ...? |

Downloaded from Stanmorephysics.com

# Amagama Okubuza

### UKUCELA IMVUME
- Nginga...?
- Ngicela uku...?
- Ngabe kungenzeka ukuthi ngi...?
- Kungalunga uma nginga...?
- Ungaphatheka kabi uma ngi...?
- Ngicela ungivumele ngi...?
- Ungavuma ukuthi ngi...?

### UKUPHAZAMISA
- Uxolo, nginga...?
- Ngiyaxolisa, ucabanga ukuthi nginga...?
- Uxolo, uyakwazi uku.../uyamazi u...?
- Uxolo, ungangisiza?

### UKUNIKEZA USIZO
- Ngicela ukukusiza.
- Ngingakusiza?
- Kukhona okufunayo?
- Ungathanda ngikusize?
- Uyaludinga usizo?
- Ngingakwenzelani?

### UKUFUNA USIZO
- Ngicela usizo e...?
- Ungangisiza uku...?
- Ngicela usizo nge...?
- Ngiyakucela, ngisize nge...?
- Ngicela ungisize.

### UKUXOLISA
- Uxolo.
- Ngiyaxolisa ngoku...
- Ngiyazisola ngoku...
- Ungixolele ngoku...
- Ngixolele.
- Ngiyaxolisa.

### UKUKHONONDA
- Ngiyaxolisa ukuthi ngikhulume kanje, kodwa...
- Ngiyaxolisa ukukuhlupha, kodwa...
- Mhlawumbe ulibele/ukhohliwe uku...
- Ungixolele uma ngiphaphalaza, kodwa...
- Kungenzeka ukuthi kube nokungaboni ngaso linye nge...
- Ungangizwa kabi, kodwa...

### UKUNIKEZA ISELULEKO
- Angicabangi ukuthi kumele u...
- Kumele u...
- Akumele u...
- Ukube benginuwe, bengi...
- Bekumele u...
- Bekungamele u...
- Noma ngabe wenzani, ungalokothi u...

### UKUSHO INTO OYICABANGAYO
- Ungathanda uku...
- Ngingamane ngi...
- Kungani singa...?
- Ngincamela uku... Ucabangani?
- Ucabanga ukuthi kumele senzeni?
- Ukube bekuya ngami bengi...
- Ngicabanga ukuthi kumele si...


### UKUQAGELA/UKUCABANGELA
- Ngingathi ukulungele uku...
- Kungadinga u...
- Kubukeka sengathi ...
- Mhlawumbe udinga uku...
- Mhlawumbe bafuna uku...
- Kunzima ukusho, kodwa ngicabanga ukuthi...
- Anginaqiniso kahle, kodwa ngicabanga ukuthi...

### UKUNIKEZA ULWAZI ONEQINISO LWALO
- Banga/bayi...
- Bacishe babe ...
- Kunenani elikhulu la...
- Uhlobo lwe...
- Uhlobo olu...

### UKUVALELISA
**Uhambo olude, amaholidi, njll.**
- Ube/nibe nohambo oluhle.
- Nibe namaholide amnandi.
- Nibe nesikhathi esimnandi e...

**UKUBINGELELANA NGEMUVA KOHAMBO/ KWAMAHOLIDE**
- Abe njani amaholide...?
- Usithokozele isikhathi obe naso?
- Lube njani uhambo lwakho?

### UKUZIHLOLA/UKUZAHLULELA
- Lokhu kusebenze kahle ngoba...
- Ngikwenze kahle lokhu ngoba ...
- Bekuyokuba ngcono uku...
- Inqubekela phambili iyacaca/ayicaci.
- Lokhu kuphumelela ngoba...



Nossy

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 2. UNGAZIKHATHAZI UTHUMELE I-EMOJI

1.1 Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (Okufundwayo)**

**UNGAZIKHATHAZI VELE UTHUMELE I-EMOJI**

1. Isikhathi esiphila kusona siyaphithizela, abantu bahlale bematasatasa. Ezokuxhumana zidlala indima enkulu ukubhekana nale mpilo ephithizelayo. Ama-*emoji* indlela yesimanje yokuthumela imiyalezo ephelezelwa izithombe noma izimpawu izinhlobo ezithile. Lama ma-*emoji* athunyelwa ngomakhalekhukhwini abakwazi ukumelana nezinga eliphezulu lwethekhnoloji kanye nobunzima bokubhekana nezidingo zobuchwepheshe besimanje. Iningi lama-*emojis* afakwe ngokuzimela komakhalekhukhwini besimanje. Ngolimi lwesiJapan u-'e'
we-*emoji* umele 'isithombe' kanti u-'*moji'* umele 'uphawu'. Lokhu kuqinisekisa ukuthi iJapan iyikhaya lama-emoji asedume umhlaba wonke namuhla.

2. Ngabe usukaphi umlando walawa ma-*emoji*? Ama-emoji asungulwa ngonyaka we-1999 e-Japan insizwa eyayineminyaka engama-27 ubudala, uShigetaka Kurita. Ngalowo nyaka wayesebenzela inkampani enkulu yezokuxhumana I-NTT DoCoMo yase-Japan, njengochwepheshe emkhakheni we-IT. Ngalesi sikhathi zonke izinkampani ezazidayisa omakhalekhukhwini e-Japan zazizama ukwanelisa amakhasimende ngomakhalekhukhwini abenemiyalezo ephelezelwa izithombe. UShigetaka akazange akazange **apholise maseko**,walisebenzisa leli thuba ukuqamba izithombe azibiza ngama-*emoji*. Wabona ukuthi Izincwadi zama-imeyili aziwudlulisi ngokunembayo umlayezo ohambisana nemizwa yomuntu.

3. UShigetaka neqembu ayesebenza nalo waphinde wathatha izinkampani ezaziwayo ezifana Fujitsu, Panasonic neSharp wazifaka ngaphansi kwakhe. Inhloso yakhe kwakungukuthi lezi zinkampani zithathe izintambo lapho yena egcine khona kodwa kwangahamba ngokwezifiso zakhe. Zaqala zamkhahlela ngazo zozine kodwa wangaliphonsa ithawula wabekezela zaze zamvumela. Base bethula ama-*emoji* njengethuluzi elakhelwe ngaphakathi komakhalekhukhwini. Ukuthathwa komsebenzi kaShigetaka njengoba kwenzeka kamuva kwaba yimpumelelo ngoba, izinkampani ezalandela zawathuthukisa ama-*emoji* futhi zawabeka ezingeni eliphakeme ngokwengeza eminye imininingwane eyenza kube nokuhlobisa kakhulu ama-*emoji*.

4. Ngonyaka wezi-2005 kwaqala indlela entsha nencomekayo yokulawula ubuningi bama-emoji angathathwa umakhalekhukhwini ngesikhathi esisodwa. Lokhu kwavela ngesikhathi abantu bezama ukuthumela ama-*emoji* komakhalekhukhwini abayizinhlobo ezahlukene okwakudala ukuthi ama-emoji abambezeleke noma angaveli nhlobo kulowo othunyelwa umyalezo. Le nkinga yayidalwa omakhalekhukhwini ababengenazo izindawo zokwamukela abantu nokubaxhumanisa ngama-emojis. Akusangabazeki ukuthi esikhathini samanje wonke umuntu uthanda umakhalekhukhwini oza nawo lama-emoji.

Downloaded from Stanmorephysics.com

5. Inkampani eyafaka isandla kakhulu yaba negalelo lokuthuthukisa ukusetshenziswa kwe-emoji emhlabeni jikelele yi-*Apple* yaseMelika. Lokhu yakwenza ngokuthi ikhiqize ama-*iPhones* ngonyaka wezi-2007. Le nkampani yanquma ukuthi nakuba iJapan isizakhele igama ngokukhiqiza ama-*emoji*, yona izokwenza ukuthi kube nemithombo (resevours) ekuthathwa kuyo ama-emoji ahlukene kunaleyo esetshenziswa e-Japan. Ngubani owayazi ukuthi imizamo kamfokaKurita iyophenduka **undabuzekwayo** emazweni ngamazwe? Akumangazi ukubona ama-*emoji* ayingxenye yolimi nokuxhumana emhlabeni namuhla.

6. Kulula kakhulu ukusebenzisa ama-emoji. Konke umuntu akwenzayo ukubhala umlayezo bese ekhetha ama-*emoji* ahambisana nawo ukuze othunyelwa umyalezo azizwe exhumene nalona akhuluma naye. Ukuthumela umyalezo kulezi zinsuku akusavamile ukuthi kungaphelezelwa ubuso noma uphawu oludlulisa umuzwa wombhali. Akukhathalekile ukuthi umlayezo uthunyewla ngo-*Facebook* noma i-*Twitter* nezinye izinkundla zokuxhumana. Abantu abathandanayo bayakuthakasela ukufunda umyalezo wothando ohambisana nesithombe senhliziyo ebhakuzayo ekhombisa ukuthi bayathandwa. Umyalezo womuntu ososizini wona ubonakala ngesithombe senhliziyo edabuke phakathi kanye nobuso obunezinyembezi noma obudabukile. Amanye ama-emoji aye akhombise ukudelela, ukucasuka okugcina kudala izingxabano kwabafunda leyo miyalezo.

7. Ngokungangabazeki, ukusetshenziswa kwama-*emoji* kusazoqhubeka isikhathi eside ngoba isibalo sokuthandwa kwawo siyakhula futhi sekukhona nabanye asebekwazi ukwengeza kulokho okukhona. Zonke izizwe zithola ama-*emoji* ahumusha kahle imizwa ehambisana nemiyalezo yazo ngoba izisekelo akhelwe phezu kwazo zinokufanayo okuhle kumuntu kungakhathalekile ukuthi ukuliphi izwe futhi ungakanani ngokweminyaka. Kulezi zinsuku wonke umuntu uthanda ukuthumela umlayezo wakhe nge-emoji ngenxa yempilo ematasatsa ephilwa manje. Ukusetshenziswa kwe-emoji kungakhombisa inhlonipho kumuntu olindele impendulo kunokungaphenduli nhlobo. Kubalulekile ukuqaphela ukuthi umuntu uthumela i-emoji efanele ukugwema ukudideka kofunda umyalezo oyi-emoji.

Impela ama-emoji asengolunye lwezilimi okukhulunywa ngalo emhlabeni wonke kodwa alikho **isoka elingenasici**

*[Icashunwe ku-Inthanethi yabe isihunyushwa]*

1. Yini ama-emoji ngokwale ndaba? (1)

2. Bhala amagama ezinkampani EZIMBILI ezafakwa uShigetaka ngaphansi kwakhe. (2)

3. Igama elithi 'emoji' lichaza ukuthini ngokwesiJapani? (2)

4. Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe ukuchaza la magama abhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

Kusuke kuchazwa ukuthini uma kuthiwa uShigetaka **'akapholisanga**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**maseko'**

A Akachithanga sikhathi.
B Akakwazanga ukupholisa.
C Akanakanga lutho.
D Akatshelanga muntu. (1)

5. Bhala izinkundla zokuxhumana EZIMBILI ezingasetshenziswa uma kuthunyelwa imiyalezo ehambisana nama-emoji. (2)

6. Kwabe kuyini umsebenzi kaShigetaka enkampanini ayeyisebenzela eJapan? (1)

7. Iyiphi inkampani eyafaka isandla ekuthuthukiseni ukusebenza kwama-emoji? (1)

8. Chaza lezi zimo zokukhuluma njengoba zisetshenzisiwe endabeni.

   8.1 Inkampani **eyafaka isandla** kakhulu futhi yaba negalelo lokuthuthukisa ukusetshenziswa kwe-emoji. (2)

   8.2 Ama-*emoji* asengolunye lwezilimi okukhulunywa ngalo emhlabeni wonke kodwa alikho **isoka elingenasici**. (2)

9. Tomula umusho ophelele ositshela ukuthi uShigetaka akazange aphele amandla ngesikhathi izinkampani zingafuni ukusebenzisana naye. (2)

10. Ngokwesigaba sesi-4 chaza ukuthi yini eyayenza ama-emoji abambezeleke noma agcine engavelanga kwabanye omakhalekhukhwini. (2)

11. Bhala okuhle nokubi ngokuthunyelwa kwama-emoji ngokwesigaba sesi-6. Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

12. Ngokucabanga kwakho ngabe abantu abadala noma yintsha esebennzisa ama-emoji kakhulu. Sekela impendulo yakho. (2)

13. Ngabe uyavumelana nokuthi le ndaba ikwazile ukudlulisa ulwazi olwanele ngama-*emoji*? Sekela impendulo yakho. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 3. EZEMIDLALO ZIHLANGANISA ISIZWE SONKE

Fundisisa lesi siqephu esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO A (Okufundwayo)**

**EZEMIDLALO ZIHLANGANISA ISIZWE SONKE**

1 INingizimu Afrika izwe elisuka kude, licindezelwe imithetho yobandlululo. Inkululeko leli zwe layithola ngonyaka wezi-1994 okwenza libe neminyaka engama-32 lakhululeka. Kuningi okuhle osekushintshile uma kuqhathaniswa nezikhathi zobandlululo. Kuyenzeka kuvele izinto eziphindisela emumva njengobugengu, izigameko zobandlululo, ukungabi bikho kwamathuba omsebenzi nokunye. Yize zikhona lezi zingqinamba kodwa okuhle ukuthi akekho ozimisele ukubuyela emumva empilweni yokucindezelwa. Ezemidlalo zidlale indima enkulu ukuhlanganisa isizwe sonke.

2 Ebholeni lombhoxo iNingizimu Afrika iyakhonya, isibe ngompetha abavikela isicoco iminyaka ilandela. Ngonyaka wezi-2023 kwaba indumezulu enkulu ama-Spring Boks evikela isicoco sawo. Wonke umuntu wayegqolozele umabonakude ebuka umdlalo owawuzocacisa ukuthi izonqoba yini futhi iNingizimu Afrikha. INew Zealand **yasala ikhala izithulisa** ngokuhlulwa ngephuzu elilodwa. Ukubuya nendondo kwathakaselwa izinhlanga zonke. Iqembu lahamba izifunda ezahlukene kugujwa ukunqoba okuyisimanga esingaka. Ezikoleni izingane zazigqoka izikibha zebhola lombhoxo njalo ngoLwesihlanu. Abazali bagijima bagcwala ezitolo engekho ofuna ingane yakhe isalele yodwa ingenaso. Zaze zaphela nya izikibha sezingasatholakali nhlobo.

3 Ezemidlalo zikhuphula umnotho wezwe. Ngesikhathi iNingizimu Afrika isingathe iNdebe yoMhlaba ngonyaka wezi-2010 maningi amabhizinisi ahlomula ngaleso sikhathi. Abantu abasuka kwamanye amazwe bajabulela ukuzofunda ukuthi kuphilwa kanjani kuleli. Abadayisayo bathola ithuba lokukhangisa imisebenzi yabo, bayidayise ngamanani aphezulu. Imisebenzi yobuhlalo kanye nemvunulo kuyigugu elikhulu kubantu abaphuma phesheya ngakho kuthengwa ubuthaphuthaphu. Amahhotela kanye nezinye izindawo zokuhlala zenza enhle imali. Izivakashi zisuke zidinga indawo yokulala inyanga yonke yokudlalwa kwendebe. Izinkundla zebhola zigcwala phama uma kudlalwa imidlalo emikhulu okungenye yezindlela zokwenza imali ngoba abantu bathenga amathikithi ukubukela imidlalo.

4 Uma kudlala indebe ethile kuba mnandi ngoba wonke umuntu usuke ekhuluma ulimi olulodwa. Nabasebenzayo bajaha ukuphuma emsebenzini ukuze bangaphuthelwa umphumela womdlalo. Akekho oswela ukuthi uzokhuluma ngani. Indaba **esuke isematheni** eyokuthi lenze njani iqembu lesizwe. Ezinkundleni zebhola abantu baba yimbumba. Baxoxe baze bavumelane babuye baphikisane ngolukhulu ugqozi lolu. Kusuke sekusele khona ukuthi bazingenele enkundleni bazidlalele bona iqembu labo. Akukhathaleki noma umnyama, umhlophe noma

Downloaded from Stanmorephysics.com

uyindiya. Ezinkundleni zokuxhumana abantu ubafica bemqondo munye bonke
befuna ukunqoba. Kungaba kuhle uma ukubambana okwenzeka kwezemidlalo
kuqhubeka njalo ngisho isiphelile imidlalo. Into elokhu idale ukuhlukana phakathi
5 kwezizwe yikho ukuthi azihlali ndawonye okuholela ekutheni zingazani kahle.
Ezemidlalo ziyasiza kulokhu ngoba izinhlanga ziyaxhumamana zithi okwazana
kangcono uma kuyisikhathi semidlalo.

Izindawo zokuhlala ziyabahlukanisa abantu ngokwebala nangezinga lemali
umuntu anayo. Elokishini indawo okwazi ngisho ingane encane ukuthi yilapho
kugcwele khona abantu bebala elinsundu kanti emadolobheni yilapho kuhlala
khona abelungu, amaNdiya nezinye izinhlanga ezahlukene. Izilimi nazo
ziyabahlukanisa abantu ngoba umuntu ugcina ejwayelana nabantu abakhuluma
ulimi lwakhe kuphela. Uma kubukwa ezemidlalo bukhoma kuphela yonke leyo
mingcele ehlukanisa abantu. Uzwa bonke bethetha bethi akusilo igoli leli alivumeli
unompempe. Ubone sebegaxana bejabula sengathi abangani bakudala kanti
bayaqala nokubonana ngalelo langa. Kuba yinto enhle eyihlaya nenhle ukubona
6 abantu sebefaniselene ngemibala yamaqembu abo, bechukuluzana ezinkundleni
zokuxhuma ngokuthi kukhona iqembu elizongcwatshwa ngalelo langa. Bavele
baphenduke izingane abantu. Uthole umuntu uma kuhlulwe iqembu lakhe engadli
7 ngisho ukudla imbala.

Kuhle nokubona ukuthi abesifazane nabo ababekiwe ngaphandle kwezemidlalo. Iqembu lomdlalo lomqakiswano labesifazane labekwa ukuba ngelesihlanu uma liqhathinswa namanye amazwe kwi-African World Cup. Ngonyaka wezi-2024 iqembu labesifazane i-Spar Proteas yaba ngumpetha. Leli qembu sekuvamile ukuthi liqophisane namaqembu amakhulu asemazweni amakhulu njengo-England kanye no-Australia. Okuhle nge-Proteas ukuthi yakhiwe abadlali bezinhlanga ezahlukene. Bakhona nabanye besifazane abanegelelo elihle kwezemidlalo. Lapha singabala umsubathi **oshiya isithunzi** uCaster Semenya. UCaster waqala ukudla umhlanganiso ngonyaka wezi-2009 lapho ayegijima khona ibanga lamamitha ayi-800. Akaze abheke emumva, kuyo imidlalo yama-Commonwealth waphuma phambili ebashiya sengathi bamile ayencintisana nabo.

Ubumbano nobunye kuyasikhulisa isizwe. Izwe liya phambili njalo uma libambisene. Kuyo yonke indawo kuyadingeka ukuthi zigqugquzelwe ezemidlalo.

1. Izwe iNingizimu Afrika layithola ngamuphi unyaka inkululeko? (1)

2. Lineminyaka emingaki izwe laseNingizimu Afrikha lathola inkululeko? (1)

3. Yikuphi okuphindisela izwe emumva? Bhala OKUKODWA (1)

4. Kungani unyaka wezi-2023 waba unyaka okhethekile eNingizimu Afrika? (2)

5. Yiziphi izindlela abantu baseMzansi Afrikha ababetshengisa ukubungaza ama-Spring Boks ? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

6. Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe
INew Zealand **yasala ikhala izithulisa** ngokuhlulwa ngephuzu elilodwa.
Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile ngenhla sisho :

A Ukujabula.
B Ukuphoxeka.
C Ukuhamba.
D Ukungabaza. (1)

7. Ezemidlalo zinamthelela muni emnothweni wezwe ngokwesigaba sesi-3 ? (2)

8. Caphuna umusho oveza ukuthi umbhali ufisa abantu bahlale bezwana noma zingekho ezemidlalo. (2)

9. QONDANISA IKHOLOMU A NEKHOLOMU B

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 9.1 iSpar Proteas | A izwe elahlulwa ngephuzu elilodwa. |
| 9.2 uCaster Semenya | B iNingizimu Afrika yayisingethe indebeyomhlaba. |
| 9.3 iNew Zealand | C umgijimi |
| 9.4 unyaka wezi-2010 | D iqembu lebhola labesifazane |

(4)

10. Nikeza incazelo yalezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile njengoba zisebenze kule ndaba

10.1 Indaba **esuke isematheni** eyokuthi lenze njani iqembu lesizwe. (2)


10.2 Lapha singabala umsubathi **oshiya isithunzi** uCaster Semenya (2)

11. Phawula ngendima edlalwa izilimi ukuhlukanisa abantu. (2

12. Uyavumelana yini nemibono yombhali wale ndaba wokuthi ezemidlalo ziyasihlanganisa isizwe ? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com


## UMSEBENZI 4. UKUHUMUSHA ISITHOMBE: AMANOTHI




Bukisisani lezi zithombe nilandela amanothi.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 5. UMBHALO OBUKWAYO- IZWE ININGIZIMU AFRIKA




| No. | ISIFUNDAZWE | INANI LABANTU | No. | ISIFUNDAZWE | INANI LABANTU |
|---|---|---|---|---|---|
| 1 | KwaZulu-Natal | 12.5 million | 6 | Mpumalanga | 4.3 million |
| 2 | Gauteng | 15.9 million | 7 | North West Province | 3.7 million |
| 3 | Western Cape | 7.4 million | 8 | Free State | 2.8 million |
| 4 | Eastern Cape | 6.5 million | 9 | Northern Cape | 1.3 million |
| 5 | Limpopo | 5.7 million | | | |

[Ithathwe kwi-google images]

1. Izwe iNingizimu Afrika lakhiwe izifundazwe ezingaki? (1)

2. Yisiphi isifundazwe esikhulu kunazo zonke ngosayizi/ngobubanzi? (1)

3. Bhala OKUBILI okuhle ngezifundazwe ezigudle ulwandle. (2)

4. Ngokucabanga kwakho kwenziwa yini i-Gauteng ibe yisifundazwe esinabantu abaningi ekubeni sisincane? (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 6: UMBHALO OBUKWAYO- IMIGWAQO YASEDOLOBHENI




[Sithathwe kwi-googlepic]

1. Bhala izinhlobo EZIMBILI zezimoto ezibonakala esithombeni. (2)

2. Yiziphi izizathu ezenza ukuba abantu bazokwakha amatende emgwaqweni? (2)

3. Ngokucabanga kwakho kufanele kwenziweni ukulwa nokungcoliswa kwedolobha. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 7: UKUFINGQA AMANOTHI

Ukufingqa ukubhala noma ukubeka indaba ngamafuphi ngamagama akho, uthatha kuphela imibono ebalulekile.

**Okufanele Ukwenze:**

1. Funda umbhalo kabili noma kathathu ukuze uwuqondisise kahle.
2. Kungakulekelela ukuphendula isihloko sibe umbuzo ukuze uzokwazi ukuthola umaphuzu abalulekile.
3. Dwebela amaphuzu abalulekile.
4. Yenza umzamo wokuqala.
5. Bhala amaphuzu usebenzise amagama/ amazwi akho uqikelele ukuthi umqondo ungalahleki.
6. Sebenzisa ulimi olulula nolucacile.
7. Sebenzisa imisho ephelele.
8. Hlola ukuthi awuphindi amaphuzu afanayo.
9. Lungisa amaphutha esipelingi nolimi.
10. Qikelela ukulandela inani lamagama okufanele ulisebenzise.
11. Yenza umzamo wokugcina ozobhekwa.
12. Bhala inani lamagama olisebenzisile ekugcineni ulifake kubakaki.



Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 8: UKUFINGQA - UKUBALULEKA KOKONGIWA KWEMALI

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi esikhuluma ngokubaluleka kokongiwa kwemali bese usifingqa ngamagama ayisi-7.

IMIYALELO

- Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele. Amagama akho angeqi / angedluli kangama-60.
- Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kweye-7.
- Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
- Bhala ngamagama akho.

Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**UKUBALULEKA KOKONGIWA KWEMALI**

Izifundo zokuphathwa kwemali ziyisidingo esibalulekile kakhulu kuwo wonke umuntu. Ikhono lokuphatha imali lidinga ukufakwa kumuntu esakhula. Lifakwe ekhaya nasesikoleni kungabhekwa ukuthi umuntu ungakanani ngokweminyaka nangezinga lemfundo. Imali iyathandwa kanti akulula ukuyithola ngoba idinga uyisebenzele ukuze ube nayo noma usunayo idinga ukuphathwa ngokucophelela.
Imali oyisebenzele kanzima kufanele uyicabangela kahle ngaphambi kokuba uyisebenzise. Ukhumbule ukuthi izidingo ozozifeza ngayo ziningi kodwa akuzona zonke ozozifeza. Imali isetshenziswa ezidingweni ezisemqoka enye uyongela izimo eziphuthumayo ezibalulekile.

Kuyenzeka imali uyiphiwe abazali noma uyithole njengesipho okuyinto enhle leyo.Kusuke kwenzelwa ukuthi ufeze izidingo zakho noma ukuzijabulise. Ubokhumbula ukuthi isisu sibekelwa ngaphandle. Kuwukuhlakanipha ukucabanga izindlela ongayandisa ngazo ukuze ungagcini uthembele emalini oyiphiwayo. Ukuyonga kwenza ugcine ukuzimele ngakwezezimali.

Indlela umuntu ayiphatha ngayo imali inomthelala omkhulu empilweni. Uma uyisebenzisa ngokuyisaphaza iyasidicilela phansi isithunzi sakho kanti uma uyisebenzisa ngokuyonga uyahloniрheka ube nokuthokoza emphefumulweni ungabi nokuzisola.

Ukonga imali kungayishintsha impilo yomndeni neyomphakathi ngoba ungazithola usukwazi ukuxosha ikati eziko. Usungula ibhizinisi elincane eligcina selilikhulu selidala amathuba emisebenzi nakwabanye abantu.

Ukonga imali kunciphisa ingcindezi uma kunezinkinga zezimali ezidalwa izimo eziphuthumayo ongakwazi ukuzingwema.
Imali kuyenzeka uyithole ibe yizindodla ungayilindele lokho akusho ukuthi yisaphaze.Zifundise

Downloaded from Stanmorephysics.com

ukuzithiba nokuyisebenzisa ngobuhlakani ukuze ungaphenduki isiwula esahluleka ukusebenzisa imali.

Ukwazi ukonga imali kwenza uphile impilo ehlelikile nenozinzo.
Izifundo zokuphathwa kwemali ziyisidingo esikhulu . Kuyadabukisa ukubona abantu beswele imali ngenxa yokungakwazi ukuyonga . Abantu abazihluphe bangene Nasezinkundleni zokuxhumana bafunde ngokongiwa kwemali.

[Umbhalo wokuziqambela]

## UMSEBENZI 9: UKUFINGQA – EZOBUCHWEPHESHE NABAFUNDI

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi esikhuluma ngokubaluleka kwezobuzobuchwepheshe nabafundi bese usifingqa ngamagama ayisi-7.

IMIYALELO

- Bhala amaphuzu ayi-7 ngemisho ephelele. Amagama akho angeqi / angedluli kangama-60.
- Imisho yakho mayibe nezinombolo kusukela kweyoku-1 kweye-7.
- Bhala iphuzu elilodwa emshweni ngamunye.
- Bhala ngamagama akho.
- Ekugcineni kwamaphuzu wonke owabhalile bhala inani lamagama owasebenzisile.

**EZOBUCHWEPHESHE NABAFUNDI**

Izinga lezobuchwepheshe likhuphuka ngesivinini esiphezulu. Kuzo zonke lezi zinhlobo zobuchwepheshe ezikhona kukhona ezithandwa abafundi kakhulu. Nakuba abafundi zibasebenzela emsebenzini wabo wesikole kodwa kukhona lapho ezibadalela khona izinkinga. Abafundi kudingeka ukuba bazazi lezi zinkinga ukuze bazigweme.

Ngokocwaningo kuvela ukuthi abafundi abaningi banomakhalekhukhwini. Inkinga yokuqala ababhekana nayo ukuthi bachitha isikhathi esiningi ezinkundleni zokuxhumana kunokubheka izincwadi zabo zesikole bese beba nemiphumela emibi. Kumele bakhethe okubalulekile ezimpilweni zabo.

Isikhathi sokuthi umndeni ube ndawonye sibalulekile. Ezobuchwepheshe zenza ukuthi abafundi bagcine bengaxhumani nomndeni, bangaxoxi ngisho izinto ezibathintayo empilweni. Ukuxoxa komndeni ndawonye kuyasiza ngoba ukwazi ukuxazulula izinkinga noma bakhuthathane kwabakwenzayo.

Baningi abafundi abalalayo ngesikhathi uthisha efundisa. Ukusebenzisa amagajethi abanawo kubenza bangalali isikhathi esanele ngoba abanye kuze kuse behleli kuwona. Ubuthongo buyaphela ngenxa yokuthi bagxile kulokhu abakubukayo kumagajethi abo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

Izinga lobugebengu kwezokuchwepheshe liyanda. Abafundi bazithola besengozini yokuthi izimpilo zabo zibe sengcupheni yokuntshontshwa nokubulawa kusetshenziswa izinkundla zokuxhunana. Lena inkinga enkulu emazweni wonke.

Ukushintsha kwezinhlobo zamagajethi kwenza abafundi bafake abazali ezikweletini ngoba bafuna uhlobo oluthile olusha. Basuke befuna ukubonakala nabo ukuthi basezintweni.

Kunezinto eziningi ezifakwa kuma-inthanethi, ezinye zazo akufanele zibonwe abantu abaneminyaka engaphansi kweyisi-18. Ezinye zezinto ezilethwa ezobuchwepheshe abafundi abahlangana nazo zingenza bafunde ukwenza izinto ezingalungile nezingabafaka ezinkingeni ezinkulu.

Emakhaya kunezinto abantwana okufanele bafunde ukuzenza ukuze bakwazi ukuzimela kusasa. Emakhaya kuba khona ukungezwani phakathi kwabazali nabafundi ngoba bengafuni ukwenza imisebenzi yasekhaya.

Ezobuchwepheshe zikhona aziyi ndawo kodwa kufanele zingabusi impilo yethu. Kumele sifunde ukwenza ezinye izinto ngemiqondo nangamandla ethu.

[Umbhalo wokuziqambela]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 10: AMANOTHI OKUHLAZIYA ISIKHANGISO

**ISIKHANGISO**




Qaphela isipelingi :Ukusetshenziswa

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 11: UKUMUSHA ISIKHANGISO-NZIMASE BUS SERVICE

**UMBHALO (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

Bukisisa lesi sikhangiso esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:




[Zithathwe kwi-intanethi zahlelwa kabusha]

1. Yini ekhangiswa kulesi sikhangiso? (1)
2. Bhala izindawo EZIMBILI okutholakala kuzo amathikithi ebhasi. (2)
3. Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe esho isifenqo esiqukethwe yilo musho olandelayo: (2)

   Zibone sengathi uyisicukuthwane ngokugibela amabhasi akwa**NZIMASE BUS SERVICE**

   A Ihaba
   B Isifaniso
   C Isingathekiso
   D Isifenyiso (1)
4. Sithini isiqubulo sakwa-NZIMASE BUS SERVISE? (2)
5. Kungani besebenzise izithombe kulesi sikhangiso? (2)
6. Ngokucabanga kwakho yini engenziwa ukuvimba izingozi ezenzeka emabhasini ahamba amabanga amade kakhulu? Bhala OKUBILI. (2)
   [10]

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 12: UKUHUMUSHA ISIKHANGISO-PSL

**UMBHALO (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

**Bukisisa lesi sikhangiso esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:**




[Zithathwe kwi-intanethi zahlelwa kabusha]

Downloaded from Stanmorephysics.com

1. Sibhekiswe kobani lesi sikhangisi? (1)

2. Bhala izindlela ezimbili ongazisebenzisa ukuthenga leli jezi. (2)

3. Chaza ngobukhona be logo yaka-Vodacom kulesi sikhangisi. (2)

4. Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe, echaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile.

**Ngokuphazima kweso** sisho:

A Ngokungaboni.
B Ngokushesha.
C Ngokuzikhandla.
D Ngokungazethembi. (2)

5. Bhala ubuningi bamagama alandelayo:
   (a) Ijezi (1)
   (b) Isitolo (1)

6.Ngokucabanga kwakho ibuphi ubilili obuzothenga kakhulu ijezi? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu **AMABILI**. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 13: UKUHUMUSHA ISIKHANGISO-MALIBU AIRCONDITIONERS

**UMBHALO (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

**Bukisisa lesi sikhangiso esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:**




[Zithathwe kwi-intanethi zahlelwa kabusha]

Downloaded from Stanmorephysics.com

1. Sibhekiswe kobani lesi sikhangiso? (1)

2. Bhala OKUBILI okungakwenza uthenge ama-air condition akwaMalibu. (2)

3. Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe echaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

   Ama-air condition akwaMalibu akunika ukuphola **ngokuphazima kweso**.

   A Ngamandla
   B Kakhulu
   C Ngokushesha
   D Kaningi (1)

4. Tomula isenzukuthi esitholakala kulesi sikhangiso bese usisebenzisa emshweni ozozakhela wona. (2)

5. Bhala isiqubulo (slogan) esisetshenzisiwe abakwaMalibu air condition. (2)

6. Kungani imithetho nemibandela ibhalwe ngefonti encane kakhulu? (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 14: UKUHUMUSHA ISIKHANGISO-NIKE

**UMBHALO (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

**Bukisisa lesi sikhangiso esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:**




**Umsebenzi Wasekilasini/ Wasekhaya**

1. Yini ekhangiswa kulesi sikhangiso (1)
2. Bhala izinto EZIMBILI eziyingqayizivele ngala mateku. (2)
3. Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe ukuchaza leli gama elibhalwe ngokugqamile.

   **Izinto eziyingqayizivele:**

   A. into engakaze yenzeke
   B. into eqala ukwenzka
   C. ukususa usinga
   D. ingwiijkhwebu (1)
4. Ukusetshenziswa kwefonti ehlukile kunamphumela muni esikhangisweni (2)
5. Bhala umusho ohehayo kulesi sikhangiso (2)
6. Kungani kusetshenziswa imininingwane yokuthumana esikhangisweni? (2)

**[10]**

[Zithathwe kwi-intanethi zahlelwa kabusha]

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 15: UKUHUMUSHA IKHATHUNI- AMANOTHI NOSINDI


**UMBHALO (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

**Bukisisa lesi sikhangiso esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela:**

Amanothi:

Uma kuhunyushwa ikhathuni sibuka lokhu okulandelayo:

Inabalingiswa (izichuse)
Inhloso yomdwebi ukwethula okuthile ngendlela ehlekisayo/egxekayo
Ingahambisana nenkulumo efakwe kwizibiyelo (speech bubbles) ezinhlobonhlobo.
Okuqukethwe
Imnyakazo nemizwa kubalulekile ekwethuleni okuqukethwe kufanele kubonakale; isimo sezulu, indawo,isikhathi, ubudlelwane, njl.




[Zithathwe kwi-intanethi zahlelwa kabusha]

Downloaded from Stanmorephysics.com

1. Yini ebanjwe nguSindi ngesandla? (1)

2. Bhala OKUBILI okukhombisa ukuthi uMzo umangele ngale nkulumo yakhe noSindi. (2)

3. Aqonde ukuthini la mazwi kaSindi;
" same whatup gruphu" kuMzo (2)

4. Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe echaza la mazwi kaSindi alandelayo:

"same whatup gruphu"

A Asifani
B Siyafana
C Ngingcono
D Ngiyagula (1)

5. Guqula igama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo libe isinciphis bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona.

**Umkhuba** nje ongasho lutho. (2)


6. Phawula ngomyalezo odluliswa yile khathuni. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 16 UKUHUMUSHA IKHATHUNI- UDOKOTELA

Bukisisa IKHATHUNI bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO (Ofundwayo nobukwayo)**




[Zithathwe kwi-intanethi zahlelwa kabusha]

1 Bhala imisebenzi eyenziwa amadoda asekhathunini. (2)

2 Yini eyenza uDladla azenze umuntu ogulayo? (2)

3 Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe echaza la mazwi alandelayo:

Ngiphakathi kokufa nokuphila

A Ngiyasaba.
B Ngiyantshontsha.
C Ngisenkingeni..
D Ngiyazibulala. (1)

4 Bhala lo musho olandelayo ukhombe ukuphika/ukulandula.

Sithembele kunina ukuba nisivikele. (2)

5 Phawula ngemizwa evezwa ubuso bamadoda asekhathunini. (2)

6 Yimiphi imiphumela ekhona uma izigebengu zisebenzisana nabomthetho? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 17- IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Lo msebenzi ufundisa izingcezu zenkulumo, izinhlobo zezakhi, ukwakhiwa kwamagama, ukwakhiwa kwemisho, ubhalomagama, izimpawu zokuloba, isipelingi nezimo zokukhuluma.

Izibonelo:

**IZINKATHI ZESENZO**

| Uhlobo lwenkathi | Umusho oyisibonelo |
|---|---|
| 1. Inkathi Yamanje | Ngibhala incwadi. |
| 2. Inkathi Yamanje Eqhubekayo | Ngi**ya**bhala/ngi**sa**bhala incwadi. |
| 3. Inkathi Edlule | Ngibhal**e** incwadi/ngibhal**ile**/**nga**bhala |
| 4. Inkathi Ezayo | Ngi**zo**bhala incwadi/ ngi**yo**bhala |

**IZINDLELA ZESENZO**

| Uhlobo lwendlela yesenzo | Umusho oyisibonelo |
|---|---|
| 1. Indlela eqondile | UThemba udla uswidi. |
| 2. Indlela yamandla | UThemba a**nga**dla uswidi. |
| 3. Indlela eyamile/encikile | UThemba uvuka **a**dle uswidi. |
| 4. Indlela esabizo | **Uku**dla uswidi kubolisa amazinyo. |
| 5. Indlela yenhloso | UThemba **ube**zodla uswidi ukube ubenawo. |
| 6. Indlela ephoqayo | Idla uswidi Themba. |

**Umsebenzi wamagama emshweni**

Othisha **bafundisa** abafundi. > liyalandisa
Amawele **akhe** aphasile. > liyachaza
Isigubhu sikhala **kamnandi**. > liyakhanyisa
Uthenge imoto emhlophe **qwa**. > liyakhanyisa

**Inkulumongqo nenkulumombiko**

| Inkulumongqo | Inkulumombiko |
|---|---|
| "Hamba uyophekela ugogo ukudla," kusho umama. | Umama uthi/uthe akahambe ayophekela ugogo ukudla. |
| "Ubani okhiphe izinja?" kubuza uJabu. | UJabu ubuze ukuthi ubani okhiphe izinja. |
| UMakho ubabaze wathi, "Maye ngafa isisu." | UMakho ubabaze wathi wafa isisu. |

Downloaded from Stanmorephysics.com

**IZINHLOBO ZESABIZWANA**

Isabizwana Soqobo : yena, bona, zona, njl.
Isabizwana Sokukhomba: lo lowo lowaya
Isabizwana Senani : bodwa, sonke, zozimbili, zozintathu, bobane, bobahlanu

**IZIFINYEZO**
**Qaphela;** izifinyezo zifakwa ungqi ekugcineni.

Izibonelo**:**
Mnumzane > Mnu. / Mnz.
Nkosikazi > Nkk.
Nkosazane > Nkz.
Nkosana > Nks.
Solwazi > Slz.
Njalonjalo > njl.
Isibonelo > isb.

## UMSEBENZI 18- IZINKUNDLA ZOKUXHUMANA

Fundisisa isiqeshana bese uphendula imibuzo ezolandela.

**UMBHALO (OFUNDWAYO)**

**IZINKUNDLA ZOKUXHUMANA**

Izinkundla zokuxhumana zikukhombisa ngokusobala ukuthi abantu abaphumuli kangakanani empilweni. Ubona ngezithombe namavidyo akhonjiswa kuzo. Ucingo seluphenduke ithuluzi elinamandla kakhulu ukuveza imizwa ehlukahlukene. Yikho lokhu okudala abantu banamathele ezinkundleni zokuxhumana kuhle kwegundwane libanjwe unoxhaka.

Izithombe namavidyo esiwabonayo amanye ayakha kanti amanye angakulimaza ingqondo nomphefumulo. Akhuluma nabo bonke abantu, abadala nabasakhasela eziko, awalikhethi iphela emasini. Kukhona izithombe namavidyo othi uma uwabuka ufe insini amanye akushiye ubambe ongezansi. I-*AI* iveza izingane ezithi zizalwa zikhulume, zehle zenyuka namasudukisi, ziveza imizwa yazo ngezimo ezihlukene. Kukhona ebuzwa ukuthi iyaphi. Ingane ithi, "Ngiyahamba mina ngiyohlala kwagogo ngoba umama akangiphakeli ukudla ulibele u- *tiktok.*" Kuyahlekisa futhi kuyamangaza. Abazali **abagawule babheke**, bangazibangeli izinkinga. Odokotela basahlalelwe umsebenzi omkhulu, baningi phela abazogula ngengqondo.

[umbhalo wokuziqambela]

1. Guqula lo musho olandeleyo ube inkathi yamanje eqhubekayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

Izinkundla zokuxhumana zikukhombisa ngokusobala ukuthi abantu abaphumuli. (1)

2. Sebenzisa leli bizo elingumabizwafana ukuze kuvele incazelo ehlukile kuna le esesiqeshini. (2)

3. Hlobo luni lwebizo leli elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

   Akhuluma nabo **bonke** abantu abadala nabasakhasela eziko. (2)

4. Guqula isenzo esibhalwe ngokugqamile sikhombe indlela yamandla.

   Kukhona izithombe namavidyo **owabuka** ufe insini. (2)

5. Bhala le akhronimi elandelayo ngokugcwele.

   *AI* (2)

6. Khetha impendulo efanele kulezi ozinikiwe esho uhlobo lwesifengqo esiqukethwe yilo musho olandelayo:

   Kukhona izithombe namavidyo othi uma uwabuka ufe insini.

   A Isingathekiso
   B Ihaba
   C Isenzasamuntu
   D Isenzasasilwane (1)

7. Guqula lo musho oyinkulumo-ngqo ube inkulumo-mbiko

   Ingane ithi, "Ngiyahamba mina ngiyohlala kwagogo ngoba umama akangiphakeli ukudla ulibele u- *tiktok.*" (2)

8. Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile esiqeshini esingenhla. (2)

9. Mqondo muni oqukethwe yizakhi ezibhalwe ngokugqamile kule misho elandelayo? (2)

   9.1 Abazali **ba**ngazibangeli izinkinga. (1)
   9.2 **O**dokotela basahlalelwe umsebenzi omkhulu. (1)
   **[14]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMSEBENZI 18 A**

**UMBHALO OFUNDWAYO**

Funda lesi siqeshana esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela

| |
|---|
| Amanzi ayingxenye esemqoka yezidingo zabantu. Ngaphandle kwamanzi ngeke siphile. Ukushoda kwamanzi kuthinta wonke umuntu ophilayo, izilwane kanye nezitshalo. Kuningi okonakalayo uma amanzi emgekho. Asikwazi ukupheka, ukuwasha, ukwakha izindlu njalonjalo. Omasipala babhekene nezinkinga ngenxa yokushoda kwamanzi. Umphakathi uqala iziteleka uma amanzi engekho. Amalunga omphakathi athi "Amakhansela awazilethi izidingo zethu kodwa sawavotela". Lenkinga idala ukuthi kube nokungazwani Phakathi kwamakhansela nomphakathi. |

1. Bhala lo musho olandelayo ube sebunyeni

   Omasipala babhekene nezinkinga ngenxa yokushoda kwamanzi (2)

2. Tomula isihlanganiso kulo musho olandelayo bese isisebenzise emshweni wakho ozakhele wona.

   Kuningi okonakalayo uma amanzi engekho. (2)

3. Shono ukuthi hlobo luni lwebizo leli elilandelayo bese ulisebenzise emshweni wakho ozakhele wona.

   Amakhansela (2)

4. Khetha impendulo efanele kulezi ozinikeziwe ukuchaza umqondofana waleli gama elibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:

   **Amanzi** ayingxenye esemqoka yezidingo zabantu.
   A.Umfula
   B.Idamu
   C.Amadambi
   D.Isiziba (1)

5. Lungisa amaphutha akulo musho olandelayo:

   Lenkinga idala ukuthi kube nokungezwani Phakathi kwamaklhansela nomphakathi. (2)

6. Guqula lo musho oyinkulumo qho ube yinkulumo mbiko

   Amalunga omphakathi athi:"Amakhansela awazilethi izidingo zethu kodwa sawavotela" (2)

7. Nikeza isifinyezo saleli gama elilandelayo:

   njalonjalo (1)

8. Qalisa lo musho ngegama elidwetshelwe:

   Umphakathi uqala iziteleka uma amanzi engekho (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 19 -UMBHALO OFUNDWAYO NOBUKWAYO

**UMBHALO (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**

**UMBHALO (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)**




[umbhalo wokuziqambisa, izithombe gooflepic]

[Zithathwe kwi-intanethi zahlelwa kabusha]

1. Bhala lo musho olandelayo ngesiZulu esifanele:

   Wenze kahle thayma wathenga umshini wokuwasha. (1)

2. Bhala isifinyezo saleli gama:

   nkosikazi (1)

3. Lungisa lo musho ngokufaka izimpawu ezifanele.

   Ncinci sengizothola ithuba lokudlala naye (2)

4. Guqula leli bizo libe isandiso sendawo bese ulisebenzisa emshweni ozakhele wona.

   Sifaka izingubo (umshini) (2)

**[20]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA IPHEPHA LOKU-1

IPHEPHA 1 UMHLAHLANDLELA WOKUMAKA

UMSEBENZI 2

1. Ama-emoji indela yesimanje yokuthumela imiyalezo ephelezelwa izithombe noma izimpawu izinhlobo ezithile. ✓ (1)
2. Ezimbili zalezi:
   - Fujitsu. ✓ (2)
   - Panasonic. ✓
   - Sharp. ✓
3. U-'e' we-emoji umele 'isithombe'✓ kanti u-'moji' umele 'uphawu' ✓ (2)
4. A/Akachithanga sikhathi. ✓ (1)
5. UFacebook noTwitter. ✓✓ (2)
6. Wayesebenza njengochwepheshe emkhakheni we-IT. ✓ (1)
7. I-Apple yaseMelika. ✓ (1)
8. (a) Ukusiza/ukulekelela. ✓✓ (1)

   (b) Ayikho into/umuntu ongenalo iphutha/Yonke into inobuhle nobubi bayo. ✓✓ (2)
9. Zaqala zamkhahlela ngazo zozine kodwa wangaliphonsa ithawula wabekezela zaze zamvumela. ✓✓ (2)
10. Ama-emoji ayebambezeleka ngenxa yokuthi ayethunyelwa komakhalekhukhwini abahlukile nabangakwazi ukumukela ama-emoji. ✓✓ (2)
11. **Ubuhle:** abantu bayakwazi ukuveza imizwa yabo yothando. ✓ (2)

    **Ububi:** abanye bakhombisa ukudelela nenzondo ngawo ama-emoji. ✓
12. Intsha ngoba iyakwazi ukusheshe iwathole nokuwasebenzisa. ✓✓ (2)

**NOMA**

Abadala ,ngoba bahlale bematasa bengenazso isikhathi sokubhala imiyalezo. ✓✓

1.3 Izimpendulo ziyokwehluka:

Isibonelo: Ngiyavumelana, ngoba inikeze umlando ukuthi aqhamuka kuphi futhi achazani ama-emoji. ✓✓ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 3

1. Ngonyaka wezi-1994. ✓ (1)

2. Iminyaka engama-32. ✓ (1)

3. OKUKODWA kulokhu
   - Ubugebengu.
   - Izigameko zobandllululo.
   - Ukusweleka kwamathuba omsebenzi. ✓ (1)

4. AmaSpring Boks ayevikela isicoco sokuba ompetha bendebe yomhlaba. ✓✓ (2)

5.
   - Igembu lavakashela izifunda ezihlukene nendebe yomhlaba. ✓
   - Ukugqokwa kwezikibha zebhola lombhoxo njalo ngoLwesihlanu. ✓ (2)

6. B/Ukuphoxeka. ✓ (1)

7.
   - Abadayisayo benza inzuzo ngemikhiqizo yabo ethengwa izivakashi. ✓
   - Amahhotela enza imali ngoba baningi abalala khona besuka kwamanye amazwe. ✓ (2)

8. Kungaba kahle uma ukubambana okwenzeka kwezemidlalo kuqhubeka njalo ngisho isiphelile imidlalo. ✓✓ (2)

9. A.-4/Iqembu labesifazane lebhola lomnqakiswano. ✓
   B.-3/Owesifazane owumgijimi. ✓
   C.-1/izwe elahlulwa ngephuzu elilodwa. ✓
   D.-2/INingizimu Afrika yayisingethe indebe yomhlaba. ✓ (4)

10.

10.1 Into okuxoxwa ngayo yonke indaba. ✓✓ (2)

10.2 Ogijima kahhulu. ✓✓ (2)

11. Abantu abakhuluma ulimi olukhulu bagcina bezwana bodwa bangabasondelani nabanye abakhuluma olunye ulimi. ✓✓ (2)

12. NGIYAVUMELANA.
    Kuye kubonakale ukuzwana okukhulu ezinhlangeni ezihlukene uma kunezemidlalo. ✓✓ (2)

NOMA

ANGIVUMELANI
Ukungazwani kwezinhlanga umonakalo ojulile ongeke uxazululwe ezemidlalo. ✓✓

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 5.

1. Izifundazwe eziyi-9. ✓ (1)

2. _KwaZulu Natal. ✓ (1)

3. • Abantu bayakwazi ukuyongcebeleka emabhishi. ✓
   • Ubusika bakhona abumakhaza kakhulu. ✓
   Nokunye okunembayo (2)

4. Abantu baya eGoli ukuyobheka amathuba omsebenzi.
   Nokunye okunembayo. ✓✓ (2)

UMSEBENZI 6

1. Amaloli/
   Izimoto ezincane/
   Imoto yamaphoyisa ✓✓ (2)

2. Ukungabi bikho kwemisebenzi/
   Ukuzakhela amathuba omsebenzi/
   Ukuhlala khona/
   Ukudayisela khona ✓✓
   OKUKODWA KWALOKHU (2)

3. Abantu mabafundiswe ukunakekeka idolobha. ✓✓
   (Nokunye okunembayo) (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 8 Ukufingqa

Amaphuzu alindelekile

| Amaphuzu Ahunyushiwe | Amaphuzu Acashuniwe |
|---|---|
| 1. Imali uyibekela ukuyisebenzisela izimo ezibaluleki neziphuthumayo. | Imali isetshenziswa ezidingweni ezisemqoka enye uyongela izimo eziphuthumayo. |
| 2. Ukukonga imali kwenza iphile impilo yokuzimela. | Ukuyonga kwenza ugcine uzimele ngakwezezimali. |
| 3. Ukubeka imali kwenza uhlonipheke nawe ujabule ungazisoli | Uma uyisebenzisa ngokuyonga uyahlonipheka ube nokuthokoza emphefumulweni ungabi nokuzisola. |
| 4. Ukonga imali kwe ukwazi ukudala amathuba emsebenzi kwabanye abantu. | Usungula ibhizinisi elincane eligcina selikhulu selidala amathuba emisebenzi nakwabanye abantu. |
| 5. Ukubeka imali kwenza ungabi nengcindeziuma kunezidingo eziphuthumayo. | Ukonga imali kunciphisa ingcindezi uma kunezinkinga zezimali ezidalwa izimo eziphuthumayo ongakwazi ukuzigwema. |
| 6. Ukubeka imali kukufundisa ukungatatateli okwenza uyisibenzise usucabange kahle ungabi inhlikisa . | Zifundise ukuzithiba nokuyisebenzisa ngobuhlakani ukuze ungaphenduki isiwula esahluleka ukusebenzisa imali. |
| 7. Ukubeka imali kwenza iphile impilo engenazinkinga. | Ukwazi ukonga imali kwenza uphile impilo ehlelekile nenozinzo. |

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 9

| | Amaphuzu acashuniwe | Amaphuzu ahunyushiwe |
|---|---|---|
| 1. | Inkinga yokuqala ababhekana nayo ukuthi bachitha isikhathi esiningi ezinkundleni zokuxhumana kunokubla izincwadi zabo zesikole bese beba nemiphumela emibi | Abafundi bachitha isikhathi bangafundi bese bengaphumeleli. |
| 2. | Ezobuchwepheshe zenze ukuthi abafundi bagcine bengaxhumani nomndeni, bangaxoxi ngisho izinto ezibathintayo empilweni. | Abafundi abachithi isikhathi nemindeni yabo. |
| 3. | Ukusebenzisa amagajethi abanawo kubenza bangalali isikhathi esanele ngoba abanye kuze kuse behleli kuwona. | Abalali isikhathi esanele, kuze kuse bebhekile. |
| 4. | Abafundi bazithola besengozini yokuthi izimpilo zabo zibe sengcupheni yokuntshontshwa nokubulawa kusetshenziswa izinkundla zokuxhumana | Izigebengu zisebenzisa imininingwane yabo bese beyabalimaza noma babantshontshe. |
| 5. | Ukushintsha kwezinhlobo zamagajethi kwenza abafundi bafake abazali ezikweletini ngoba bafuna uhlobo oluthile olusha. | Abazali banengcindezi yokubathengela amagajethi asemgangathweni. |
| 6. | Ezinye zezinto ezilethwa ezobuchwepheshe abafundi abahlangana nazo zingenza bafunde ukwenza izinto ezingalungile nezingabafaka ezinkingeni ezinkulu. | Abafundi bafunda izinhlobo zobugebengu abazibona ezinkundleni zokuxhumana. |
| 7. | Emakhaya kuba khona ukungezwani phakathi kwabazali nabafundi ngoba bengafuni ukwenza imisebenzi yasekhaya. | Abafundi abayenzi imisebenzi yasekhaya bese bexabana nabazali. |

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 14

1. Amateki e-Nike ✓ 1

2. OKUBILI KWALOKHU: 2
   - Zikhanya ebusuku ✓
   - Zithambe kamnandi ✓
   - Zilula futhi ziqinile ✓
   - Zinemibala ehehayo ✓

3 B✓/Into eqala ukwenzeka ✓ 1

4 
   - Ifonti enkulu isetshenziselwa ukuthi abantu basheshe babone okukhangiswayo ✓✓ 2
   - Ifonti encane kakhulu isetshenziselwa ukuthi abantu bangasheshi babone okubhaliwe ✓✓
   - Ukwenza isikhangiso sibe sihle futhi sihehe ✓✓ (Nokunye okunembayo okuyoshiwo abafundi)

5 Ungasali emuva -gqoka isitayela sesimanje! ✓✓ 2

6 OKUKODWA KWALOKHU: 2
   - Ukubonisa ukuthi inkampani ikhona ✓✓
   - Ukuze kube lula ukuthenga online ✓✓
   - Kubonisa ubuqiniso nokwethembeka ✓✓
   - Abantu bangakwazi ukuthinta inkampani uma befuna ulwazi oluthe xaxa ✓✓

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 18 A

1. Umasipala ubheke nenkinga ngenxa yokushoda kwamanzi✓✓ 2
2 uma✓ 2

Ngizowasha uma kubuya amanzi✓
(Izimpendulo ziyokwehluka)

3. Ibizomboleko/ibizomfakela ✓ 2
Amakhansela enza umsebenzi oncomekayo✓
(Izimpendulo ziyokwehluka)

4. C✓ / Amandambi✓ 1

5 Le nkinga idala ukuthi kube nokungezwani phakathi kwamakhansela npmphakathi. ✓✓ 2

6. Amalungu omphakathi athi amakhansela awazilethi izidingo zawo kodwa awavotela✓✓ 2

7. njl. ✓ 1

8. Iziteleka ziqalwa umphakathi uma amanzi engekho. ✓✓ 2

UMSEBENZI 18

1. Izinkundla zokuxhumana ziyakhombisa ngokusobala ukuthi abantu babhizi. ✓ (1)
2. Ucingo lokuneka izingubo luwile. ( neminye imisho ) ✓✓ (2)
3. Isabizwana sokubala/ senani ✓ (1)
4. Ongazibuka. ✓ (1)
5. Artificial Intelligence. ✓✓ (2)
6. B / ihaba ✓ (1)
7. Ingane ithe isiyahamba yona iya kwagogo ngoba umama akayiphakeli ukudla ulibele u-tiktok. ✓✓ (2)
8. Abantu abasha abagawule babheke ezindaweni zokuzijabulisa kuningi okwenzekayo. (neminye imisho ozoveza ukuqaphela) ✓✓ (2)

9.1 (a) sivumelana nenrhloko. ✓ (1)
9.2 (b) wobuningi. ✓ (1)

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 19

1. Ubaba wami uwasha izingubo emshinini. ✓ (1)
2. Nkk. ✓ (1)
3. Ncinci ! Sengizothola ithuba lokudlala nomama. ✓✓ (2)
4. emidlalweni ✓ (1)
   Abantu baya emidlalweni yebhola. ✓ (1)

UMSEBENZI 12

1. Sibhekiswe kubathandi bebhola.
2. Ukungena kwiWebsite ulithenge online.
   Ukuziyela esitolo / *SOUTH AFRICAN SOCCER JERSEYS UNLIMITED*
3. Ingabaxhasi bokukhandwa beqembu nokukhandwa kweJezi.
4. B Ngokushesha
5. (a) Amajezi.
   (b)Izitolo
6. Abesilisa
Bathanda kakhulu ezemidlalo.
Kubo liyingxęnye yomswenko wabo

UMSEBENZI 18A

1. Umasipala ubheke nenkinga ngenxa yokushoda kwamanzi✓✓

2 uma✓

Ngizowasha uma kubuya amanzi✓
(Izimpendulo ziyokwehluka)

3. Ibizomboleko/ibizomfakela ✓
Amakhansela enza umsebenzi oncomekayo✓
(Izimpendulo ziyokwehluka)

4. C✓ / Amandambi✓

5 Le nkinga idala ukuthi kube nokungezwani phakathi kwamakhansela npmphakathi. ✓✓

6. Amalungu omphakathi athi amakhansela awazilethi izidingo zawo kodwa awavotela✓✓

7. njl. ✓

8. Iziteleka ziqalwa umphakathi uma amanzi engekho. ✓✓

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 20. – AMANOTHI EZINDABA EZIMFUSHANE

## IZIMPAWU/IMIGOMO YENDABA EMFUSHANE:

- Isingeniso siba sifushane.
- Umlingiswa omkhulu nenkinga abhekene nayo kwethulwa kuso isingeniso.
- Izingxenye ezithile zesizinda kumele zicace kuso isingeniso.
- Isigameko siba sodwa sikhule size siyofika kuvuthondaba nasesiphethweni.
- Umlandi nguyena owethula abalingiswa kanye nokwenzekayo.
- Ubude bayo buqoqekile ngokwenani lamakhasi.
- Ubude besikhathi eyenzeka kuso buqoqekile, ayithathi isikhathi esize ukuthi iphele.
- Abalingiswa kumele bangeqi kwabahlanu.
- Kumele yenzeke endaweni eyodwa, eqoqekile.
- Isiphetho kumele sibe sifushane, siqhamuke emva kancane kovuthondaba.
- Isiphetho singaba nengwijikhwebu, imibuzwana ethile, isifundo noma umyalezo.

**QAPHELA:** Kuyenzeka enye indaba emfishane ibe nesikhathi esiluleklie futhi ibe nezindikimba ezingaphexalu kweyodwa.

| Isu/ Ikhono | Incazelo |
|---|---|
| **Isethulo/Isingeniso:** | • Sethula umlingiswa omkhulu/oqavile/osemqoka nenkinga abhekene nayo/isisusa sodweshu .<br>• Siveza isizinda (indawo, isikhathi nesimo senhlalo).<br>• Siveza uheho. |
| **Umzimba:** | Umlingiswa omkhulu simthola ezama ukuxazulula inkinga abhekene nayo. |
| **Isu lokujeqeza emuva nelokubikezela:** | Umbhali usebenzisa isu lokujeqeza emuva ukuze indaba ihlangane uma kukhona okwenzekile ngaphambilini okungaba wumthelela walokhu okwenzeka endabeni. |
| **Ukubikezela:** | Ukubikezela kusho ukwethulwa kwesigameko noma kwemininingwane ephathelene nokusazokwenzeka ngaphambili ngenhloso yokuheha nokuvusa ilukuluku lokufunda indaba.<br>Ukubikezela kuyeneka futhi kube isimo sophawu. |
| **Isixakaxaka:** | Izigameko ziyakhula ngoba abalingiswa banemibono ehlukene nekamlingiswa omkhulu bese kuba khona ukungezwani, izinkinga ziyaqhubeka. |
| **Uvuthondaba:** | • Indaba isuke isifike esicongweni, umfundi usuke esethathekile engasakwazi ukuyibeka phansi.<br>• Kwesinye isikhathi kusuke sekuvela amaqiniso/izimfihlo.<br>• Omunye umbhali indaba yakhe uyiphetha kulesi sigaba sovuthondaba. |
| **Ibohlololo:** | Izigameko zisuke seziya ngokwehla/zibohla. |
| **Upholavuthondaba** | Lapha kusuke sekuvela umphumela emva kwesigameko ebesibeke indaba esicongweni. |
| **Udweshu:** | Kukhona izinhlobo ezimbili zodweshu:<br>1. **Olwangaphakathi:** Imicabango yomlingiswa enokushayisana mayelana nenkinga noma isimo esithile okudingeka agcine ethathe isinqumo ngaso.<br>2. **Olwangaphandle:** Ukushayisana noma ukuphikisana kwemibono phakathi kwabalingiswa ababili noma ngapheuzlu okungaba ngamazwi, ukubambana ngezandla noma ukusebenziza izikhali. |
| **Isiphetho:** | Umbhali angayiphetha indaba emfishane ngezindlela ezehlukene:<br>**IZINHLOBO ZESIPHETHO:**<br>**Isiphetho esivulekkie:** Lapha umbhali ushiyela abafundi nemibuzo mayelana nokuthi izigameko ziphethe kanjani.<br>**Isiphetho esivalekile:** Lapha umbhali ushiya yonke imibuzo iphendulekie, kungabi bikho ukudiddeka ngokuthi kugcine kwenzekeni.<br>**Isiphetho esiyingwijikhwebu:** Lapha umbhali uphetha indaba ngokuthi eveze obekungalindelekile. |

**QAPHELA:** Funda indaba emfishane kahle. Cela umbuzo ngasinye ngenkathi uphendula. Bhala izimpendulo zakho ngokucacile nangokuphelele.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 21 IZIMPAWU ZENDABA EMFUSHANE.

# IZIMPAWU ZENDABA EMFUSHANE

### 1. ISINGENISO

Isingeniso sendaba emfushane siba sifushane. Umlingiswa omhkulu nenkinga abhekene nayo kwethulwa kuso isingeniso uma indaba ibhaleke kahle. Izingzęnye ezithile zesizinda kumele zicace kuso isingeniso.

### 2. UMYALEZO

Umyalezo yilokho umbhali ahlose ukukwedluliselа kubafundi noma emphakathini ngombhalo wakhe. Kungaba ukuqwashisa, ukukhuthaza, ukuvula amehlo kubantu ngesimo esithile nokunye. Lokhu kuvama ukwethulwa ngomusho ophelele.

### 3. INDIKIMBA

Indikimba yona-ke ngumqondo jikelele noma yilokho indaba ekhuluma ngakho ngegama elilodwa kumbe ngebinzana nje lamagama.

### 4. UDWESHU

ukungqubuzana kwemibono phakathi kwabalingiswa ababili noma ngaphezu kumbe imicabongo eyahlukdafeene ephikisanayo kumlingiswa oyedwa edinga ukuba athathe isinqumo esithile.

### 5. IZINHLOBO ZODWESHU

- **Udweshu lwangaphakathi:** Imicabango yomlingiswa ejulile ngenkinga noma ngesimo esithile okudingeka agcine ethathe isinqumo esithile ngaso.
- **Udweshu lwangaphandle:** Ukushayisana noma ukuphikisana kwemibono okubandakanya abalingiswa ababili noma ngapheızu. Udweshu lwangaphandle lubandakanya nokulwa noma ukushayara kabalingiswa endabeni.

### 6. ABALINGISWA

Abalingiswa bendaba emfushane baba mbalwa ngenxa yokuqaqeka nobufushane bendaba. Kuyancomeka ukuba bangeqi kwabahlanu. Ngakho-ke akulula ukuba nabalingiswa abaqavile nabancane kulolu hlobo lombhalo.

### 7. UKUVEZWA KWABALINGISWA

Zimbili izindlela zokuvezwa noma zokwethulwa kwabalingiswa.

- Kukhona esamdlalo lapho abalingiswa beziveza bona ngezenzo , ngobunjalo babo noma ngendlelaa abakhuluma ngayo kumbe kube yindlela abaqanjwe ngayo.
- Kube yindlela echazayo lapho umlandi noma umbhali kuba nguyena osethulela umlingiswa ngokusilandisa ngezenzo zakhe.

### 8. UMSEBENZI WOMLANDI

- Umlandi angathatha isimo somuntu wokugala.
- Umlandi usitshela ngemicabango yabalingiswa.
- Umlandi usitshela ngemizwa yabalingiswa.
- Umlandi usitshela ngendawo.
- Umlandi usitshela ngezenzo zabalingiswa.
- Umlandi usitshela ngenkulumompendulwano yabalingiswa.

### 9. ISIZINDA

Lokhu kusho indawo, isikhathi nesimo senhlalo (okwenzekayo endabeni) endabeni emfushane.

- **Mayelana nendawo:** kuqondwe ukuthi eyasemakhaya noma eyasedolobheni yini.
- **Inkathi/Isikhathi:** Isikhathi kubhekwa ukuthi isemini,isebusuku, ubumnyama,ukukhanya,njl. Kanti inkathi kuqondwe ukuthi esakudala noma esoshintsho noma esanamuhla yini?
- **Indawo:** Izinto ezitholakala endabeni, okwenzekayo kanye nendlela abaphila ngayo abalingiswa yikona okusitshela ngohlobo lwendawo nesikhathi. Ngakho-ke uma sithi indaba yenzeka kulolu hlobo l wendawo kumele sesekele ngezinto ezifana nazo lezi. Ngamanye amazwi ngeke sathi ngoba indaba yenzeka elokishini laseMpumalanga bese sisebenzisa ukuthi ngoba vele siyazi ukuthi eMpumalanga kusebokishini ngakho-ke le ndaba yenzeka edolobheni ngaphandle kokubala ezinye izinto ezihambisana nobudolobha ezitholakala kuyo. Phela kungenzeka omunye umuntu ofunda leyo ndaba angabi nalwazi nhlobo ngendawo yaseMpumalanga nokuthi iluhlobo luni lwendawo. Yingakho-ke kubaluleklie ukwesekela ngezinto ezenzekayo uma ingeyasedolobheni, asikwesekele lokhu ngezinto ezifana neziaıxanxathela yezitolo, nesenngeziherla, amarobhothi, onmafuethi njalonjalo . Kanjalo uma sithi le ndaba yenzeka emakhaya kumele kusekwe ngezinto ezenzeka endaweni ekhombisa ubukhaya. Kumele futhi kuqashelwe ukuthi izindawo sezithuthukile, imigwawo, ukuba nompompi, izitolo, njl. sekukhona cishe kuzo zonke izindawo. Sekunezindawo ezintsha eziphakathi kokuba idolobha-makhaya.

### 10. ISAKHIWO SENDABA

Lokhu kusho ukuhleleka kwendaba emfushane okubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho.

- **Isu lokujeqeza emuva:** Lokhu kusho ikhono lapho umlandi enandisa khona indaba yakhe ngokuba elokhu echaza noma ethula okwenzeka ngesikhathi esingaphambili kwalokho okuxoxwa ngakho endabeni.
- **Isu lokubikezela:** Lokhu kona-ke kusho ukwethuleka kwento esazokwenzeka endabeni ngenhloso yokwenza indaba ibe noheho, ivuse ilukuluku kumfundi.
- **Isiphetho:** Leli banga liba lifushane. Kuba kuhle uma livela kulona ngqo uvuthondaba, kusale imibuzwana ethile kumfundi mayelana nokuzoqhubeka kwenzeke. Isiphetho siba sihle futhi uma sizoubba nengwjikhwebu, kuthi besilindele ukuba indaba iphethe ngendela ethile kuvele kuthi gwiqiqi, ithathe omunye umzila.

### 11. IPHOLAVUTHONDABA (IBOHLOLOLO):

Lokhu kusho ukuthemelza kombhali ngemuva kwesiphetho sendaba, esenikeza imininingwane ethile mayelana nokwasale kwenzeka kumlingiswa omkhulu. Lokhu-ke kuyayidambisa indaba, ingabe isaba mnandi.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 23: ISIHLOBO ESIHLE

# ISIHLOBO ESIHLE

## UMSEBENZI WASEKILASINI / WASEKHAYA

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA D

Ungumakhelwane kaMsholozi yikho nje..." kugcona u-Ingrid. 'Noma sengiyokulobola ngiyothuma yena azongikhongela wena asebenziseisisokanobugagu bakhe." Kuhleka uNtuthuko qhuba ethi, *"Let's drink to that."* Esondezaingilazi yakhekwekaIngrid, naye asondeze eyakhe enikina ikhanda.

*"Let's drink to what?"* egegetheka u-Igrid.

*"To future white makoti waseNkandla."* Ehleka futhi uNtuthuko emgqolozelaesideisikhathi ngenkathi beshayisana izingilazi.

Anamathelane amehlo ache. Abe zinsunguloakaNtuthuko, amhlabe u-Ingrid agcine esekhophozela. Ukhophozeliswa ukuthi kunovadlwana nje oselulokhu lumuthi heqe uma ecabanga uNtuthuko abazane nayezolo lokhu lapha. Kuningi nje okumkhangayo kuNtuthuko. Kuyamxaka kokhu ngobaakayena umuntu onkamunkamu kwezothando - u-Ingrid njengoba namanjeengathandani namuntu nanxa eseqinile impela. Okumethusa kakhulu ukuthi nansiinhliziyo yakhe isithatheka nje bon gale nsizwa, ehamba ngesihlalo samasondonokwenza!

Lokheleka kanja-ke uthando phakathi kwabo bobabili. Sebede bethintana emvakwengqungquthela. Sebede bebonana. Kwacaca ukuthi amalangabi othando emukanabo. Sebede bakha izithombe zekusasa eemyeni. Emukho okuzoba inking.
Bobabili sebekhulile. Ngaphandle nje kokuba amalungu aqavile ezinhlanganweni zabozep-ikisebenza kahle laba bantu.

UNtuthuko usebenzela inhlangano elwelaamalungelo abantu abaphila nokukhubazeka. U-Ingrid yena usebenzela inhlanganoengekho ngaphansi kukahulumeni ebhekene nezithinta abesifazane nezingane.

1. Ungumakhelwane kaNtuthuko yikho nje.
   Ubani umakhelwane kaNtuthuko? (1)

   ______________________________

2. Babekuphi o-Ingrid noNtuthuko ngenkathi beqala ukubonana? (1)

   ______________________________

3. Bhala OKUBILI okusesiqeshini okufanayo phakathi kuka-Ingrid noNtuthuko. (2)

   (i) ______________________________

   (ii) ______________________________

4. Bhala isizathu esenza ukuthi uNtuthuko agcine esehamba ngesihlalo esinamasondo (wheel chair). (2)

   ______________________________

   ______________________________

5. Le ndaba yenzeka esikhathini samanje. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI. (2)

   (i) ______________________________

   (ii) ______________________________

6. Qondanisa IKHOLOMU A neKHOLOMU-B.

| IKHOLOMU A | IKHOLOMU B |
|---|---|
| 5.1 Suzanne | A usejele. |
| 5.2 Jakobus | B kubo iseShowe. |
| 5.3 Ntuthuko | C umzala ka-Ingrid |
| 5.4 Ingrid | D kubo iseNkandla. |

(1x4)

7. Ungumlingiswa onjani ubaba ka-Ingrid? (2)

   ______________________________

   ______________________________

8. Bhala ingwijikhwebu yale ndaba. (2)

   ______________________________

   ______________________________

9. Ngokucabanga kwakho u-Ingrid noNtuthuko bagcina beshadile? Sekela impendulo yakho. (3)

   ______________________________

   ______________________________

   ______________________________

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 24: OGANDAGANDA

## UMSEBENZI WASEKHAYA/WASEKILASINI

## OGANDAGANDA – Nakanjani G Sibiya

**UMBUZO:** Funda ISIQESHANA A bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

Zehle manje izinyembezi. Aphume ngesango. Nanguya eseya enhla komuzi. Aze ayoma phansi kwemithi kawatela. Kunamathuna lapha. Maningi. Abiyelwe kahle. Avule isangwana. Angene. Awabuke onke. Nanti elendodana yakhe endala eyadutshulwa eThekwini. Zisobala kahle izimbali eziphezu kwalo. Anyuke kancane. Aze azoma phambi kwelikaMaMhlungu. Nalo likhonkwe ngokumpunga. Lase liba nombhalo omkhulu ochaza ngeminimingwane kaMaMhlungu. Ame uShabane. Awuqqolozele umbhalo. Agobe. Acumbaze izimbali ezisethuneni lomkakhe. Aguqe. Azilungise kahle. Azibone esecimezile. Zehle izinyembezi. Zigobhoze. Esidke isinkhathi. Kusuke kubuye imizuzu yeminyaka edlule. Kubuye izikhathi zenjabulo. Kubuye usuku lomshado. Kubuye amahlaya nenjabulo. Kubuye amazwi kayise emyala ngokuthi akosebenza angabhunguki, akhe kule ndawo yoyisemkhulu. Kubuye izinsuku zemvula, kulinywa le ndawo. Kubuye izinsuku zokuvuna ukudla komhlabathi ovundile wale ndawo yoyisemkhulu.

Zigobhoze izinyembezi. Zigobhoze. Ngesikade asukume.

**1.1.1** Kwakungubani unkosikazi kaShabane? (1)

**1.1.2** Awobani amathuna akuwona uShabane. Bhala abantu ababili? (2)

**1.1.3** Chaza ukuthi yashona kanjani indodana kaShabane. (1)

**1.1.4** Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Igama elithi 'ukubhunguka' lisho ...

A ukuphupha uma ulele.
B ukukhala uma ucabanga.
C ukuhamba ekhaya ungabuyi.
D ukukhumbula injabulo. (1)

**1.1.5** Yini inkinga ababebhekene nayo abantu bakule ndawo? (2)

**1.1.6** Le ndatshana yenzeka endaweni esemakhaya. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMATHATHU.

- 
- 
- (3)

**1.1.7** Tomula umusho esiqeshini ositshela ukuthi uShabane wayekhala kakhulu. (2)

**1.1.8** Yimiphi imizamo eyenziwa abantu bakule ndawo ukuze baqhubeke nokuhlala emzini yabo?

- 
- (2)

**1.1.9** Bhala ingwijikhwebu etholakala kule ndaba. (2)

**QAPHELA:** Phendula yonke imibuzo. Sebenzisa ulimi olucacile nolunembile.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 25 INDANDATHO.

# UMSEBENZI WASEKHAYA/ WASEKILASINI

## INDANDATHO – B Motau

**UMBUZO:** Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

UThabile lo sadibana naye esitolo sobabili sizothenga oncamnce.

"Kahle-ke ntokazi, oncamnce abangaka! Cishe ukube uyazifanela nje nami, uthengiswa umzwangedwa (loneliness)." Ngangibona ubhasikidi wakhe ugcwele konke okumnandi ongase ukucabange ukuthengwa ngumuntu wesifazane uma efuna ukuyongena acwile koncamnce, ikakhulukazi uma ethengiswa umzwangedwa noma ingcindezi ethile.

"Kunjalo ntombi, ngingathini kodwa? Isibhongo (revenge) ngisikhiphela khona la koncamnce." Washo elula isandla saxhawulana, kwaba ukuqala kobungane bethu njalo. Kuye ngathola usisi, umngani kanye nesifuba sokuthulula zonke izinkinga zabantu besilisa. Ngahlangana naye ngisesimweni esingesihle nesoka lami, noma ngithi owayeyisoka lami. Lalisanda kungibelesela ngokuthi ngamukele unina wengane yalo njengomuntu okungasoze kwanqamuka igoda phakathi kwabo. Phela ufeleba lona wayeseke wakuphika ukuthi kukhona ukubonana ngasese anakho nonina wengane yakhe ayethe kimina sebahlukana naye.

Okwafike kwabethela isipikili sokugcina ebhokisini lomngcwabo wobudlelwane bethu ukuthi esanda kuphika nje ukuthi usezwana nonina wengane, ngatheleka endlini yakhe engalindele ngobunye ubusuku, kanti ngizobathola bezipholele kamnandi embhedeni wami. Ngithi umbhede wami ngoba yimina engawuthenga ngoba owakhekwakungasemnandi ukulala kuwo, yena ehluleka ukuthenga omunye ngoba ethi ucongobezela (saving) imali ayezongilobola ngayo. Wavele waphola nje umntakwethu sengathi akonakele lutho sengimbambile.

| | | |
|---|---|---|
| 2.1 | Badibana/bahlangana kuphi oThabile noLondiwe? | (1) |
| 2.2 | Babenza msebenzi muni laba bangani abaxoxa esiqeshini esingenhla? | (1) |
| 2.3 | Chaza ukuthi uThabile noLondiwe babewuqeda kanjani umzwangedwa. | (2) |
| 2.4 | Yini eyenza uLondiwe ahlukane naleli soka akhuluma ngalo esiqeshini? | (2) |
| 2.5 | ULondiwe wahlangana kuphi noNjabulo? | (2) |
| 2.6 | Ungumlingiswa onjani uNjabulo? Bhala amaphuzu AMABILI.<br>•<br>• | (2) |
| 2.7 | Iyiphi iyinkinga ayenayo uLondiwe mayelana nokushada noNjabulo? | (2) |
| 2.8 | Le ndaba yenzeka kusiphi isikhathi? Sekela impendulo yakho. | (2) |
| 2.9 | Bhala indikimba yale ndaba. | (2) |
| 2.10 | Fingqa ngomusho OWODWA isiphetho sale ndaba | (2) |
| | | [17] |

**QAPHELA:** Phendula yonke imibuzo. Bhala ngobunono futhi usebenzise ulimi olucacile.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 26 SIZE SEHLUKANISWE UKUFA.

# UMSEBENZI WASEKILASINI/ WASEKHAYA

## SIZE SAHLUKANISWE WUKUFA! – Boni Zungu

**UMBUZO:** Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Kungebuhlungu ndawo. Kodwa ngokubona esuka ku-siz-40 esewu -34 wabona ukuthi kumele abonane nodokotela. Woma qha! Udokotela uthini? Yinto ozoyenzenjani le? Ngeke alapheke? Okunjani lokhu? Unomdlavuza wegazi. Hawu kodwa! Esemncane kangaka! Wayesengena esibhedlela ahlale imindundu. Odokotela base beshilo ukuthi ngeke esasinda. Wayeqala ukuba azizwe eyedwa emhlabeni ngalolu hlobo. Wayengasabonwa uMthunzi. Wayethi noma emfonela abike ukuba bhizi emsebenzini, athembise ukufika azombona. Amlinde uZonke. Do! Amlinde. Do!

Ngelinye ilanga wasithola isibindi sokufonela uSiboniso. Wamxoxela ngokugula kwakhe. Kwake kwamuma nje uSiboniso ukuthi aye yini kombona. Wayesamthanda. Kodwa wayekhumbula ukuthi wayemgilile wambukasina nezwe. Waba yinhlekisa endaweni nasemndenini ngenxa yakhe. Wake wathula nje uSiboniso endwazile. Umqondo kwakusengathi uhungulekile. Kwabuya loluya suku emthumelela i-restraining order. Waphathiswa okwesigebengu. Wabizwa ngamagama angemnandi ebe ayezama ukuhlenga umshado wakhe. Wayesebonile ukuthi **uzulelwa amanqe.** Wasukuma wathatha izimpahla zakhe wahamba.

**1.1** Wayephethwe sifo sini uZonke? (1)

**1.2** Ubani igama likamfowabo kaSiboniso? (1)

**1.3** Khetha impendulo efanele kwezilandelayo echaza isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile; **'uzulelwa amanqe?'**

| | | | |
|---|---|---|---|
| **A** | Uyagula. | **B** | Usengozini. |
| **C** | Uyakhala. | **D** | Uhungelekile. |

(1)

**1.4** Tomula umusho ositshela ukuthi uSiboniso wakhumbula usuku uZonke ayemhlukumeza ngalo. (2)

**1.5** Yini eyayenza ukuthi uSiboniso angamdivosi noZonke? (2)

**1.6** Wayengumuntu onjani uMthunzi. (2)

**1.7** Bhala izinto EZIMBILI uZonke ahlukumeza ngazo uSiboniso.
- 
- 

(2)

**1.8** Bhala amaphuzu AMABILI afakazela ukuthi le ndaba yenzeka endaweni esedolobheni.
- 
- 

(2)

**1.9** Ngokwakho ukubona kwakufanele yini ukuthi uSiboniso amngcwabe uZonke? Sekela impendulo yakho. (2)

**QAPHELA:** Phendula yonke imibuzo. Sebenzisa ulimi olucacile nolunembile.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 27 IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU.

# UMSEBENZI WASEKILASINI/WASEKHAYA

## IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU – Sithembiso Khwela

**UMBUZO:** Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

**Akuphelanga sikhathi esingakanani yaphendulwa incwadi yakhe:**

"Lokhu ngikuthatha njengenhlanhla nesibusiso. Ngithe nje ngithi pheqepheqe iphephandaba, ngabe senginamathela kule ngosi oyibhalele wathulula lonke usizi lwakho. Cha-ke Mtungwa omuhle, izinyembezi zakho aziwelanga phansi. Sengizinqakile. Hhayi nje ngezandla huphela kodwa nangenhliziyo. Ukuthi usejele, wubala lolo. Kanti abaludingi yini uthando ababoshiwe? Uma kukhona ocabanga kanjalo, isiboshwa sangempela nguye uqobo. Ngiyayibona-ke imininingwane yakho. Ekupheleni kwenyanga ngizofika ngizokubona. Okuningi sesokuxoxa sesibonene, sibone ukuthi sifikaphi nothando lwethu.'"

Sala kahle,
Nto.

Aqede ukuyifunda bese eyigoqa ayibeke esifubeni sakhe acimeze. Kulowo mnyama qhamukiyane uDumisani athi, "Ngakubamba!" Athuke uSenzo, iqathake incwadi. Akukho nakumfihlela ngoba usembambile. Wamtshela konke. Nanokuthi uselinde usuku ayobonana ngalo noNto.

"Bamba ithambo mnganami," kusho uDumisani ngenjabulo.
"Ithambo lani manje?" ebuza sakucikeka.

1.1 Ukuphi uSenzo njengoba efunda incwadi? (1)

1.2 Bhala isithakazelo sakwaKhumalo esisesiqeshini? (1)

1.3 Ubani igama langempela likaSenzo? (1)

1.4 Khetha impendulo efanele kwezilandelayo:
Hlobo luni lwesifenqo oluqukethwe yilo musho olandelayo:
"Kanti abaludingi yini uthando ababoshiwe?"
A isihlonipho. B umbuzombumbulu. C isifanio. D ukwenzasamuntu. (1)

1.5 Yini eyenza uSenzo wabhalele ephephandabeni incwadi? Bhala amaphuzu AMABILI.
- 
- 
(2)

1.6 Tomula umusho esiqeshini ositshela ukuthi uDumisani wamjabulela kakhulu uSenzo ngokubhala incwadi. (2)

1.7 Le ndatshana yenzeka esikhathini samanje. Fakazela lesi sitatimende ngamaphuzu AMABILI.
- 
- 
(2)

1.8 Ungumlingiswa onjani uDumisani? (2)

1.9 Kwaba namthelela muni ukuzishintsha isibongo kukaSenzo? (2)

1.10 Chaza ukuthi kwenzekani phakathi kukaSenzo noNto ngenkathi bebonana ejele. (2)

1.11 Ngabe IQINISO noma UMBONO ukuthi abantu bayashada neziboshwa yize bona bengaphandle? Sekela impendulo yakho.
- 
(2)

**QAPHELA:** Phendula yonke imibuzo. Sebenzisa imisho ephelele lapho kudingeka khona.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 28. UBEN 10 (INDABA EYENGEZIWE)

# UMSEBENZI WASEKILASINI/ WASEKHAYA

# UBEN 10

**UMBHALI : NAKANJANI SIBIYA**

- Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

Cha, babuye baxoxaxoxe ezinye. Usede ejeqeza iwashi uThabile. Sekufanele ayohlangabeza uNduduzo. 'Nebala bangcina bevalelisana abangani. Nangu yena engena emotweni yakhe kanokusho uThabile. Nansiyana ibambe ugwaqo obheke esikhumulweni sezindiza Oribi Airport. Sekulokhu kuthi heqe uvalo uma ecabanga uNduduzo. Kusuke kubuye umunyu nje enhlizweni. Iyamxaka indaba yakhe yokusanganiswa uNduduzo, nokwenza emncane kangaka. Empeleni bashiyana ngeminyaka eyela emashumini amabili. UNduduzo unamashumi amabili nambili. UThabile-ke yena unomzimba omuhle, omncanyana, akunakekile kangako ukuthi isihambile iminyaka. Ibisihambile neminyaka engasenamizwa yothando.

Empeleni yilokhu agcina ukuthanda kahle umuntu kudala efika eNyuvesi. Futhi-ke wayeqala ukuthanda umuntu ngoKgomotso owayeqhamuka eBotswana ezofunda eNyuvesi yaseDurban-Westville. Kanti uzovele ashone engozini yemoto ngenkathi evakashele eBotswana ngamaholidi.

Ushona nje uKgomotso ukhulelwe uThabile. Akakwazi ukuthi kuphunywa kubhekwe kuphi uma kuyiwa kubo kwaKgomotso eBotswana nakhu phela bebesanda kuthandana bengakazani kuyaphi. Sikhule isisu. Inkinga enkulu ngukuthi uzalwa uhlanya, lungambulala nya uma lungezwa ukuthi ukhulelwe. Uyamlahla unembeza uma ecabanga ukusikhipha. Sikhule isisu. Akwaziwa belu ekhaya ngenxa yakho njalo ukwesaba uyise. Aze abelethe. Inkinga sekunguthi uzokwenzani ngale ngane. Athi esefikelwa umqondo wokuyintshinga esikhotheni abuye ashintshe umqondo.

## IMIBUZO

1. Bhala igama lesikhumulo sezindiza okukhulunywa ngaso kulesi siqeshana (1)
2. Yisho ukuthi usheshelani ukuhamba uThabile ngokwalesi siqeshana (1)
3. Uneminyaka emingaki uNduduzo? (1)
4. Yini eyenza ukuthi uThabile angabonakali ukuthi usemdala ngokweminyaka? Bhala OKUBILI. (2)
5. Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:
   (a) **Kusuke kubuye umunyu nje enhliziyweni.** (2)
6. Fingqa NGAMAPHUZU AMABILI okwenzeka emigqeni we-11 kuya emgqeni we-14. (2)
7. Uhlala kuphi uZanele? (1)
8. Chaza ukuthi batholana kanjani uThabile noNduduzo njengoba sebethandana. (2)
9. Kungani umama owakhulisa uNduduzo wamqamba leli gama? (2)
10. Le ndaba iyahambisana nesihloko sayo? Sekela impendulo yakho. (2)
11. Uyavumelana yini nokuthi isiphetho sale ndaba siyingwijikhwebu? Sekela impendulo yakho. (2)

[17]

**QAPHELA:** Phendula yonke imibuzo. Sebenzisa ulimi olucacile futhi uchaze kahle izimpendulo zakho.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 29. INKABI

# INKABI

**Isakhiwo:** Kwethulwa abalingiswa ababili uMaCele noDlamini abashadile kodwa asebefuna ukubulalana. Kwethulwa uSakhile ongumlingiswa omkhulu kule ndaba kunguye obambe iqhaza elikhulu kukho konke okwenzeka endabeni. Kwethulwa esuka ekhaya eya kwaDlamini, efika eveza imfihlo yozungu lokubulalana abobophelana lona oMaCele nomyeni wakhe uDlamini, khona lapho indaba iyaphetha. Konke lokhu kwenzeka ngaphandle kokuthatha kude. Ubude bayo buqoqekile ngokwenani lamakhasi. Le ndaba ithatha usuku olulodwa nje vo.
Konke kwenzeka kuphelelekuso lesi sikhathi.

## UDWESHU:

- **Udweshu lwangaphakathi:** uSakhile ecabanga ejulile ngasekuqaleni kwale ndaba lapho kumele athathe khona isinqumo sokuthi ngubani okumele ambulale phakathi kukaDlamini nomkakhe uMaCele. Phela bobabili bafike kuyena ngezikhathi ezdaferene bamkhokhela imali bamthenga ukuthi abulale omunye wabo ukuze bazuze ifa njengoba beshade umshado ohlanganisa amafa. Uzithola epheka ethulula engazi ukuthi kumele enze njani ngoba bobabili laba bantu bawusizo emphakathini.
- **Udweshu lwangaphandle:** Okwenzeka emzini kaDlamini kwenzeka lapho khona uSakhile ehlukumeza uDlamini nomkakhe uMaCele. Lolu dweshu luholela ekuthini kuvele izimfihlo ababenazo laba ababili abashadile okunguzungu lokubulalana ababbophelana lona.

## INDAWO:

Iqoqekile ngokwendawo. Yenzeka endaweni yaseMpophomeni. Konke kuphelela ekhaya kubo kaSakhile nasemzini kaDlamini noMaCele, ayisabalaleli kwezinye izindawo.

**Kusedolobheni.** Kuyashiwo endabeni ukuthi indawo yaseMpophomeni iyilokishi. Sithola ukuqonjwa kwamagama ogwaqo njengoba sizwa ngomgwaqo onguPhithi okuhamba kuwo uSakhile. Sithola amaphasiji okuhamba abantu okuyinto evame ukuba khona emalokishini hhayi emakhaya ngoba phela khona kwakhiwe. ngokuggoqqana. Konke lokhu kufakazela ukuthi le ndaba yenzeka endaweni yasedolobheni.

## ISIKHATHI NESIMO SENHLALO:

- **Isikhathi:** Le ndaba yenzeka esikhathini sanamuhla. Sekukhona odokotela, abameli, izidakamizwa, izimoto, imizi eyindlu eyodwa eyisithabathaba, izibhamu nokunye.
- **Isimo senhlalo:** Simuncu kusukela ekuqaleni kuze kube sekugcineni. Kukhona ukubophelana amanqina enyathi, ukwakhelana uzungu lokubulalana okubandakanya abantu abashadile okunguDlamini nomkakhe uMaCele. Lokhu kuyahambisana nendawo nesikhathi sanamuhla.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 30. INGONYULUKA.

# IZINDABA EZIMFUSHANE

## INGONYULUKA

**Isakhiwo:** Isingeniso sale ndaba sifushane ngokwanele. Umlingiswa omkhulu okunguMthembu uyethulwa kanye nenkinga yakhe yokubhekana nesigwebo sentambo esilengela indodana yakhe uSiyabusa ngenxa yokudayisa izidaksmizwa. Kuyacaca ukuthi indaba yenzeeka esikhathini sanamuhla njengoba kukhulunywa ngamaphephandaba.

**Isakhiwo (ukuqhubeka):** Kulesi sigaba kugxilwe esigamekweni esisodwa — imizamo kaMthembu yokusindisa indodana yakhe. Indaba ikhula kancane kancane ize ifinyelele esiphethweni lapho kuvela khona ukuthi uSiyabusa ngeke athole isigwebo sentambo, kodwa uzogwetshwa iminyaka ejele.

## UMYALEZO

Kuyingozi ukusebenzisa kabi umuntu ongasiza uma udinga usizo. UMthembu ubesebenzisa kabi uMengameli ePhalamende, ehamba phambili kwabaduna ukuze kusizwe indodana yakhe. Ekugcineni, lokhu kwaba yingozi ngoba uMengameli wazizwa engasahlonishwa.

## INDIKIMBA

Indikimba enkulu yile ndaba igxile:

- emiphumeleni yokwenza okungalungile
- ebuhlungwini bomzali ozama ukusindisa ingane
- nasekubalulekeni kokuziphatha kahle emphakathini

UMthembu uzithola esebhekene nemiphumela yezenzo zendodana yakhe.

## UVUTHONDABA + ISIFUNDO

**Uvuthondaba:** Kuvele ukuthi uSiyabusa akasagwetshwa intambo kodwa uthola isigwebo seminyaka ejele.

**Isifundo:**

- Ungasebenzizi kabi amandla noma abantu
- Izenzo zethu zinemiphumela
- Abazali bangahlupheka ngenxa yezono zezingane

## UMAKHELWANE OMUSHA

**Isakhiwo:** Indaba ilandela uNosipho ongumakhelwane omusha, oveza umehluko phakathi kwabantu abasuka ezindaweni ezdàfarene.

**Isingeniso:** Kukhulunywa ngoNosipho ofika endaweni entsha, ephila nabantu abadfarene. Indaba ikhombisa indlela yokwamukelana nokwakha ubudlelwano obuhle emphakathini.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 31 UMAKHELWANE OMUSHA.

# UMAKHELWANE OMUSHA

## ISAKHIWO:

Le ndaba iqoekile ngokwenani lamakhasi, aweqile ngisho eshumini.
Ubude besikhathi eyenzeka kuso indaba emfushane nabo kumele buqoqeke, isheshe iphele.

## ISINGENISO:

sale ndaba sifushane ngokwanele. Sethulela umlingiswa omkhulu ongumlandi wale ndaba, uNozipho nakuba igama lakhe lingasheshi ukuvela kanye nenıinga abhekene nayo edalwa ngokufika kukamakhelwane wabo omusha okunguMbhele isibongo.
Kuyacaca ukuthi indaba yenzeka endaweni yasedolobheni esikhatini sanamuhla ngoba kuphat!hwa ukuthengwa kwezindlu nokungena kukamakhelwane omusha endlini.
Ngakho-ke siyacaca kancane isizinda sendaba kıona lapho esingenisweni.

## UVUTHONDABA:

Imibuzo abelokhu ezibuza yona umfundi wendaba ukuthi kuzogcina kwenzekanjani ngale ndaba ukuthi kuzogcina kwenzekanjani ngale nkinga ebhekene nomlingiswa omkhulu onguNozipho. Uzomtshela yini umyeni wakhe uMeluleki ngale nkinga? Uma emazisa uzoyithatha kanjani? Yiyona mbuzo lena eyenza umfundi abe nelukuluku lokufuna incwadi, kungavumi ukuba ayibeke phansi. Ekugciteni kutholakala ukuthi sebethethile omakhelwane babo abasha, babashiya oNozipho noMeluleki. Inkinga yomlingiswa omkhulu onguNozipho iyaxazululeka nemibuzo yimfundi iyaphenduleka.

## ISU LOKUJEQEZA EMUVA:

Kwethulwa uNozipho mayelana nempilo yabo noMandla okubandakanya nendleela ababethandana ngayo yisibonelo esihle sokujeqeza emuva. Lokhu kwenza kube noheho nelukuluku lokuqubuka nokufuna indaba kumfundi. Engani phela ufisa ukwazi ukuthi kuzogcina kungawulalazanga yini umshado wabo oNozipho noMeluleki lokhu noma bazosilawula kanjani lesi simo esinzima kangaka.

## ABALINGISWA:

- Inani labalingiswa kule ndaba likahle.
- Bathathu: uNtuthuko, u-Ingrid, nobaba ka-Ingrid.

## UMHLAB-KE LOWO:

Kwethulwa okusazokwenzeka endabeni (isiphetho sendaba) okungukusha kukaPhila eshiswa nguGugu owayeyintombi yakhe ayethembisa umshado. Emva kwalokho useqala-ke usilandisa ngokukhula kukaPhila kuze kube bathandana noPhila ukuphetha ngokuba amshise ngamafutha abilayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 32 KUNZIMA UKUMKHOHLWA

## KUNZIMA UKUMKHOHLWA

**Isiphetho:** Le ndaba iphetha ngemuva kancane kovuthondaba lapho uThembi efika efulethini lakhe kumi iloli elithunyelwe nguThulani isoka lakhe ukuba lizoshaaqa yonke impahla kubandakanya neyakhe, liyiyise eGoli. Ingwijjiikhwebu ikhona, besilindele ukubona uThembi noThulani bebambisana enkingeni yabo kuze kube iyazazululeka kepha kuvela into ebingalindelekile ukuthi uThulani lona uThembi amthanda konaqa ushadile unonkosikazi wakhe eGoli. Isifundo siyacaca, ungaboba uthothekile, ulahle umuntu enithandana naye ngenxa yomuntu ohlangana naye ekhambeni, ongozi namlando wakho. Imibuzo iyasala kumfundi. Wonke umuntu ufisa ukwazi ukuthi impilo kaThembi yaba njani emuva kwalesi sigameko. Aba njani amahloni kuThembi lapho esebuyela silgameko?



## ABALINGISWA

- **uThembi** – Umlingiswa omkhulu obhekene nenkinga yokuvukelwa yisoka lakhe abelithanda kokhulu okunguThulani esiswini njengotshwala.
- **uThulani** – Isoka likaThembi elamonisa, lamshiyisa umuntu owayesemlobole waqeda, sekusele ukuba agone kuphela kanti lidlala ngaye lishadile, linonkosikazi walo eGoli.
- **uMusa** – Isoka likaThembi elase limlobole lamaqeda ekhaya-kepha wanquma ukulishiya phansi ngenxa kaThulani.
- **Unkosikazi kaThulani** owenza sengathi undududewabo kanti usebugebengwini bokuthola ithenda.
- **Abazali bakaThembi** ababengahambisani nokwala kwakhe uMusa njengoba base bemthatha njengengxenye yomndeni wabo.



Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI WASEKILASINI/WASEKHAYA



# ULOZOLO

Funda le ndaba bese uphendula imibuzo elandelayo.



"Hawu nansi ilozolo wami madoda," kusho uSalim esukuma eyophuma ngesango eseya kuBongiwe. Kubukwane egcekeni,kuthuleke isikhashana,amehlo eningi elaphayana emgwaqeni ebuka uSalim osebambe uBongiwe ngesandla manje,embambise izimkkhapha.

"Hhayi,yisichwensi ngempela uLozolo,usuka le eMalawi uzophuca ingane yakwethu intombi okuvukuphela kwayo," kusho uGcabashe ehleka evungula inyama,ethi phohlo ugologo engilazini ethi phafu phafu ugwayi wakhe ongasuki emlonyeni.Kuthi ngoklo ngoklo uhleko egcekeni.Kuthi akazisakaze uNdoniyamanzi.

"Eyomakhenikha ayingenwa…" Kugegetheka uGamede kubikizele umkhabakazi wakhe kuqathake nekepisi le -Orlando Pirates ekhanda. Nqoklo uhleko egcekeni.

Kwale kuNdoniyamanzi lacu nanguya eyophuma ngesango engasavale lisanga.Avaleliswe ngalo -ke uhleko.

Usaluzwa namanje uhleko njengoba evula ibhonethi yemoto yakhe .Phela ayisadumi kungekho okuthe ukuthintwa lapho ngaphambili kuqala.Empeleni isishayela nguyena kuphela ngenxa yokuningana esekwaźtlela ngumniniyo kuphela ukuthi kuluthi kulungiswa kanjani. Cha,akuntinte-ke lokho, avale ibhonethi,ayidumise imoto,isuke ngqiubane.Nansiyana iyosithela ezansi.Nansiyana iyothushuka ngaphesheyab,ifika ezimpambanweni ithatha esokudla,iyogudla ngasesikoleni iduma eNembe.

"Uyabila uNdoniyamanzi lapho emotweni unxapha enxaphile usebathintile abantu aya kubo,ngenhlanhla wabathola.Bamlindele manje.Ubhula imoto nje uyathathauyabeka,ucabangisisa isu okuzokwenziwa ngalo izinto.Ungena ngesango nje sekucace konke okwenзele.

| IMIBUZO | | |
|---|---|---|
| 1.1 | Yisho ukuthi uSalim wayeyaphi njengoba ayephuma ngesango? | (1) |
| 1.2 | Yisiphi isizathu esenza kuthiwe uLozolo uyisichwensi? | (1) |
| 1.3 | Yini eyayicasula uNdoniyamanzi? | (1) |
| 1.4 | Fingqa ngamaphuzu amabil uveze isimo semoto kaNdoniyamanzi. | (2) |
| 1.5 | Nikeza okufanayo phakathi kukaSalim noNdoniyamanzi. | (2) |
| 1.6 | Iyini inhloso yombhali ngokusibhalela le ndaba? | (2) |
| 1.7 | Uyavumelana yini nesitatimende esithi uNdoniyamanzi uyivila? Sekeka lesi sitatimende ngamaphuzu amathathu. | (3) |
| 1.8 | Phawula ngesifundo esitholakala kule ndaba. | (2) |
| 1.9 | Ngabe yiqiniso noma umbongo ukuthi umphakathi waseMandeni lapho kwenzeka khona le ndaba wawusazi kahle isizathu sokunyamalala kukaSalim?Sekela impendulo yakho. | (3) |
| | | (17) |

**QAPHELA**

Funda imibuzo kahle bese uphendula ngokucophelele, usebenzisa amagama akho angokwakho.

Qiniseka ukuthi uphendule umbuzo ngamunye.

**IMIBUZO**

Phendula umbuzo ngamunye ngokucacile futhi usekele impendulo yakho ngeminningwane evela endabeni.

Hlela impendulo yakho ngamaphuzu uma kunesidingo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 33 AMANOTHI ENOVELI

# UMSEBENZI OWENGEZIWE

## Amanothi:

- Indaba yonke yenoveli ixoxwa ngumbhali wayo.
- Kuyenzeka ukuthi omunye wabalingiswa noma umbhali abe nguyena oxoxa indaba.

## UKUHLUZWA KWENOVELI

| NO. | ISU/IKHONO | INCAZELO |
|---|---|---|
| 1. | Isihloko (Title) | Isihloko yisona esisithulela okuqukethwe yindaba. Kufanele sihehe.Umfundi kufanele aqonde ukuthi sisho ukuthini. |
| 2. | Isithombe esisekhaveni yenoveli. | Isithombe esisekhaveni yendaba kufanele sihambisane nokuqukethwe yindaba uma sikhona. |
| 3. | Abalingiswa (Characters) | Kunezinhlobo ezehlukene zabalingiswa: |
| 4. | Isakhiwo (Structure) | • **Isingeniso:** Sethula umlingiswa omkhulu nenkinga abhekene nayo.<br>• **Umzimba:** Sithola abanye abalingiswa n ezikhulisa indaba.<br>• **Isiphetho:** Siveza ukuthi kugcine kwenzekeni kubalingiswa noma siveze obekungalindekile. |
| 5. | Isizinda (Setting) | Siveza izinto ezintathu:<br>(i) **Indawo;** uhlobo lwendawo indaba yenzeka khona.<br>(ii) **Isikhathi;** ukuthi yenzeka nini.<br>(iii) **Isimo senhlalo;** ukuhlalisana kwabantu abasendabeni |
| 7. | Uvuthondaba (Climax) | Yilapho indaba isifike esicongweni/isiphezulu |
| 8. | Ipholavuthondaba (anti- climax) | Kulapho sekubonakala ukuthi iya ngokuphetha indaba. |
| 9. | Udweshu (Conflict) | Luhlukene kabili:<br>(i) Olwangapharathi. (ii) Olwangaphandle. |
| 10. | Ingwijikhwebu (Twist) | Ukwenzeka kwento engalindelekile. |
| 11. | Umyalezo/ isifundo/inhloso (Write's intention/lesson) | Umbhali asuke efuna ukukuveza njengoba ebhale lolu hlobo lwenoveli. |
| 12. | Izimo zokukhuluma (Language expressions) | Ulimi olusetshenziswe umbhali; izisho, izaga, izifenqqo nolimi lwesigodi. |

**QAPHELA:** Zisebenzise lezi zici lapho uhlaziya noma uphendula imibuzo yenoveli. Bhala izimpendulo zakho ngokucacile nangokuphelele.

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 34 ELOKUFA ALITSHELI

## UMSEBENZI WASEKILASINI/WASEKHAYA

## ELOKUFA ALITSHELI

**UMBUZO** Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### ISIQESHANA A

"Phuma lapho! Ngithi phuma lapho uma ungafuni ukungqongqa nalawo mjondolo wakho. Uma uthanda phuma nenja yakho nja ndini, nginichithe ubuchopho khona manje nje." Wayelokhu ezaza ezungeza uS'khulu, okumuntu ocinga intuba yokungena.

"Ngishaywa nje ngoba ngenzeni?" Wayesho ezwakala nephimbo esaba ngisho ukuvela ewindini ngenxa ezazimnethe engalindele lutho.

"Hhayi wena Sathane! Umthetho wakho uqashelwe ukuzolumisa umphakathi ngemigodi uwubhonye noma uqashelwe ukuwuqaphisa uwuvikele?"

"Mina angazi lutho, ngingena manje nje emsebenzini. NguDlaba engizwe kuthiwa uthumele nomphakathi hhayi mina," wayemphongoloza umlisa owayengaziwa noma usesenga ezimithiyo yini.

Wangundaza uS'khulu ebuza kuBhiza ukuthi kungabe uqinisile yini unogada uma eziphika. UBhiza naye owayengabonanga kahle ngenxa yesiphithiphithi nesibhudubhudu, watshela isikhulu sakhe ukuthi makavele ewindini unogada ukuza ambonisise kahle. Nebala wamyalela kanjalo uS'khulu unogada. Waklabalasa futhi bandla unogada esho ukuthi uyasaba ngoba usezwe kukhulunywa indaba yokuthi bazochithwa ubuchopho benja yakhe. Wabhoka uS'khulu owayecasulwe kakhulu ukuthi unogada ubaleke wazivalela engakazanelisi ngaye ngemvubu eneqhuzu.

"Akusheshe lapho mantshingelane! Uma ulokhu uziba ukuvela ewindini ngizoze ngithi phuma uze kithi ukuze ngiqhubeke nokukutitinya. Cacisa-ke ukuthi ukhetha kuphi phakathi kokubili."

Ngokushesha wavela bandla unogada owayeyinkuxa esho ngembomothi yobuso obuvuvukele, izihlathi zakhe zicwebela kungathi zibihixwe ngovaselina."

[Ikhasi 50]

1. Ngubani lo mlingiswa ozama indlela yokungena kulesi siqeshana? (1)

2. Shono isizathu esenza ukuthi abuze ukuthi uzoshaywa nje ngoba enzeni. (2)

3. Ngokwalesi siqeshana ubani uDlaba? (2)

4. Nikeza okungefani okwenziwa umama kaVela nobaba kaVela mayelana nokungezwa kukaVela. (2)

5. Kulo musho olandelayo chaza igama elibhalwe ngokugqamile: **Wangundaza** uS'khulu ebuza kuBhiza (2)

6. Fingqa ngamaphuzu AMABILI okwenzeka ngaphambi kwalesi siqeshana. (2)
   - ..................
   - ..................

7. Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokuqamile njengoba sisetshenzisiwe kulesi siqeshana. (2)

8. Ukuba khona kukaBhiza kule noveli kunomuthelela muni empilweni KaVela. Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
   - ..................
   - ..................
   - ..................

9. Chaphuna udweshu lwangaphandle olutholakala kulesi siqephu. (2)

Zama kahle! Ukufunda kuyisihluthulelo sempumelelo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI WASEKILASINI/WASEKHAYA

# ELOKUFA ALITSHELI

**UMBUZO** Funda iziqeshana EZIMBILI ezingezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

## ISIQESHANA B

UVela wathi jeqe kanye, wabona uyise, wangaba ngisho nawo Amandla okuphendula. Usizi lwanda zaphuma ngamandla izinyembezi esezwa angamemeza kakhulu ngenxa yobuhlungu benhliziyo. "Uma sifika ekhaya usize ungaduki, ngifisa ukukukhuluma mfana wami." Washo njalo uMahlase enkikeza uVela iduku lokusula izinyembezi okwase kunesikhathi ezishiphlisa ngenhlaneke.

Iningi labantu ababethamele leyo nkonzo yokugcina kwabamangaza abakubona ngamehlo abo. Iningi labo **lalazi uMahlase noVela kuyinkukhu nempaka.** Lokho kwaba nomthelela wokuthi uMfundi aklabalase yedwa abantu bengasaculi. Babekhuluma phansi bephukuluzana ngesimanga sezimanga, ikati nenja kudlela ndawonye, sekuthelene amanzi. Okwakwenza kwabajabulisa abanye, kwathi abanye kwabangabathokozisa.

Emva kwesikhashana wagcina ngokuphathulwa umthuno owawushiya indumnduma yeliba elivuphawu lwamanzini lokudlula emhlabeni kukaMaZwide. Zonke izethameli zafulathela zashiya ngemumva uMahlase nendodana yakhe bethithibele phambi kweliba. Babethule kungathi omunye ulinde omunye ukuthi kube nguye oqala inkulumo eyayibukeka ingenakhandla futhi ingenamsila. Bangena abantu ebhasini, bathi nje bebeka izinqe phansi wayevuvula umlomo wakhe uMahlase.

Mkami MaZwide, sesiyakubeka lapha. Ngicela uphumule ngokoxolo, sikhulu isizungu ongishiyile naso. Ngicela ukuthi uziphendulele wena ngabakwenze kanjani, babonakale ngomsebenzi nabo bakulandele."

Wagwajaza uVela ezizwa eshaywa ngovalo ezibilini. Kwabasegathi unina uzovuka aphendule athi nguVela ombulalele, okwakanye ambuze ukuthi kodwa ubenzeni aze abulawe ngolaka nesihluku esingaka. Uthe esagwajaza uVela, uyise wambheka naye kungathi uzombuza ukuthi yini wagwajaza nje kwenze wempela, kanti kungabe unolwazi yini ngokufa kukakanina. Wazizwa ejuluka uVela, kwaluma amakhwapha nezinzwane ndodeni. Waqhubeka uyise elokhu emuthe njo.

[Ikhasi 90-92]

1. Ngubani uyise kaVela. (1)

2. Kwenzalani kulesi siqeshana? (2)

3. Bhala isizathu esasenza abantu bamangala uma bebona uVela noMahlase bendawonye. (2)

4. Nikeza incazelo yalezi zimo zokukhuluma ezibhalwe ngokugqamile:
   **(A) Iningi labo lalazi uMahlase noVela kuyinkukhu nempaka**
   **(B) Sekuthelene amanzi** (4)

5. Yini esikhombisa ukuthi umxoxi wale ndaba akayona ingxenye yabalingiswa? Bhala amaphuzu AMABILI (2)
   - 
   - 

6. Hlaziya le ndaba ngokubheka izihlokwana ezilandelayo. Bhala amaphuzu AMABILI ngesihlokwana ngasinye: (4)
   (A) Isingeniso.
   - 
   - 

   (B) Indikimba.
   - 
   - 

7. Ukube wawunikwe ithuba lokweluleka uVela wawungathini kuye? Bhala amaphuzu AMABILI. (2)
   - 
   - 

Zama kahle! Ukufunda kuyisihluthulelo sempumelelo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 35 AMANYALA ENYOKA AYQHUBEKA…

# AMANYALA ENYOKA… ayaqhubeka

## ABALINGISWA:

- Amanothi: Abalingiswa yibona abaqhuba indaba ngokubamba iqhaza elithile ngamunye kuyona. Lokhuke kwenza ekugcineni sibe nezinhlobo ezahlukdaferene zabalingiswa okuhambisana nendlela abethulwa ngayo kithina njengabafundi bombhalo.

**Abalingiswa esibathola kule noveli ngokwezizinhlobo zabo:**

**Abalingiswa abaqavile neqhaza abalibambile ngamunye endabeni:**

* **uPat**- Indodamfazi kaSindy aphinde abe unina kaLindokuhle
* **uSindi** – ushade noPat
* **uTebogo**- Isithandwa sikaSindy sakudala
* **uThula** –uKaputeni ongawulandeli umthetho
* **uMthunzi** – Ubaba kaLindokuhle owayeyisithandwa sikaPat
* **uLindokuhle**– Indodana kaPat noMthunzi
* **uThiza**- Umhleli womshado kaPat noSindy

**Abalingiswa abancane:**

* **uZinhle**- isinqandamathe sikaThiza

**Umlingiswa omkhulu/osemqoka/ oqavile:**

UPat uvezwe njengomlingiswa omkhulu ngoba:

- Uyena esibona zonke izigameko zimthinta kakhulu.
- Indaba yonke yakhelwe phezu kwakhe .
- Uyena esimthola enqaba ephetha ukukhokhela uThiza owayemlungisela umshado wakhe kodwa wahluleka ûkwenza lokhu ayekufunile. Ushada uSindi umenza unkosikazi wakhe.

## Ukuvezwa kwabalingiswa:

- Amanothi: Zimbili izindlela zokuvezwa noma zokwethulwa kwabalingiswa.
  * Kukhona esamdlalo lapho abalingiswa beziveza bona ngezenzo noma ngendlela abakhuluma ngayo kumbe kube yindlela abaqanjwe ngayo kanye nechazayo lapho umlandi noma umbhali kuba nguyena osethulela umlingiswa ngokusilandisa ngezenzo zakhe.

**Iningi labalingiswa kule noveli lethuleke ngendlela esamdlalo. Baziveza bona ngezenzo zabo kanje:**

- **uMthunzi** - Uvezwe njengomlingiswa ongumkhohlisi, uphika uPat ezithwele ingane yakhe. UPat obeqala ngqa ukulala nomuntu wesilisa ngoMthunzi uqoma ukuthandana nabantu bobulili obufana nobakhe.
- **ULindokuhle** - Indodana kaPat inokuhlangabezana nezinkinga kube yiyona edla umhlanganiso. Nakuba unina engashadanga noyise yakwazi ukufunda yaphothula ezayo izifundo enyuvesi.

**Amanothi: Ezinye izinhlobo zabalingiswa:**

* **Oyisicaba:** Ozenzo zakhe aziguuguaquki kusukela ekuqaleni kuze kube sekugcineni.
  **Isibonelo: uSindi** - Simthola engumlingiswa onguthathekile futhi onesimilo esixegayo kusuka indaba iqala nje eshada noPat ngoba ebona ibhodwe eliconsayo, kwabuya isithandwa sakhe sakudala uTebogo watshontshana naso waze weqa naso.
* **Oyindilinga:** Lona ozenzo zakhe ziba nokuguqguquka zihambissane nesimo azithola ekusona.
  **Isibonelo: uPat** - Simthola ethatha isiqumo sokuthandana nabantu bobulili obufanayg ngenxa yokungasabethembi abantu besilisa. Simthola futhi esethandana noThula onguKaputeni ngoba enzela ukuthi engabhadli ejele kodwa ngokuhamba kwesikhathi uzizwa esemthanda ngempela uThula.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 36 AMANYALA ENYOKA AYAQHUBEKA…

# AMANYALA ENYOKA ayaqhubeka

## ISIZINDA

**Amanothi;** Lokhu kusho indawo, isikhathi nesimo senhlalo (okwenzekayo endabeni) enovelini.

- **Mayelana nendawo** kuqondwe ukuthi eyasemakhaya noma eyasedolobheni yini, ngesikhathi sona-ke kuqondwe ukuthi esakudala noma esoshintsho noma esanamuhla yini?
- **Indawo:** Indawo lapho kwenzeka khona izigameko yiseMbali kweline lamalokishi aseMgungundlovu, kuneNyuvesi okuyilapho bebonana khona uPat noSindi.
- **Isikhathi:** Le ndaba yenzeka esikhathini sanamuhla ngoba imishado yobulili obufanayo isivumelekile. Kukhona nezithuthi okungamatekisi, amabhasi nezitimela ezithutha abantu abaya emsebenzini. Kunezimoto ezithutha udoti.
- **Isimo senhlalo:** Iyaziwa inqubo yokucela ngaphambi kokushada. Sithola uTebza ebiza uSindi ngengoduso yakhe ayeyicele izithwele kodwawanyamalala uTebza. Imishado ihlelwa yilabo abanekhono lokwenza lo msebenzi. Yisona isisusa sesixakaxaka ngoba uThiza owayenikwe lo msebenzi kuboshwa ifindo emndenini wakwaNgema nakwaNhlapho washaya udaka. Lokhu okwenza isimo senhlalo sibe sibi ngoba uThiza wayeyifuna la imali yakhe ingaconzuliwe. Amaphoyisa akhuthaza ukugwazelwa okuveza ubuthakathaka obungakhuthazwa esikhathini samanje. Kunendawo epholile ngasedamini ethandwa izithandani ebiyelwe futhi ephephile.




–Nossy

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 37 ...AYAQHUBEKA.

# AMANYALA ENYOKA ayaqhubeka...


## Isu lokujeqeza emuva nelokubikezela:

- **Amanothi:** Ngokujeqeza emuva kuqondwe isu elisetheniswa ngumbhali noma umlandi lapho esethulela khona isigameko esenzeka esikhathini esedlule ngenhloso yokuba sikwazi ukuqondisisa kahle isigameko sangaleso sikhathi.
  - Sithola ukukhula kukaPat kusukela esemncane edlala nomfana endaweni, aze athole uMthunzi okunguyise kaLindokuhle okuyiyona yodwa ingane yakhe.
  - Sithole nokufika kukaSindi eThekwini esuka eGoli eSoweto ezele ukuzofunda, wafika ethandana noTebogo owathola enye intombi wamshiya yena waze wathatha isinqumo sokuba nobudlelwano nabantu bobulili bakhe noma bobulili obufanayo.
  - Umshado kaPat noSindi owawulungiswa uThiza owenza umsebenzi ongabagculisanga neze ababebopha ifindo likasofa silahlane. Okuyilapho uPat athatha khona isinqumo sokungamukhokheli uThiza lona.

- **Amanothi:** Ukubikezela kona-ke kusho ukwethulwa kwesigameko noma kwemininingwane ephathelene nokusazokwenzeka ngaphambili ngenhloso yokuheha nokuvusa ilukuluku lokufunda indaba.

- **Amanothi: Isixakaxaka:** Izigameko ziyakhula-ke ngenxa yabalingiswa ababambe iqhaza ngokwahlukahlukana endabeni, nomlingiswa omkhulu engazibekile phansi, kubhebhetheke udweshu, kusuke uthuli, lukhule luze lufike esicongweni, lapho inkinga yomlingiswa ingasaqondakali izoxazululeka kanjani. Imibuzo isuke isiminingi kakhulu, iphithene ekhanda lomfundi, nelukuluku lokufunda incwadi selikhule ngenye indlela. Lelo banga-ke libizwa ngokuthi isixakaxaka. Ngalesi sikhathi-ke indaba isuke isiphikelele kuvuthondaba.

## Isibonelo sesixakaxaka:



Indaba yokukhokhelwa kukaThiza imali yakhe iyashabalala okombethe ubona langa. Kutheleka abakwasidlodlo ngendlovu yangena bephazamasi uthando olunemifantu.

Yibo laba bembeka necala lokulumisa umlisa mumbe ngegovu lakhe lenja selimbandakanywa nalo leli lesikweleti.

Usethunyelelwa ngamaphoyisa nje uyena uPat oziholele amanzi ngomsele ngokungathandabuzi ngokuthi akasoze yena azihluphe ngokukhokhela umuntu oenza umsebenzi ongagculisi.

Indaba yokukhokhelwa kukaThiza imali yakhe iyashabalala okombethe ubona ilanga. Kutheleka abakwasidlodlo ngendlovu yangena bephazamasi uthando olunemifantu. Yibo laba bembeka necala lokulumisa umlisa mumbe ngegovu lakhe lenja selimbandakanywa nalo leli lesikweleti. Usethunyelelwa ngamaphoyisa nje uyena uPat oziholele amanzi ngomsele ngokungathandabuzi ngokuthi akasoze yena azihluphe ngokukhokhela umuntu owenza umsebenzi ongagculisi.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 38. AYAQHUBEKA...

# AMANYALA ENYOKA ayaqhubeka...

**Amanothi: Uvuthondaba:** Kulapho kuqqabuka khona igoda, kuphenduleka imibuzo ekade ixakanise ekhandalomfundi mayelana nomzila ozothathwa yinkinga yomlingiswa omkhulu. Kungenzeka ixazululeke kumbe ingaxazululeki inkinga yomlingiswa omkhulu. Okubaluleklie kakhulu, ukuphenduleka kwemibuzo kumfundi mayelana nenkinga yomlingiswa kuleli zinga lendaba. Lapho indaba isuke isiphezulu esicongweni sezehlakalo, kungasekho ukuba iqhubeke.



- Ukutheleka kukaPat kwakhe kwaNhlapho uSindi engazi nanyanka esazithokozisa ngothando nesithandwa sakhe uTebza. USindi bangaphakathi ngelikhulu iqholo lokuthi uKaputeni uzobathinta uma sebembuyisa uPat. Ngokwabo zimbiwe insele!

**Amanothi Isiphetho:** Leli banga kuba kuhle uma livela kulona ngqo uvuthondaba, kusale imibuzwana ethile kumfundi mayelana nokuzoqhubeka kwenzeke. Isiphetho siba sihle futhi uma sizokuba nengwijikhwebu kuthi besilindele ukuba indaba iphethe ngendlela ethile kuvele kuthi gwiqiqi, ithathe omunye umzila.



- Le noveli iphela kancane kancane. Uthando lukaPat noSindi oluhlaselwe izinkinga zisuka nje ngokutheleka kwensizwa yaseGoli uTebza aluphindanga lwasimama. USindi usefihla amanyala awenzayo ngokuqhuba ngasese uthando lwakhe ngokunamathela odabeni lokushaya ucingo kukaMthunzi efuna uPat. Kuyingwijikhwebu ukuthola uTebza, uye lo ohlela ukuboshwa kukaPat ukuze azithokozise ngothando nengoduso yakhe. UPat nganxanye uzithola esothandweni olusha amashushu noTT.

**Amanothi: Ipholavuthondaba (ibohlololo):** Lokhu kusho ukuthemeleza kombhali ngemuva kwesiphetho sendaba, esenikeza imininingwane ethile mayelana nokwasale kwenzeka umlingiswa omkhulu. Lokhu-ke kuyayidambisa indaba, ingabe isaba mnandi.




- USindi uyeqa kwakhe kwaNdongazibomvu uphikelela kwaNdongaziyaduma, eGoli nesithandwa sakhe uTebza. UPat uzithola exakwa impilo okumholela ekudayiseni umuzi wakhe onefenisha ebatshazwayo aphikelele kwelakubo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 39 AYAQHUBEKA….

# AMANYALA ENYOKA ayaqhubeka…

## ISAKHIWO SENOVELI:

- **Amanothi:** Lokhu kusho ukuhleleka kwezigameko ngendlela enokuxhumana ngokwembangela nomphumela kusukela esingenisweni kuze kuyofika esiphethweni sendaba.

* **Ngakho-ke isakhiwo senoveli sinamabanga amathathu alandelayo:**

**Isingeniso:** Lapha sethulelwa umlingiswa omkhulu nenkinga abhekene nayo kanye nabanye abalingiswa abaqavile ababambe amaqhaza ahlukahlukene. Isizinda sendaba kumele sicace naso kulo leli banga.

**Isibonelo:** UPat ubiza uThiza ngeqola uma ebasela isikweletu sakhe. Umkhombisa ngokusobala okwenza yembuzi ukuthi akasoze akhokha mali yena. Umtshela ngokungangabazi ukuthi akukho mali wayinuka la. Loku uPat akusho ngeqholo ngoba uThiza washaya udaka wamosha umshado wabo nesithandwa sakhe uSindi bebopha ifindo likasofa silahlane. Ucabanga kaningi uze ucabanga nokuthinta amaphoyisa. Udinwa uthelwa ngamanzi efunga egomela ukuthi akukho mali yakwaNhlapho ezayo kwaThusi. USindi olekelela ekupholiseni isithandwa sakhe okungakapheli nonyaka beshadile.

**Umzimba:** Lapha-ke umlingiswa omkhulu simthola ewa evuka nokuxazulula inkinga yakhe. Kwethuleka nabalingiswa abanye abaqavile nabangaqavile, bebambe iqhaza ngezindlela ezahlukahlukene. Kukhona abeseka umlingiswa omkhulu ekuxazululeni inkinga yakhe nalabo futhi abaphikisana naye, abambangisayo, abemi endleleni yesixazululo senkinga yakhe ngakolunye uhlangothi. Udweshu olusuke esingenisweni luyabhebhetheka ngeshbathi abalingiswa bekhluluma bephendulana. Ngaleyo ndlela-ke kudaleka uhide lwezigameko ezinokuxhumana, lapho uthola esandulelayo siyimbangela yesilandelayo, kanjalo futhi esilandelayo siba ngumphumela wesandulelayo. Umbhali uye asebenzise amasu afana nalana alandelayo ukugcina ilukuluku liphezulu kumfundi ngeshbathi efunda indaba:

- Ukwelula isikhathi (suspense)
- Ukushiya umfundi ebambe ongezansi (maxaka)
- Ukwethula imfihlo (imfihlakalo)
- Ukubuyisela emuva (Flashback)

**Isiphetho:** Lapha inkinga seyixazululiwe. Udweshu sebehlile, okungukuthi konke sekucacile futhi kugoqwa izintambo sonke ezivele kule ndaba kusukela esingenisweni kuze kuphele. Kukhona [illegible] noma u[illegible]shiya nembhali ekugcineni.

## ISAKHIWANA

- **Amanothi:** Lokhu kusho isigameko esakha indatshana eba nesakhiwana esincane esiba ngumxhantela wesakhiwo esikhulu sendaba.

* Inhloso yesakhiwana ukunikeza imininingwane ethile ngomlingiswa othile endabeni nokubambezela ukukhula ngokushesha kwesakhiwo sendaba ukuze ingasheshi iphele.
* Isakhiwana siba nomlingiswa omkhulu othile nesigameko esakhelwe phezu kwaso kanye nala mabanga atholakala esakhiweni esiikhulu: isingeniso, umzimba nesiphetho.

**Isingeniso** (sethula isigameko) → **Umzimba** (uthuthukisa isigameko) → **Isiphetho** (sixazulula isigameko)

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 40. AYAQHUBEKA…

# AMANYALA ENYOKA ayaqhubeka…


## Isu lokujeqeza emuva nelokubikezela:

- **Amanothi:** Ngokujeqeza emuva kuqondwe isu elisethenisiwa ngumbhali noma umlandi lapho esethulela khona isigameko esenzeka esikhathini esedlule ngenhloso yokuba sikwazi ukuqondisisa kahle isigameko sangaleso sikhathi.
  - Sithola ukukhula kukaPat kusukela esemncane edlala nomfana endaweni, aze athole uMthunzi okunguyise kaLindokuhle okuyiyona yodwa ingane yakhe.
  - Sithole nokufika kukaSindi eThekwini esuka eGoli eSoweto ezele ukuzofunda, wafika ethandana noTebogo owathola enye intombi wamshiya yena waze wathatha isinqumo sokuba nobudlelwano nabantu bobulili bakhe noma bobulili obufanayo.
  - Umshado kaPat noSindi owawulungiswa uThiza owenza umsebenzi ongabagculisanga neze ababebopha ifindo likasofa silahlane. Okuyilapho uPat athatha khona isinqumo sokungamukhokheli uThiza lona.

- **Amanothi:** Ukubikezela kona-ke kusho ukwethulwa kwesigameko noma kwemininingwane ephathelene nokusazokwenzeka ngaphambili ngenhloso yokuheha nokuvusa ilukuluku lokufunda indaba.

- **Amanothi: Isixakaxaka:** Izigameko ziyakhula-ke ngenxa yabalingiswa ababambe iqhaza ngokwahlukahlukana endabeni, nomlingiswa omkhulu engazibekile phansi, kubhebohetheke udweshu, kusuke uthuli, lukhule luze lufike esicongweni, lapho inkinga yomlingiswa ingasoqondakali izoxazululeka kanjani. Imibuzo isuke isiminingi kakhulu, iphithene ekhanda lomfundi, nelukuluku lokufunda incwadi selikhule ngenye indlela. Lelo banga-ke libizwa ngokuthi isixakaxaka. Ngalesi sikhathi-ke indaba isuke isiphikelele kuvuthondaba.

- **Uvuthondaba:** Indaba yokukhokhelwa kukaThiza imali yakhe iyashabalala okombethe ubona ilanga. Kutheleka abakwasidlodlo ngendlovu yangena bephazamasi uthando olunemifantu.



Yibo laba bembeka necala lokulumisa umlisa mumbe ngegovu lakhe lenja selimbandakanywa nalo leli lesikweleti.

Usethunyelelwa ngamaphoyisa nje uyena uPat oziholele amanzi ngomsele ngokungathandabuzi ngokuthi akasoze yena azihluphe ngokukhokhela umuntu oenza umsebenzi ongagculisi.

Indaba yokukhokhelwa kukaThiza imali yakhe iyashabalala okombethe ubona ilanga. Kutheleka abakwasidlodlo ngendlovu yangena bephazamasi uthando olunemifantu. Yibo laba bembeka necala lokulumisa umlisa mumbe ngegovu lakhe lenja selimbandakanywa nalo leli lesikweleti. Usethunyelelwa ngamaphoyisa nje uyena uPat oziholele amanzi ngomsele ngokungathandabuzi ngokuthi akasoze yena azihluphe ngokukhokhela umuntu owenza umsebenzi ongagculisi.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 41 AYAQHUBEKA….

# AMANYALA ENYOKA-INOVELI

## 1. UMYALEZO NENDIKIMBA

- **Amanothi:** Umyalezo yilokho umbhali ahlose ukukwedlulisela kubafundi noma emphakathini ngombhalo wakhe. Kungaba ukuqwashisa, ukukhuthaza, ukuvula amehlo kubantu ngesimo esithile nokunye. Lokhu kuvama ukwethulwa ngomusho ophelele.
- **Umyalezo wale noveli kungaba okunye kwalokhu:**
  Le noveli isethulela umyalezo othi amanzi ayema lapho ake ama khona. UPat uphendulwa uTebza umuntu ogwaza kwasa emaphoyiseni ngoba nje embona eyisiphazamiso phakathi kothando lwakhe noSindi. Inoveli iphetha ngoTebza noSindi bejabulele amalungiselelo omshado wabo.
- **Amanothi:** Indikimba yona-ke ngumqondo jikelele noma yilokhoindaba ekhuluma ngakho ngegama elilodwa kumbe ngebinzana nje lamagama.

* **Indikimba yale noveli:** UTHANDO. Indaba iphathelene ngothando phakathi kukaPat noSindi.

- **Amanothi: UDWESHU:**

* Lokhu kusho ukungqubuzana kwemibono phakathi kwabalingiswa ababili noma ngephezulu kumbe imicabango eyahlukda[illegible]tene engenzeka kumlingiswa oyedwa edinga ukuba athathe isinqumo esithile.

* **Ngakho-ke sinezinhlobo ezimbili zodweshu okuyilezi:**

**Udweshu lwangaphakathi:** Imicabango yomlingiswa ejulile ngenkinga noma ngesimo esithile okudingeka agcine ethathe isinqumo esithile ngaso.

- uPat ezibuza eziphendula ukuthi uzomenzenjani uThiza lona othi ufuna imali yakhe futhi usendleleni eza lapha emzini kaPat. Ucabanga ukuthinta igenge yakhe naye noma amaphoyisa.
- UPat uyazibuza uyaziphendula ngemoto emhlophe efikeyama ngasesangweni lasemzini wakhe enomshayeli kuphela. Uyazibuza ukuthi ngabe uThiza yini lowo noma eminye yemigulukudu yakhe.
- USindi ucabanga ukuthi engabe kwenzekeni kuPat njengoba engalubambi ucingo futhi akabuyile ekhaya sekuhlwile. Wethuswa ngongqongqoza efasiteleni ebusuku kodwa umuzwa sengathi ukhulumisa okukaPat. USindi uthatha uyabeka ukuthi uzokwenzenjani ngoba uPat eseboshiwe.
- USindi ulala engalele ecabanga ngokusanda kwenzeka kuye noTebza nanokuthi uyinhloboni yomuntu ngoba engasazi ukuthi uthandani futhi ufunani njengoba esezwa inhlansana yothando lukaTebza.

**Udweshu lwangaphandle:** Ukushayisana noma ukuphikisana kwemibono okubandakanya abalingiswa ababili noma ngaphezulu.

**Udweshu lwangaphandle:**

- UPat ubuza uSindi mayelana noTebogo lo osefike wambiza ngesithandwa sakhe.
- USindi ubuza uPat ukuthi ulibulalelani ibhodlela endlini nokuthi ubephuza kuphi ngoba efike eqhuba imbuzi ebusuku.
- USindi utshela uTebza ukuthi uPat ubemshaya, uyambiza ngoba vele noPat ulele obudala ubuthongo ebusuku.
- UPat ukhuluma noThula mayelana nendlela abangenza ngayo ukuthi angayi ejele. USindi utshela uPat ngocingo aluthole emini luvela kuMthunzi othi banengane naye uPat futhi yisithandwa sakhe esivutcha emakhaleni.

## UKUFINGQA UMYALEZO NENDIKIMBA:

**Umyalezo wale noveli:** amanzi ayema lapho ake ama khona. Inoveli ikhombisa ukuthi izenzo zethu zinen consequences futhi uthando oluqotho luyakwazi ukunqoba izinselele.

**Indikimba:** UTHANDO – indaba iphathelene ngothando phakathi kukaPat noSindi.

## NB:

Udweshu (lwaphaakathi nangaphandle) yilo elighuba indaba futhi liveza ubuntu babalingiswa.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 42…AYAQHUBEKA…

# AMANYALA ENYOKA ayaqhubeka...



### Amanothi: Uvuthondaba:

Kulapho kugqabuka khona igoda, kuphenduleka imibuzo ekade ixakanise ekhanda lomfundi mayelana nomzila ozothathwa yinkinga yomlingiswa omkhulu. Kungenzeka ixazululeke kumbe ingaxazululeki inkinga yomlingiswa omkhulu. Okubaluleklie kakhulu, ukuphenduleka kemibuzo kumfundi mayelana nenkinga yomlingiswa kuleli zinga lendaba. Lapho indaba isuke isiphezulu esicongweni sezehlakalo, kungasekho ukuba iqhubeke.



- Ukutheleka kukaPat kwakhe kwaNhlapho uSindi engazi nanyanka esazithokozisa ngothando nesithandwa sakhe uTebza. USindi bangaphakathi ngelikhulu iqholo lokuthi uKaputeni uzobathinta uma sebembuyisa uPat. Ngokwabo zimbiwe insele!



### Amanothi Isiphetho:

Leli banga kuba kuhle uma livela kulona ngqo uvuthondaba, kusale imibuzwana ethile kumfundi mayelana nokuzoqhubeka kwenzeke. Isiphetho siba sihle futhi uma sizokuba nengwijikhwebu kuthi besilindele ukuba indaba iphethe ngendlela ethile kuvele kuthi gwiqiqi, ithathe omunye umzila.



- Le noveli iphela kancane kancane. Uthando lukaPat noSindi oluhlaselwe izinkinga zisuka nje ngokutheleka kwensizwa yaseGoli uTebza aluphindanga lwasimama. USindi usefihla amanyala awenzayo ngokuqhubıa ngasese uthando lwakhe ngokunamathela odabeni lokushaya ucingo kukaMthunzi efuna uPat. Kuyingwijikhwebu ukuthola uTebza, uye lo ohlela ukuboshwa kukaPat ukuze azithokozise ngothando nengoduso yakhe. UPat nganxanye uzithola esothandweni olusha amashushu noTT.



### Amanothi: Ipholavuthondaba (ibohlololo):

Lokhu kusho ukuthemeleza kombhali ngemuva kwesiphetho sendaba, esenikeza imininingwane ethile mayelana nokwasale kwenzeka umlingiswa omkhulu. Lokhu-ke kuyayidambisa indaba, ingabe isaba mnandi.



- USindi uyeqa kwakhe kwaNdongazibomvu uphikelela kwaNdongaziyaduma, eGoli nesithandwa sakhe uTebza. UPat uzithola exakwa impilo okumholela ekudayiseni umuzi wakhe onefenisha ebatshazwayo aphikelele kwelakubo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 43 UMDALO KUSA KUSA

# UMDLALO/ IDRAMA: KUSA KUSA

UMBHALI : SIBANGANE P. NHLEKO

## A. IZIGAMEKO/ IZEHLAKALO

1. UZenzile wethusana noVusi ngoba uVusi engawutholi umsebenzi.
2. OSebenzile noFakazile baheha uZenzile ngezinto abazenzelwa ngamasoka abo asebenzayo aze uZenzile abone ukuthi kufanele amale uVusi.
3. Uyadilizwa uBonga bese uSebenzile emala eqomana noSipho.
4. UZenzile wala uVusi bese uSebenzile emfunela isoka elisha uMxolisi.
5. Egaraji uVusi akaqashwa, kuqashwa abanye abantu.
6. UMxolisi akamthandisisi uZenzile ngoba ulithatha.
7. UMthiyane utholela uVusi itoho lokupenda umuzi wakhe.
8. UShabalala utholela uVusi umsebenzi wokusebenza epulazini kodwa uVusi uma efika kwaShabalala, uthola ukuthi unkosikazi kaShabalala useqashe omunye umuntu.
9. Ngesikhathi bezikhipha oZenzile noSebenzile namasoka abo amasha, imoto iyaginqika bese belimala kabi.
10. UMxolisi noSipho bayaboshwa ngoba bantshotsha imali enkampanini ababesebenza kuyo.
11. UZenzile ugcina esehamba ngesitulo samasonto ngoba engasakwazi ukuzihambela.
12. USebenzile ugcina esenqunywe ingalo.
13. UVusi nonoMcebo bagcina bethole umsebenzi wokuba ngabahlengikazi esibhedlela.
14. UZenzile noSebenzile baphindela kubo emakhaya.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 44 KUSA KUSA.

# IMIBHALO YOBUCIKO

UMDLALO/ IDRAMA: KUSA KUSA UMBHALI : SIBANGANE P. NHLEKO

## B. IZIMPAWU ZEMIBHALO YOBUCIKO: UMDLALO

### UMYALEZO NENDIKIMBA

**Amanothi:** Umyalezo/ isifundo: Yini umbhali ahlose ukuyedlulisela emphakathini njengesifundo sale ndaba?

**Umyalezo walo mdlalo:**
Kungaba okunye kwalokhu: Ukubekezela kunemiphumela emihle./
Uthando olusekelwe emalini aluphumeleli./ Ukungabi bikho kwemisebenzi esikhathini samanje kudala izinkinga emiphakathini/ Akukho qili lazikhotha emhlane. njl

- UVusi ngisho engawutholi umsebenzi kodwa uyabekezela, uzitshela ukuthi ngolunye usuku uyogcina ewutholile bese naye ephila kahle njengabo bonke abantu abasebenzayo.
- Waliwa intombi yakhe uZenzile ngoba ethi yena ngeke akumele ukuqomana nomahlalela ongakaze amthengele lutho njengesithandwa sakhe.
- Uyakhiya emqashweni wabo uZenzile qede akamshiyeli uVusi ukhiye.
- Uma uVusi eya egaraji lapho eyalelwe nguNoncebo ukuthi kufanele abantu abazosebenza khona, akaqashwa kodwa kuqashwa uSifiso Cedrik Msimango, uMaxwell Senzo Xaba kanye noSiphamndla Ntshangase yize bekutonyulwa amapasi abedkaiyelwe ndawonye. UVusi akapheli mandla uyaqhubeka nokufesa ngoba uyakholelwa ukuthi kusa kusa, okwenzeka namhlanje ngeke kufane nokuzokwenzeka kusasa.
- Umninipulazi uShabalala utholela uVusi umsebenzi wokumelusela imfuyo yakhe aze amtshele ukuthi akafike kwakhe eSignall Hill ngoMsombuluko emgwaqeni unombolo - 76.
- UVusi uhlangabezana nenkinga yokuthi unkosikazi kaShabalala usemtholile umfana ozokwelusa imfuyo kube ukuphunyuka kweqatha emlonyeni kuVusi.
- Ugcine esenikezwe itoho lokupenda uMnu. Mthiyane oyinduna yasegalaji ohlala emgwaqeni u-Edison kwanombolo -37. Akapheli mandla uVusi udamane ethungatha umsebenzi, elalela kumsakazo nakwabanye abantu ngoba uthi akukapheli engakasho uNkulunkeku ukuthi kuphelile ngaye.
- Ekugcineni izifiso zikaVusi ziyaphenduleka ngoba uyothola umsebenzi wokuba ngumhlengikazi okuyinto vele ayeyifuna.
- UVusi usezosebenza noNomcebo njengoba beqashe bobabili ukuba babe ngabahlengikazi esibhedlela. Nasempilweni bebevele beduduzana ngokubekezela besho nokusho ukuthi ngolunye usuku impilo yabo iyoshintsha.



**Qaphela:** Ungaphinde ubheke uthando olusekelwe emalini nemiphumela yalo. Ungabheka yena uZenzile ukuthi ekushiyeni kwakhe uVusi ngoba engawutholi umsebenzi wazuzani empilweni, imali ayeyijahile kubantu besilisa yamsiza ngani? Ukuhehwa ngabangani abangenasimilo njengoSebenzile noFakazile kwaba namthelela mansi empilweni yakhe jikelele? Ukuba wayenamathele kuVusi ngisho engasebenzi, wayelalele iziyalo zikaNomcebo ngokuthi angabi uthathekile ngabe impilo yakhe yaqhubeka kanjani? Uthini ngoFakazile unozindaba?

Nokunye okuhambisana nendaba okungashiwo abafundi njengomyalezo walo mdlalo bese beyakwesekela.



Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 45 KUSA KUSA.

# IMIBHALO YOBUCIKO

**UMDLALO/ IDRAMA: KUSA KUSA** ♥ **UMBHALI : SIBANGANE P. NHLEKO**

**Amanothi: Indikimba yomdlalo:** Ikhuluma ngani indaba ngegama elilodwa noma ngebinzana?

**Indikimba yalo mdlalo: Ukuntuleka kwemisebenzi.**

- Zonke izigameko zale ndaba zithinta ukungabi bikho kwemisebenzi okugcina sekudale ingxabano phakthi kukaVusi noZenzile intombi yakhe.


## ABALINGISWA

**Amanothi:** abalingiswa abantu ababambe iqhaza elikhulu emdlalweni

Naba abadlali neqhaza abalibambile kulo mdlalo:

- **uVusi:** Isoka likaZenzile elinenkinga yokungawutholi umsebenzi.
- **uZenzile:** intombi kaVusi.
- **uSebenzile:** Intombi kaBonga ehlala emqashweni
- **uNomcebo**: Intombi ehlala emqashweni enesimilo
- **uSiphamandla:** Insizwa efesa noVusi.
- **uSenzo:** Insizwa efesa noVusi
- **uSifiso** : Insizwa efesa noVusi
- **UShabalala:** Umnumzane wepulazi.
- **MaKhuzwayo:** Inkosikazi kaShabalala.
- **uBonga**: Isoka LikaSebenzile lokuqala elaphelelwa umsebenzi wase eyahlukana nalo uSebenzile.
- **uSipho**: Isoka likaSebenzile elisha.
- **uMxolisi:** isoka likaZenzile elisha
- **uMaNgobese:** Unina kaMxolisi.
- **insizwa:** Isebenza enkampanini kagesi.Wayesebenza esibhedlela okwakulaliswe kuso umfundisi.
- **umasitende**: Umnikazi womuzi ongumqasho
- **induna**: Eyasegalaji likaphethiloli.

## IZINHLOBO ZABALINGISWA




**Amanothi:** Izinhlobo zabalingiswa nokwethuleka kwabo:



**UMMELELI: uVusi**

- Indaba yonke yakhelwe phezu kwakhe.
- Nguyena obhekene nenkinga yokuzama ukuthola umsebenzi kodwa kuthi noma esefikile lapho kuqashwa khona angaqashwa.
- Zonke izigameko zendaba zithinta yena.



**UMBANGI: Isimo sokungabi bikho komeebenzi**

- Ukungabi bikho komsebenzi yikhona okudalela uVusi izinkinga eziningi kusukela ebudlelwaneni bakhe noZenzile.
- Kuvimbezela amaphupho akhe okuthi naye uma esethole umsebenzi uyojabulisa isithandwa sakhe njengawo wonke amanye amasoka futhi aze enze ngokwedlulele kunawo.
- Lesi simo sokuntuleka komsebenzi simi endleleni kaVusi.



**UMQHATHI: uSebenzile**

- uSebenzile: Ugcizelela ukuthi uZenzile akamale uVusi ngoba akasebenzi.
- Umxoxela ngempilo emnandi yakhe nezinto azenzelwa isoka lakhe lokho okugcina sekuwudunge kwawuqeda umqondo kaZenzile.
- Ngakho-ke nguyena oqhatha uVusi noZenzile baze bagcine sebehlukene.



**UMLAMULI: uNomcebo**

- Nguyena othela amanzi lapho izintombi zasemqashweni zikhuluma ngamasoka azo.
- Utshela uZenzile ukuthi uVusi uyamthanda ngenhliziyo yakhe yonke.
- Utshela uVusi ngezikhala zomsebenzi egaraji ngoba efuna uVusi afeze amaphupho akhe ngempin, njl.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 47 KUSA KUSA.

# IMIBHALO YOBUCIKO

## B. IZIMPAWU ZEMIBHALO YOBUCIKO: UMDLALO

### UMYALEZO NENDIKIMBA

**Amanothi:** Umyalezo/ isifundo: Yini umbhali ahlose ukuyedlulisela emphakathini njengesifundo sale ndaba?

**Umyalezo walo mdlalo:**
Kungaba okunye kwalokhu: Ukubekezela kunemiphumela emihle./
Uthando olusekelwe emalini aluphumeleli./ Ukungabi bikho kwemisebenzi esikhathini samanje kudala izinkinga emiphakathini/ Akukho qili lazikhotha emhlane. njl

- UVusi ngisho engawutholi umsebenzi kodwa uyabekezela, uzitshela ukuthi ngolunye usuku uyogcina ewutholile bese naye ephila kahle njengabo bonke abantu abasebenzayo.
- Waliwa intombi yakhe uZenzile ngoba ethi yena ngeke akumele ukuqomana nomahlalela ongakaze amthengele lutho njengesithandwa sakhe.
- Uyakhiya emqashweni wabo uZenzile qede akamshiyeli uVusi ukhiye.
- Uma uVusi eya egaraji lapho eyalelwe nguNoncebo ukuthi kufanele abantu abazosebenza khona, akaqashwa kodwa kuqashwa uSifiso Cedrik Msimango, uMaxwell Senzo Xaba kanye noSiphamndla Ntshangase yize bekutonyulwa amapasi abedidiyelwe ndawonye. UVusi akapheli mandla uyaqhubeka nokufesa ngoba uyakholelwa ukuthi kusa kusa, okwenzeka namhlanje ngeke kufane nokuzokwenzeka kusasa.
- Umninipulazi uShabalala utholela uVusi umsebenzi wokumelusela imfuyo yakhe aze amtshele ukuthi akafike kwakhe eSignall Hill ngoMsombuluko emgwaqeni unombolo - 76.
- UVusi uhlangabezana nenkinga yokuthi unkosikazi kaShabalala usemtholile umfana ozokwelusa imfuyo kube ukuphunyuka kweqatha emlonyeni kuVusi.
- Ugcine esenikezwe itoho lokupenda uMnu. Mthiyane oyinduna yasegalaji ohlala emgwaqeni u-Edison kwanombolo -37. Akapheli mandla uVusi udamane ethungatha umsebenzi, elalela kumsakazo nakwabanye abantu ngoba uthi akukapheli engakasho uNkulunkuku ukuthi kuphelile ngaye.

8. Ekugcineni izifiso zikaVusi ziyaphenduleka ngoba uyothola umsebenzi wokuba ngumhlengikazi okuyinto vele ayeyifuna.
9. UVusi usezosebenza noNomcebo njengoba beqashe bobabili ukuba babe ngabahlengikazi esibhedlela. Nasempilweni bebevele beduduzana ngokubekezela besho nokusho ukuthi ngolunye usuku impilo yabo iyoshintsha.

**Qaphela:** Ungaphinde ubheke uthando olusekelwe emalini nemiphumela yalo. Ungabheka yena uZenzile ukuthi ekushiyeni kwakhe uVusi ngoba engawutholi umsebenzi wazuzani empilweni, imali ayeyjjahile kubantu besilisa yamsiza ngani? Ukuhehwa ngabangani abangenasimilo njengoSebenzile noFakazile kwaba namthelela muni empilweni yakhe jikelele? Ukuba wayenamathele kuVusi ngisho engasebenzi, wayelalele iziyalo zikaNomcebo ngokuthi angabi uthathekile ngabe impilo yakhe yaqhubeka kanjani? Uthini ngoFakazile unozindaba?
Nokunye okuhambisana nendaba okungashiwo abafundi njengomyalezo walo mdlalo bese beyakwesekela.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 48 KUSA KUSA

# IMIBHALO YOBUCIKO

UMDLALO/ IDRAMA: KUSA KUSA | UMBHALI : SIBANGANE P. NHLEKO

## ISAKHIWO SOMDLALO

**Amanothi:** Lokhu kubandakanya isethulo, ukubhebhetheka kodweshu, isixakaxaka, uvuthondaba kanye nesiphetho. Kwesinye isibhathi kungaba khona nepholavuthondaba.

## OKWENZEKA ENKUNDLENI YOKUDLALELA;

**Amanothi:** Lokhu kusho imiyalelo mayelana nesimo senkundla esihlelwa ngasekuqaleni ngamagama akubakaki andulela isigcawu ngasinye somdlalo ngenhloso yokwethula abadlali nesimo sendawo abatholakala kuyo kanye nezinto ezitholakala khona.

**Amanothi:** Imiyalelo yokwenzeka enkundleni yokudlalela kulo mdlalo:

- Siyayithola ngasekuqaleni kwezigcawu zonke zomdlalo.
- Sethulelwa abadlali abatholakala kuleso sigcawu, abaxoxa ngakho kanye nesimo sonke sendawo abatholakala kuyo kubandakanya nezimpahla kumbe izinto ezitholakala khona. Isib. ikhasi 1. uZenzile: (Ngokucasuka)… Imiyalelo lapha iveza isimo sokucasuka kukaZenzile.

## ISIGAMEKO ESIFIHLELWE UMLINGISWA OTHILE:

**Amanothi;** Lokhu kusho izigameko ezithile ezifihlekayo kumlingiswa othile ikakhulukazi ummeleli ngenhloso yokuba indaba iqhubeke, kudaleke uchungechunge lwezigameko ezizokhulisa indaba.

- Lokhu kuvama ukuba kube isigameko esingumgogodla wendaba esiyingxenye yenkinga yomlingiswa omkhulu (ummeleli) okungathi uma sambuleka kuye, indaba iphazamiseke kumbe ivele iphele nya.

**Izibonelo zezigameko ezifihlelwe abalingiswa kulo mdlalo:**

- Isigameko sokungabi bikho komsebenzi. Uma uVusi engase awuthole umsebenzi ekuqaleni nje kwalo mdlalo, umdlalo ungavele uphele.

**Qaphela: Ungabheka nezinye uma zikhona**

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 49 KUSA KUSA

# IMIBHALO YOBUCIKO

UMDLALO/ IDRAMA: KUSA KUSA | UMBHALI : SIBANGANE P. NHLEKO

## ISAKHIWO SOMDLALO

Amanothi: Lokhu kubandakanya isizinda, ukubhebhetheka kodweshu, isixakaxaka, uvuthondaba kanye nesiphetho.
Kwesinye isibhathi kungaba khona nepholavuthondaba.

## ISIZINDA:

Amanothi: Isizinda indawo jikelele, isikhathi kanye nesimo senhlalo.

**Indawo:** Indaba yenzeka endaweni yasedolobheni.

- Kusemqashweni edolobheni laseNyukhasela lapho kuqashe khona izintokazi.
- Sithola uVusi ecambalele embhedeni lapho kuqashe khona intombi yakhe uZenzile.
- Izintombi zihlangene ebusuku khona emqashweni zixoxa ngezikwenzelwa ngamasoka azo.
- UZenzile uhlezi kuvulandi womqasho wakhe bese evakashelwa uVusi.

QAPHELA: Ungazitholela nokunye okuhambiselana nalokhu esikusho ngenhla.

**Isikhathi:** Esanamuhla/ esamanje.

- Sithola izimoto isib, imoto eyaginqika eyayihamba uSipho noMxolisi, imiqasho njengoba uZenzile, uNomcebo namanye amantombazane ayehlala emqashweni eNyukhasela, amagaraji kaphethiloli njengoMnumzane Mthiyane owayeyinduna kulona nalapho uSenzo axoshwa khona ngoba ekhwabanisa imali kaphethiloli kulabo ayebathelela uphethiloli.
- Ubugebengu ngoba uSipho noMxolisi kuyavela ukuthi babeyizigebengu bantshontsha imali enkampani ababesebenza kuyona, amantombazane aqoma abantu besilisa ngoba benemali isib. Nakhu nje uVusi waliwa nguZenzile ngoba engenamali futhi engasebenzi, uSebenzile wala uBonga ngoba ediliziwe emsebenzini bese ngosuku eqoma uSipho, amantombazane ashiya amakhaya aya kosebenza njengoba sibona oZenzile, uSebenzile, uFakazile noNomcebo bashiya amakhaya abo baya kofuna imali emadolobheni ezinsizweni ezinemali.
- Lo mdlalo wenzeka esikhathi samanje lapho imisebenzi ingekho. Siyambona uVusi ewa evuka efuna umsebenzi kodwa lutho ukuwuthola.
- Okunye okufakazela ukuthi yisikhathi samanje, kukhona nezingcingo zokuxhumana kalula nabanye abantu. USebenzile uzama ukuthinta uMxolisi noSipho ngocingo kodwa akabatholi aze agcine esekhuluma nonina kaMxolisi uMaNgobese ngalo ucingo ebuzisisa ngoMxolisi.
- Imigwaqo ibizwa ngamagama nezinombolo, isib. Umuzi kaMthiyane wabe usemgwaqeni u-Edison enobolo 37 kanti kwaShabalala kwabe kusemgwaqeni eSinawana enombolo - 76.
- Kukhona izibhedlela, uSebenzile noZenzile basiwa esibhedlela ngesbhathi belimele engozini yemoto wagcina esehamba ngesitulo samasondo uZenzile kanti uSebenzile yena wanqunywa ingalo. UVusi noNomcebo bagcina sebeqashwe esibhedlela ukuba babe ngabahlengikazi.

Qaphela: Lapha besithi kuningi osengaqhamuka nakho encwadi ukwesekela leli phuzu elingenhla.

**Isimo senhlalo:**

- Isimo senhlalo phakathi kukaVusi noNomcebo kanye noSiphamandla sihle. UNomcebo udamane ekhuthaza uVusi ngokubekezela aze awuthole umsebenzi. Uphinda uthela uVusi ngokugashwa kwasegalaji. USiphamandla yena ukhulumela uVusi kumlungu wakhe ayemenzela ingadi okukhombisa ukuthi uyazwelana noVusi. Kunokuphilelana phakathi kwalaba balingisiswa. UVusi ngisho esaliwa nguZenzile kodwa uyahamba uyombona emqashweni ngemuva kokulimala kwabo ekhombisa ukubazwela ekulimaleni kwabo. Lokhu kukhombisa ubuntu kuVusi kanye nenhliziyo yakhe enhle.
- Siyashintsha isimo senhlalo singabi sihle lapho sibona ukungabambisani komdeni wakwaShabala. UShabalala uqasha uVusi ngaphandle kokukhuluma nonkosikazi wakhe uMaKhuzwayo. Uma efika uVusi kwaShabalala, kutholakala ukuthiuMaKhuzwayo usemtholile umuntu ozokwelusa imfuyo waze wamqasha engamazisanga uShabalala.
- Asisihle isimo emqashweni kaZenzile ngenxa yokungasebenzi kukaVusi uZenzile useze ambize ngevila uVusi.

Qaphela: Indaba yenzeka ezindaweni ezahlukdafeiene. Akuthiwa iyagcogcoma.

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 50 KUSA KUSA

# UMSEBENZI
## WASEKILASINI / EKHAYA

**QAPHELA:** Imibuzo uma isuselwa esiqeshaneni. Kufanele ilandele amazinga obulukhuni bemibuzo. Lapha ngenhla nje besibheka ukuthi umfundi uyayazi yini incwadi. Ngakho-ke ayilandeliwe ngokugcwele inqubo yokuhlelwa kwemibuzo ngokwamazinga okuhlakanipha.

1. Lisuswe yini udweshu kulo mdlalo? (1)
2. Chaza ngesimo senhlalo somndeni wakwaShabalala. (2)
3. Ingaphandle lalo mdlalo (ikhava) ihambisana kanjani nesiphetho salo mdlalo? (3)
4. Ngabe umbhali walo mdlalo uphumelele yini ukusethulela isethulo salo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
5. Ngabe uyavumelana noma uyaphisana nalesi sitatimende: Ukuthanda imali kunemiphumela emibi. Sekela impendulo yakho ngokuthinta abalingiswa abathintekayo kulo mdlalo. (3)
6. Yikuphi okufunde kulo mdlalo ongasoze wakukhohlwa? (2)
7. UFakazile uvezwe njengomlingiswa othanda izindaba. Sekela lokhu ngakwenzile emdlalweni. (2)
8. Lukuphi uvuthondaba lalo mdlalo? Nikeza amaphuzu AMANE. (4)
9. Kungani umbhali walo mdlalo esebenzise umlingiswa onguVusi noNomcebo kulo mdlalo? (6)

Sebenzisa ulwazi oluqoqiwe ngokucophelela impendulo yakho futhi ubhale ngokucacile.

Zama konke, uzibuze kahle, impumelelo isandleni sakho!

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 51 KUSA KUSA

# UKUSA KUSA

## UKUHLOLA OKUNGAMISELWE

**QAPHELA:**
- Phendula yonke imibuzo.
- Phendula ngemisho ephelele lapho kudingeka khona.
- Sebenzisa amaphuzu lapho kucacisiwe.
- Bhala ngokucacile futhi usebenzise ulimi olulula noluqondakalayo.

1. Lisuswe yini udweshu kulo mdlalo? (1)

2. Chaza ngesimo senhlalo somndeni wakwaShabalala. (2)

3. Ingaphandle lalo mdlalo (ikhava) ihambisana kanjani nesiphetho salo mdlalo? (3)

4. Ngabe umbhali walo mdlalo uphumelele yini ukusethulela isethulo salo mdlalo? Sekela impendulo yakho ngamaphuzu AMATHATHU. (3)
   -
   -
   -

5. Ngabe uyavumelana noma uyaphisana nalesi sitatimende: Ukuthanda imali kunemiphumela emibi. Sekela impendulo yakho ngokuthinta abalingiswa abathintekayo kulo mdlalo. (3)
   -
   -
   -

6. Yikuphi okufunde kulo mdlalo ongasoze wakukhohlwa? (2)

7. UFakazile uvezwe njengomlingiswa othanda izindaba. Sekela lokhu ngakwenzile emdlalweni. (2)

8. Lukuphi uvuthondaba lalo mdlalo? Nikeza amaphuzu AMANE. (4)
   -
   -
   -
   -

9. Kungani umbhali walo mdlalo esebenzise umlingiswa onguVusi noNomcebo kulo mdlalo? (6)
   -
   -
   -
   -
   -

**KHUMBULA:** Phinda ufunde imibuzo yakho ngaphambi kokuphendula. Sebenzisa isibhathi sakho kahle futhi ubhale ngokucophelela.

IMPHUMELELO ILELE EMSEBENZINI OMHLE!

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 53 AMANOTHI OMDLALO

# UMSEBENZI OWENGEZIWE

## Amanothi:

- Abadlali/ abalingiswa bayakhuluma baphendulane.
- Wakhiwe ngezinkundla bese zihlukaniswa ngezigcawu.
- Isigcawu siba nesethulo esethula indawo nabalingiswa.

## UKUHLUZWA UMDLALO/IDRAMA

| Ikhono/ Isu | Incazelo |
|---|---|
| Isihloko (Title) | Isihloko yisona esisithulela okuqukethwe yindaba.<br>Kufanele sihehe.<br>Umfundi kufanele aqonde ukuthi sisho ukuthini. |
| Isithombe esisekhaveni yenoveli. | Isithombe esisekhaveni yendaba kufanele sihambisane nokuqukethwe yindaba uma sikhona. |
| Abalingiswa (Characters) | Kunezinhlobo ezehlukene zabalingiswa: |
| Isakhiwo (Structure) | • **Isingeniso:** Sethula umlingiswa omkhulu nenkinga abhekene nayo.<br>• **Umzimba:** Sithola abanye abalingiswa nezigameko ezikhulisa indaba.<br>• **Isiphetho:** Siveza ukuthi kugcine kwenzekeni kubalingiswa noma siveze obekungalindekile. |
| Isizinda (Setting) | Siveza izinto ezintathu:<br>(iv) **Indawo;** uhlobo lwendawo indaba yenzeka khona.<br>(v) **Isikhathi;** ukuthi yenzeka nini.<br>(vi) **Isimo senhlalo;** ukuhlalisana kwabantu abasendabeni |
| Indikimba (Theme) | Uyithola uma usuyifunde yonke indaba ukuze wazi ukuthi ikhuluma ngani. |
| Isixakaxaka (Conflict) | Lapha kusuke sekuxokozela kuxabana abalingiswa noma kuphambana okwenzekayo. |
| Uvuthondaba (Climax) | Yilapho indaba isifike esicongweni/isiphezulu. |
| Ipholavuthondaba (anti- climax) | Kulapho sekubonakala ukuthi iya ngokuphetha indaba. |
| Udweshu (Conflict)/ | Luhlukene kabili:<br>(i) Olwangaphakathi. (ii) Olwangaphandle. |
| Ingwijikhwebu (Twist) | Ukwenzeka kwento engalindelekile. |
| Umyalezo/isifundo/inhloso (Write's intention/lesson) | Umbhali asuke efuna ukukuveza njengoba ebhale lolu hlobo lwenoveli. |
| Izimo zokukhuluma (Language expressions) | Ulimi olusetshenziswe umbhali; izisho, izaga, izifenqo nolimi lwesigodi. |

**QAPHELA:** Zisebenzise lezi zici lapho uhlaziya noma uphendula imibuzo yedrama. Bhala izimpendulo zakho ngokucacile nangokuphelele.

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 54 AMANOTHI EZINKONDLO

## UMSEBENZI OWENGEZIWE

## IZINKONDLO

**Amanothi:**

**Ukuhluza inkondlo.**

### 1. ISAKHIWO SANGAPHAKATHI

**(a) UMQONDO WENKONDLO**
- Kubhekwa ukuthi inkondlo ikhuluma ngani.
- Inkondlo ingaba nomqondo osobala kanye nomqondo ojulile/ocashile.
- Kwesinye isikhathi kuthiwa okushiwo yinkondlo.

**(b) UHLOBO LWENKONDLO**
Kubhekwa ukuthi inkondlo iluhlobo luni.
Isibonelo:
- Ilirikhi – ikhuluma ngemizwa yembongi kodwa engafaki ukufa.
- Isonethi – inemigqa engu-14.
- I-eleji – ikhuluma ngokufa.
- Izibongo zesimanje, njl.

**(c) INDIKIMBA/INGQIKITHI**
Lapha kubhekwa ukuthi inkondlo ikhuluma ngani.
Isibonelo: Ukufa/Inkululeko/Isomiso.

**(d) ISIFUNDO**
Yisiphi isifundo osifundile/ositholile enkondlweni oyifundile.

**(e) UMYALEZO**
Kubhekwa ukuthi yimuphi umyalezo odluliswa imbongi kubafundi benkondlo.

**(f) ISIGQI**
- Kubhekwa ukushesha nokunensa kwezwi uma kufundwa inkondlo.
- Inkondlo ingaba nesigqi esinensayo noma esisheshayo.

> **QAPHELA:**
> Isigqi singabuzwa emigqeni embalwa noma esitanzeni esisodwa kuleyo nkondlo.

**(g) ITHONI**
Kubhekwa indlela imbongi ekhuluma ngayo okuveza ukuthi iphatheke kanjani. (Lokhu kuhambisana nomoya wenkondlo)

**(h) UMOYA WENKONDLO**
Kubhekwa ukuthi imbongi ibikusiphi isimo somqondo noma ibizizwa kanjani ngesikhathi ibhala leyo nkondlo.

**(i) UMLANDI**
Kubhekwa ukuthi imbongi isuke ingubani noma iyini ngesikhathi ibhala inkondlo.

**(j) IZIFENGQO**
Kukhona izinhlobo ezehlukene zezifengqo.
Izibonelo: Isifanio, isingathekiso, ukwenzasamuntu, ukwenzasasilwane, ihaba, isifenyiso, isihlonipho njl.

**(k) IZITHOMBEMAGAMA/IMIFANEKISOMQONDO NEZINZWA**
Izithombemagama noma imifanekisomqondo itholakala enkondlweni kanti zivezwa kahle izenzaukuthi. Izithombemagama ziqukethe izinzwa (senses) eziyi-5.

### 2. ISAKHIWO SANGAPHANDLE

**(a) IZITANZA/IZIGABA/IZINDIMA**
Nakhu okubhekwayo:
- Zingaki izitanza zenkondlo?
- Mingaki imigqa eyakhe izitanza?

**(b) IMIGQA**
- Kubhekwa ukuthi imigqa mide noma mifishane.
- Imigqa ivalekile noma ivulekile.

**(c) I-ENJAMBAMENTI**
Umugqa (Imigqa) ongenalo uphawu ekugcineni (ovulekile) kuya emgqeni onophawu ekugcineni (ovalekile).

**(d) ISIZURA**
Umugqa onophawu lokubhala maphakathi nomugqa ungakafiki ekugcineni.

**(e) IMVUMELWANO**
Imvumelwano ilunga elifana nse eliphindiwe emigqeni elandelanayo.
Nazi izinhlobo: Imvumelwano siqalo, imvumelwano maphakathi, imvumelwano sigcino.

**(f) UKUXHUMANA**
Ukuxhumana igama elifanayo noma umsuka ofanayo ophindiwe emigqeni emibili elandelanayo.
Nazi izinhlobo: Ukuxhumana siqalo, ukuxhumana maphakathi, ukuxhumana sigcino, ukuxhumana okutshekile

**(g) IMPINDWA**
- Umugqa ofanayo noma ocishe ufane ophindwe KATHATHU kuye phezulu enkondlweni ENDAWENI EFANAYO.
- Iba semigqeni esendaweni efanayo.

ISBONELO: Imigqa YOKUQALA kuphela noma YOKUGCINA kuphela enkondlweni.

**(h) IMPINDAMAGAMA**
Impindamagama igama elifanayo eliphindiwe KABILI (kuya phezulu) emgqeni owodwa KUPHELA.

**(i) IMPINDAMQONDO**
Amagama angafani kodwa achaza into efanayo. Itholakala emgqeni owodwa noma emigqeni elandelanayo.

**(j) IMPIKISANAMQONDO/AMAGAMA AMQONDO OPHIKISANAYO**
Kusetshenziswa amagama angafani futhi anomqondo ophikisanayo emgqeni owodwa noma emigqeni elandelanayo.

> **QAPHELA:** Funda inkondlo izikhathi eziningi. Phinda ufunde imibuzo njengoba uphendula. Bhala izimpendulo eziphelele, usebenzise ulimi olufanele.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 55 NGINGOWELIBA

# UMSEBENZI WASEKILASINI / WASEKHAYA

**Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.**

### 3 Ngingoweliba – NL Luthuli

Umzimba wam' uhlukene nomphefumulo.
Umzimb' ubuyele kwamhlab' emhlabathini
La owadabuka khona.
Umphefumulo awusenasabelo kwamhlaba.
Umzimba kuphel' onesabelo,
Ngob' ungoweliba.

Nendodana kaSomandla
Yaba ngeyethuna.
NgoLwesithathu yalinqob' iliba,
Yavuka kwabaleleyo.
Pho mina bengingahlala kanjani
Ngingabi ngoweliba na?

Um' indodana yoMunt' ingakabuyi,
Ngiyoba ngoweliba njalo.
Ngiyazi bayokhala balile,
Bathi balahlekelwe,
Bayosho baze bafakazelane
Ngent' eyodwa,
Bathi baf' olwembiza ngokuhamba kwami.
Keph' engikwaziyo kunye,
Mina nabo singabeliba.



**1.** Nikeza igama le nto engenayo indawo emhlabeni ngokwesitanza soku-1. (1)

**2.** Yavuka ngolwesingaki indodana kaSomandla? (1)

**3.** Ubani indodana kaSomandla okukhulunywa ngayo kule nkondlo? (1)

**4.** Tomula umugqa esitanzeni sesi-4 ochaza ukuthi "wonke umuntu uyokufa". (2)

**5.** Khetha impendulo efanele kwezilandelayo.
Bhala uhlobo lwesifengqo olutholakala kulo mugqa olandelayo:
**Yavuka kwabaleleyo.**

A Isifenyiso
B Ihaba
C Isihlonipho
D Ukwenzasamuntu (1)

**6.** Caphuna umugqa onamagama ayimpindamqondo esitanzeni sesi-4. Dwebela isibonelo. (2)

**7.** Khipha ukuxhumana okutholakala esitanzeni soku-1 ubhale uhlobo nesibonelo. (2)

**8.** Iluhlobo luni le nkondlo? Sekela impendulo yakho. (2)

**9.** Ngamaphuzu AMATHATHU, phawula ngomqondo wale nkondlo. (3)

- 
- 
- 

**10.** Ngokucabanga kwakho yini inhloso yembongi yokubhala le nkondlo? (2)

[17]

**QAPHELA:** Phendula yonke imibuzo. Sebenzisa ulimi olucacile futhi ubhale kahle izimpendulo zakho.

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 56 NGIYAFISA UKUBA QOTHO

## UMSEBENZI WASEKILASINI/ WASEKHAYA

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### 1 Ngiyafisa ukuba qotho

Ngiyafisa ukuba qotho
Ngishumayele ngobuqotho.
Ngibe qotho ezindleleni zami
Ulimi lwami lube qotho.
Ngibe qotho nanxa ngikhuluma.

Ngiyafisa ukuba qotho
Emisebenzini yami.
Nanxa ngikhandleka
Imisebenzi yami ibe qotho
**Iziphambeko** zami zisulwe.

Ngiyafisa ukuba qotho
Kubazali bami
Ngihloniphe omdala nomncane
Ukuze ngitshal' imbewu
Yobuqotho esizweni sakithi.

Ngiyafisa ukuba qotho
Eziphiweni zami enginazo
Ukuze ngisebenzise zonke
Ngokukhulu ukwethembeka
Ukuze ngijabulise abantu.

Ngiyafisa ukuba qotho
NakuSomandla uqobo
Ngiziveze ngimsulwa kuye
Ngikhale kuye angizwe
Yen' owazi ngempokophelo yami.



1. Bhala igama elitholakala esitanzeni sokuqala elisho ukufundisa abantu ngoNkulunkulu.

2. Isho uhlobo lokuxhumana olutholakala kule migqa elandelayo. Dwebela amagama ayizibonelo
**Ngishumayele ngobuqotho.**
**Ngibe qotho ezindleleni zami**

3. Nikeza OKUKODWA imbongi efisa ukuba qotho kukho ngokwesitanza sesi-2.

4. Yiliphi elinye igama elisetshenzisiwe enkondlweni elisho uNkuluukulu?

5. Caphuna umugqa oyimpindwa kule nkondlo

6. Tomula umugqa ofakazela ukuthi imbongi ayithandi kube khona umuntu ophatheke kabi.

7. Ngamaphuzu AMABILI fingqa umqondo osobala wale nkondlo ubhekise esitanzeni sesi-3.
- 
- 

8. Khetha impendulo efanele.
Igama elibhalwe ngokugqamile emgqeni olandeyo lichaza ukuthi:
**Iziphambeko zami zisulwe.**

A. Isiphambano. umebhulaa.
B. Izinyembezi.
C. Izono.
D. Izinyawo.

9. Hlobo luni lwesifenqgo olutholakala emgqeni wesi-4.

10. Phawula ngesigqi esiqukethwe yile nkondlo.

QAPHELA: Phendula yonke imibuzo. Sebenzisa ulimi olucacile futhi oluhlelekile.

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 57 NGIYAFISA UKUBA QOTHO

## UMSEBENZI WASEKILASINI/ WASEKHAYA

Funda inkondlo engezansi bese uphendula imibuzo ezolandela.

### 1 Ngiyafisa ukuba qotho

Ngiyafisa ukuba qotho
Ngishumayele ngobuqotho.
Ngibe qotho ezindleleni zami
Ulimi lwami lube qotho.
Ngibe qotho nanxa ngikhuluma.

Ngiyafisa ukuba qotho
Emisebenzini yami.
Nanxa ngikhandleka
Imisebenzi yami ibe qotho
**Iziphambeko** zami zisulwe.

Ngiyafisa ukuba qotho
Kubazali bami
Ngihloniphe omdala nomncane
Ukuze ngitshal' imbewu
Yobuqotho esizweni sakithi.

Ngiyafisa ukuba qotho
Eziphiweni zami enginazo
Ukuze ngisebenzise zonke
Ngokukhulu ukwethembeka
Ukuze ngijabulise abantu.

Ngiyafisa ukuba qotho
NakuSomandla uqobo
Ngiziveze ngimsulwa kuye
Ngikhale kuye angizwe
Yen' owazi ngempokophelo yami.



1. Bhala igama elitholakala esitanzeni sokuqala elisho ukufundisa abantu ngoNkulnakulu. (1)

2. Isho uhlobo lokuxhumana olutholakala kule migqa elandelayo. Dwebela amagama ayizibonelo
   **Ngishumayele ngobuqotho.**
   **Ngibe qotho ezindleleni zami** (2)

3. Nikeza OKUKODWA imbongi efisa ukuba qotho kukho ngokwesitanza sesi-2. (1)

4. Yiliphi elinye igama elisetshenzisiwe enkondlweni elisho uNkuluakulu? (1)

5. Caphuna umugqa oyimpindwa kule nkondlo (2)

6. Tomula umugqa ofakazela ukuthi imbongi ayithandi kube khona umuntu ophatheke kabi. (2)

7. Ngamaphuzu AMABILI fingqa umqondo osobala wale nkondlo ubhekise esitanzeni sesi-3.
   - 
   -  (2)

8. Khetha impendulo efanele.
   Igama elibhalwe ngokugqamile emgqeni olandeyo lichaza ukuthi:
   **Iziphambeko zami zisulwe.**

   A. Isiphambano. umebhulaa.  B. Izinyembezi.  C. Izono.  D. Izinyawo. (1)

9. Hlobo luni lwesifengqo olutholakala emgqeni wesi-4. (2)

10. Phawula ngesigqi esiqukethwe yile nkondlo. (2)

[17]

QAPHELA: Phendula yonke imibuzo. Sebenzisa ulimi olucacile futhi oluhlelekile.

Downloaded from Stanmorephysics.com

# 3. PHANSI

Umhlaba ungumhlaba ngokuhlaba.
Uwuhloniphe uwukhonze uyakukuhlonipha
Ubazonda kabi abazazi ukuhlakanipha.
Lunye kuwo uhambo
Impinda ayikho.
Sinye kuwo isikhathi
Sifushane asenele.
Ubupigogo nobusakabuli buyagedwa
Bushazwe yizanggondo nemishazo yomhlaba
Omahlalothini abantengenyekayo ntengentenge
Bawe bhu bahuhuluze okwamahobosha
Abaqhwaklazela phezu' onontandakubukwa
Baphenduk' izingibi kugayingane imilomo
Osemuva limshwibe shwi limbeke phambili
Ngentobeko yobuphansi okwezintuthwane
Ube phansi nangenzolo ezothile yobuntu.

| | | |
|---|---|---|
| 1 | Ngokwesitanza soku-1 abantu abanjani abazondwa ngumhlaba? | (1) |
| 2 | Bhala umugqa omfishane otholakala kule nkondlo. | (1) |
| 3 | Isho izinhlobo EZINTATHU zezinyoni okukhulunywa ngazo esitanzeni sesi-2. | (3) |
| 4 | Nikeza izenzukuthi EZIMBILI ezitholakala esitanzeni sesi-2. | (2) |
| 5 | Yisiphi lesi silwane esibizwa ngehobosha esigabeni sesi-2? | (1) |
| 6 | Tomula umugqa onamagama amqondophikisana esitanzeni sesi-2. Dwebela izibonelo. | (2) |
| 7 | Khipha ukuxhumana okutholakala esitanzeni sesi-2 ubhale uhlobo nesibonelo. | (2) |
| 8 | Luhlobo luni lwesifengqo olutholakala kulo musho olandelayo? Ngentobeko yobuphansi okwezintuthwane | (2) |
| 9 | Sinjani isiqgi sale nkondlo ngokwesitanza sesi-2? Sekela impendulo yakho. | (2) |
| 10 | Ngokucabanga kwakho yimuphi umyalezo odluliswa yimbongi ngale nkondlo? | (2) |

Umsebenzi wasekilasini / wasekhaya

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI WASEKILASINI / WASEKHAYA

## KWAMFAZI ONGEMAMA

### Kwamfazi Ongemama – FF Mbatha

1 Awuthunyelwa gundane
2 Ngidele konke ngayokwenda,
3 Ngidel' ikhaya likababa,
4 Ngadel' izihlobo nabangani,
5 Ngadela nezinkalo zakithi,
6 Uze ungilonde Mveli
7 Kwamfaz' ongemama.

8 Namuhla ngiqombol' izintaba.
9 Ngilibangise kwamfaz' ongemama.
10 Noma ngibangwa nezibi,

11 Liyophuma lithi
12 Ngiyatefa ngiyazenzisa,
13 Uze ungqcine Menzi
14 Lapho kwanhliziyo ngise.

15 Noma ngingayisisulu sikamamezala,
16 Noma angangicakafula angichaphe
17 Ngelumelayo yodwa,
18 Ngiyobekezela ngizithobe.
19 Mntanomuntu ngibekezele,
20 Ngigcine yonk' eyasemendweni.
21 Uz' ube yisihlangu sami Baba,
22 Lapho kwamfaz' ongemama.

23 Konke kwenzeka samlingo,
Nokho lolu thando luyithumbi' eyami,
24 Lolu thando lungishay' indali emajukujukwini
25 Ngiyazesaba ezakhona izehlo.
26 Nokho akusenani
27 Sengobekezela ngizithobe,
28 Kwamfaz' ongemama.
29

| | | |
|---|---|---|
| 1 | Bhala OKUTHATHU imbonggi ekudeille njengoba iyokwenda. | (3) |
| 2 | Bhala igama elisetshenziswe imbongi esitanzeni soku-1 esikhundleni segama elithi uNkulunkulu. | (1) |
| 3 | Khipha ukuxkhumana okutholakala esitanzeni sesi-3 ubhale uhlobo nesibonelo. | (2) |
| 4 | Caphuna umugga oyimpindwa otholakala kule nkondlo. | (2) |
| 5 | Chaza lesi simo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile njengoba sisetshenzisiwe enkondlweni:<br>**Noma ngibangwa nezibi.** | (2) |
| 6 | Hlobo luni lwenkondlo lolu? Sekela impendulo yakho. | (2) |
| 7 | Uthini umqondo wale nkondlo? Bhala amaphuzu amathathu ubhekise esitanzeni sesi-3. | (3) |
| 8 | Phawula ngomoya wale nkondlo. | (2) |

Downloaded from Stanmorephysics.com

Umsebenzi 32 A

1. Wayeya kuBongiwe (1)

2. Waphuca ingane yakwabo intombi okuwukuphela kwayo. (1)

3. Uhleko olaluhlekwa uGcabashe (1)

4.
- Imoto kaNdoniyamanzi ayisakwazi ukuhamba ingakhandwannga.
- Undoniyamanzi owayekwazi ukuyishayela kuphela. (2)

5. Bobabili bawomakhenikha (2)

6. Ufuna ukusitshela ukuthi asiphatheni abantu ngendllela esifisa ukuphathwa ngayo. (2)

7.
- Wayethatha isikhathi eside ukulungisa izimoto zabantu uma bezozikhanda kuyena
- Waxosha uSalim ngoba ethi uyena omqedela umsebenzi, kodwa noma esehambile wayesebenza kancane ashiye ayophuza utshwala.
- Wayehlulwa nawukusebenza abeke imali ukuze alobole intombi ayeyithanda eyagcina seyithanda uSalim. (3)

8.
- Kubi ukusola abanye abantu ngobuvila bakho. UNdoniyamanzi wayesola uSalim ngokuhluleka kwakhe.
- Izinyembezi zomuntu aziweli phansi. Nakuba axosha uSalim wathatha nemali yakhe, ekugcineni uSalim uphila impilo engcono kakhulu kuneyake. Kungenzeka nokuthi nokulimala kwakhe aze afe isingezansi sakhe yingenxa yezinyembezi zika Salim.
- Ungabophatha kabi omunye umuntu ngoba ngelinye ilanga ungazithola usudinga usizo lwakhe. uNdoniyamanzi waphatha kabi uSalim kodwa ekungcineni wazithola sekufanele asizwe uyena. (2)

9. Iqiniso.Lokhu kuyacaca lapho umphakathi ukhetha uziqhelelanisa noNdoniyamanzi emva kokunyamalala kukaSalim.Nokungavakashelwa muntu kwakhe ngenkathi esesibhedlela kwakukhombisa ukuthi akekho owayezwelana naye ngenxa yesihluku ayesenze kuSalim. (3)

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI………

**INOVELI: Isiqeshana B ELOKUFA ALITSHELI**

1 USkhulu. ✓ (1)

2 Ingoba lo nogada akazi lutho, usanda kufika emsebenzini lizoshi. ✓✓ (2)

3 UDlaba unogada owayegade eskuseni okunguyena owashaya uVela. ✓✓ (2)

4 Umama- Uyamphikela ngisho ubufakazi bukhona. (2)

Ubaba- uyamqondisa, akafuni enze okungalungile✓✓

5 Ukungundaza- kusho ukukhuluma into engezwakali. ✓✓ (2)

6 uVela noBhiza bafika bebhema insangu, uNogada uDlaba wabanqabela ukuthi bangene esangweni.

Wanqaba ukubangenisa, wabashaya,balanda abanye abafana ngasesitolo, babuya batoyiza. ✓✓

(2)

7 Ukuklabalasa kusho ukumemeza. ✓✓ (2)

8 Kunomthelela ongemuhle ngoba: (3)

Umbhemisa izidakamizwa.

Bayantshontsha emphakathini

Untshontshela umndeni kaVela bese besola yena. ✓✓✓

9 USkhulu ushaya uNogada ngoba ecabanga ukuthi uDlaba. ✓✓ (2)

10 NguMahlase. ✓ (1)

11 UMgcwabo kaMaZwide umakaVele. ✓✓ (2)

12 Babebona njalo bexabana kodwa namuhla bayezwana. ✓✓ (2)

13 (A) Abezwani/ abathandani. ✓✓

(B) Sebexolelene . ✓✓ (4)

14 Uma ekhuluma akazibali. ✓ (2)

Uyena osixoxela indaba. ✓

15

(A) Isingeniso.

Sethulelwa umlingiswa osemqoka onguVela.

Downloaded from Stanmorephysics.com

Inkinga abhekene nayo ukudla izidakamizwa. ✓✓

(B) Indikimba- Umvuzo wokungalaleli

Ucwila ezidakamizweni.

Wenza ubugebengu. ✓✓ (4)

16 Ngangizothi akalalele ubaba wakhe. (2)

Ukulalela abangani kuyingozi. ✓

Abukho ubuhle bezidakamizwa. ✓

(Nezinye izimpendulo ezinembayo )

UMSEBENZI………**ZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU: Umhleli: NG Sibiya**

**INDANDATHO** – B Motau

| | | |
|---|---|---|
| 1 | Bahlangana esitolo. √ | (1) |
| 2 | Abahlengikazi. √ | (1) |
| 3 | Mapula. √ | (1) |
| 4 | Babedla oncamnce nokumnandi. | (2) |
| 5 | Yebo, uLondiwe wayenengane kepha ingane yakhe yashona engozini yemoto ineminyaka eyisikhombisa. √√ | (2) |
| 6 | UNjabulo ungumlingiswa ogqoka kahle, onenkani futhi onothando. √√ | (2) |
| 7 | Wayenenkinga yokuthi uNjabulo ufuna afake indandatho kwisandla sokudla futhi akafuni ukukhumula indandatho yokuqala. √√ | (2) |
| 8 | Isikhathi samanje, kukhona omakhalekhukhwini, izindawo zokudla kanye nezimoto. √√ | (2) |
| 9 | Umshado nothando. √√ | (2) |
| 10 | UZonke ugcina evuma ukushada uNjabulo. √√ | (2) |
| | | **[17]** |

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI… **IZINHLIZIYO EZIBUHLUNGU-Sithembiso Khwela**

1 UZonke wayenomdlavuza wegazi. √ (1)

2 UMazwi. √ (1)

3 B√ (1)

4 "Kodwa wayekhumbula ukuthi wayemgilile wamubukanisa nezwe." √√ (2)

5 USiboniso akakholelwa kwidivosi. √√ (2)

6 UMthunzi - umuntu onemali obaleka uma kunezinkinga. Umuntu ozicabangelayo omatasatasa ngomsebenzi. √√ (2)

UMazwi – indoda enothando futhi indoda enakekela umndeni wayo. (2)

7 Okubili kwalokhu:
Wamshiya waya kohlala eflethini. √/
Wamqambela amanga wathi uyamhlukumeza. √/
Wamthumela i-restraining order. √ (2)

8 Okubili kwalokhu;

Kuselokishini

USiboniso uhlangana noZonke e-Workshop

Kukhona izibhedlela, izikole, amaPolice stations,njl

(Nokunye okunembayo okuhambisana nokusencwadini mayelana nendawo) (2)

9 Ngokucabanga kwami uSiboniso wayefanele ukumgcwaba uZonke ngoba abazangange badivose futhi babenengane eyasyingathenda ukuba umama wayo angcwatshwe ngesizotha. (2)

10 Ingwijikhwebu etholakala kule ndaba ilesi sikhathi uZonke efonela uSiboniso emtshela ngokugula kwakhe. (1)

**[18]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**INDANDATHO** – B Motau

1. Bahlangana esitolo. √ (1)
2. Abahlengikazi. √ (1)
3. Mapula. √ (1)
4. Babedla oncamnce nokumnandi. (2)
5. Yebo, uLondiwe wayenengane kepha ingane yakhe yashona engozini yemoto ineminyaka eyisikhombisa. √√ (2)
6. UNjabulo ungumlingiswa ogqoka kahle, onenkani futhi onothando. √√ (2)
7. Wayenenkinga yokuthi uNjabulo ufuna afake indandatho kwisandla sokudla futhi akafuni ukukhumula indandatho yokuqala. √√ (2)
8. Isikhathi samanje, kukhona omakhalekhukhwini, izindawo zokudla kanye nezimoto. √√ (2)
9. Umshado nothando. √√ (2)
10. UZonke ugcina evuma ukushada uNjabulo. √√ (2)

**[17]**

UMSEBENZI…**NGIYAFISA UKUBA QOTHO**

1 Ngishumayele√ (1)

2 Ukuxhumana okutshekile√
Ngishumayele **ngobuqotho**.
Ngibe **qotho** ezindleleni zami√ (2)

3 Emsebenzini (wakhe) √ (1)

4 USomandla. √ (1)

5 Imigqa 1, 6, 11,16, no-21
Ngiyafisa ukuba qotho√√ (2)

6 Ukuze ngijabulise abantu. √√ (2)

7 OKUBILI kulokhu:
Imbongi ifisa ukwenza kahle kubazali bayo.√/
Ifisa ukungakhethi ihloniphe wonke umuntu.√/
Ifisa ukuba isibonelo esihle kubo bonke abantu.√ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

8 C. Izono√ (1)

9 Ukwenzasamuntu√/Isenzasamuntu√ (2)

10 Isigqi siyashesha√ ngoba:
OKUKODWA kulokhu
imigqa eminingi ivulekile.√/
Imigqa eminingi ayinazo izimpawu zokuloba.√ (2)

**[17]**

UMSEBENZI…**NGIYOGIYA NGIQEPHUZE**

1 Ukugiya√ (1)

2
- Ukuyikazel' iminyezane yakomfundo. √/
- Ukugqoka ijazi lemfundo. √ (1)

3 omame√ (2)
izalukazi√

4 UShandu. √ (1)

5 UMshibe√./ (1)
Ibhobhodleyana lakoMshibe. √

6 Inzwa yokulalela. √√ (2)

7 A√/Bememeza√ (1)

8 Ngigiye **<u>ngilokoth'</u>** amagama **<u>angalokothwayo</u>**√√ (2)

9 Imigqa 16 no-17.
Besho bempongoloza ngamaphimbo emizwili**<u>li</u>**. √
Usho mfo kaShandu ukuth' uyalazi le**<u>li</u>**√ (2)

10 Imigqa 1, 8 & 14
Ngiyogiya ngiqephuze√√ (2)

11 Kwenza ukuba isigqi senkondlo sisheshe √ngoba:
OKUKODWA kulokhu: (2)
Kweqiwa onkamisa√/
Amagama ayahlanganisa lapho ukhuluma.√

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| | | | | **[17]** |

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI…INHLANSI YAKHO THULI – SB MLAMBO

1 Ngisathwayiza. ✓ (1)

2 Imigqa 7 (,)

Ngasondela, ngakubona ucwebezela. ✓✓

**NOMA**

Imigqa 8 (,)

Ngamangala, ngankema. ✓✓ (2)

3 Imvumelwano siqalo✓

Imigqa 1 no-2

**Ngi**sathwayiza ngizibona ngiyintandan' ezweni

**Ngi**shiywe nguNontando dengwane✓ (2)

4

- Ingedla. ✓
- Iwisa✓.
- Isijula✓

(3)

5 Ukuxhumana-siqalo✓

Imigqa 6 no-7

**Ngakubona** buqamama.

**Ngakubona** uyinhlasana. ✓ (2)

6

- Emva kokweshela uThuli, imbongi yamehlula uThuli. ✓
- Bathandana. ✓
- Imbongi ayifisi kube khona okuzophazamisa uthando lwabo. ✓

(3)

7 Ukwenzasamuntu✓/ Isenzasamuntu✓ (2)

8 OKUBILI kulokhu:

- Yayisaba ukuthi bazobuye behlukane. ✓/
- Yayisaba uthi izobuye iphuke inhliziyo. ✓/
- Yayisaba ukuthi uThuli naye uzophinda ayishiye imbongi. ✓

(2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI… **NGINGOWELIBA**

| | | |
|---|---|---|
| 1 | Umphefumulo. √ | (1) |
| 2 | NgoLwesithathu. √ | (1) |
| 3 | UJesu. √ | (1) |
| 4 | Mina nabo singabeliba. √ | (2) |
| 5 | C√/Isihlonipho√ | (1) |
| 6 | Umugqa 15<br>Ngiyazi **bayokhala** **balile**, √√<br><br>**NOMA**<br><br>Imigqa 16 no-17<br>**Bathi** balahlekelwe,<br>**Bayosho** baze bafakazel√√ | (2) |
| 7 | Ukuxhumana siqalo√<br>Imigqa 1 no-2<br><br>**Umzimba** wam' uhlukene nomphefumulo.<br>**Umzimb'** ubuyele kwamhlab' emhlabathini √ | (2) |
| 8 | I-eleji√ ngoba:<br><br>OKUKODWA kulokhu:<br>• Kule nkondlo imbongi isishonile. √/<br>• Imbongi isitshela ukuthi sonke siyoshona ngeke siphile ingunaphakade√. | (2) |
| 9 | Amaphuzu AMATHATHU:<br>Inkondlo ithi wonke umuntu uyokufa√.<br>Imbongi ithi noma izihlobo zayo zingakhala kangakanani kodwa lokho ngeke kuyivuse ekufeni. √<br>Imbongi ithi yona iyovuka mhla uJesu eselande ibandla lakhe emhlabeni. √ | (3) |
| 10 | Inhloso yembongi yokubhala le nkondlo ukuthi sazi ukuthi wonke umuntu uyokufa ngelinye ilanga ngeke siphile ingunaphakade. √√ | (2) |
| | | **[17]** |

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI…. **BEN - 10**

1. I-Oribi Airport✓ (1)

2. Ukuhlangabeza uNduduzo.✓ (1)

3 Engama-22✓/ engu-22✓ (1)

4
- Unomzimba omuhle.✓ (1)
- Mncanyana (ngomzimba)✓

5 (a) Uzizwa ephatheka kabi.✓/ Udabukile.✓ (2)

6 OKUBILI kulokhu:
- UThabile wagcina ukuthanda umuntu ngoKgomotso.✓/ (2)
- UThabile wayenza unyaka wokuqala eNyuvesi.✓/
- UKgomotso washona engozini yemoto evakashele ekhaya eBotswana ngamaholidi.✓

7 EMgungundlovu.✓ (1)

8.
- UThabile wathumela ngephutha umyalezo kaWhatsapp kuNduduzo, base beyazwana.✓✓ (2)

9. Yingoba waba induduzo kuyena njengoba wayeshonelwe ingane kade eyobeletha, okwakuzobhidliza umshado wakhe uma umyeni wakhe ethola lelo qiniso.✓✓ (2)

10. Yebo iyahambisana ngoba: (2)
UThabile uthandana noNduduzo omncane kakhulu kunaye ngokweminyaka.✓✓

11 Ngiyavumelana ngoba:
Sithola ukuthi uNduduzo othandana noThabile uyindodana yakhe.✓✓ (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI…

| | | |
|---|---|---|
| 1 | UNtuthuko | (1) |
| 2 | Yingoba uNtuthuko uthandana neBhunu eselilidala | (1) |
| 3 | Bathanda umculo ofanayo kanye nohlobo lwezincwadi ezifanayo. | (2) |
| 4 | Uvezwe njengomlingiswa othanda ipolitiki futhi akanalo ubandlululo ngoba uthandana no-Ingrid eyibhunu | (3) |
| 5 | Izintaba azihlangani kodwa abantu bayahlangana ubaba ka-Ingrid uyena owalimaza uNtuthuko kodwa nakhu sebehlangana uNtuthuko esezoba umkhwenyana wakwakhe | (3) |
| 6 | UNtuthuko kuzovuka ubuhlungu uma esebona umuntu owamlimaza futhi ubaba ka-Ingrid uzozizwa enamahloni ngokubona umuntu owamlimaza esezoba umkhwenyana wakwakhe. | (3) |
| 7 | U-Ingrid unothando lweqiniso uthanda uNtuthuko nakuba ekhubazekile engumuntu omnyama | (3) |

UMSEBENZI…

1 i-Oribi✓

2 Wacasha ngoba wayazi ukuthi abaseshi bazofuna imali abakweleda yona. ✓

3 Bahlanganiswa ubugebengu ngoba uThiza wathuma bona ukuthi bayomtholela imali yakhe kuPat. ✓✓

4 uMsweli✓ noNjoko✓

5 Amaphoyisa asikaza uSindi ngempama nguva kokumbuza ukuthi uqambelani amanga athi uPat akekho ekubeni ekhona✓

uSindi washayeka esiqhomeni evika impama yephoyisa nokwenza ukuthi amaphoyisa amoyizele ngento ayibona yenzeka. ✓

6 B✓ / Ukushayeka✓

7 Abantu besifazane bobabili✓✓

8 Ebamba insini✓✓

Downloaded from Stanmorephysics.com

9
- Esokuqala bathi uPat walumisa isikhulu sakwaSABC ngenja✓
- Esesibili kwathiwa imali yebheyili ukuze angangeni esitokisini kanye nemali kaThiza. ✓

10
- uTebza uyena owafika wazobhidliza umuzi kaSindi ngoba esezwile ukuthi ushade nomunye umuntu wesifazane✓
- Nguyena futhi uTebza oveza isu lokuthi bakwazi ukuchitha isikhathi nabantu ababathandayo ngokutshela uKaputeni ukuthi abophe uPat ukuze yena ezothola ithuba lokuba noSindi. ✓
- Uyena futhi owenza uSindi aphelelwe inhlonipho kaPat aze agcine ngokumbophisa ngamaphoyisa. ✓

  (nokunye okunembayo)

11 Ungusazi konke usixoxela indaba ukusuka nokuhlala akayona ingxenye yabalingiswa. ✓✓

12 uMthunzi-: uvezwa njengomlingiswa ongenalo iqiniso ngoba ushiya uPat ekhulelwe ingane yakhe✓

uLindokuhle:- indodana kaPat noMthunzi unenhlonipho simthola eswele imali yokuqhuba izifundo enyuvesi nakuba wayenza kahle inkinga eyokuthi unina wayenganayo. ✓

UMSEBENZI…Phansi

1 Abazazi ukuhlakanipha.✓ (1)

2 Impinda ayikho.✓ (1)

3 Ipigogo✓
Isakabuli✓
Omahlalothini√✓ (3)

4 Bhu. ✓
Shwi. ✓ (2)

5 Inyoka.✓ (1)

6 Umugqa 14.✓ (2)

**<u>Osemuva</u>** limshwibe shwi limbeke **<u>phambili</u>**✓✓

Downloaded from Stanmorephysics.com

7 Ukuxhumana maphakathi✓

Imigqa 15 no-16

Ngentobeko **<u>yobuphansi</u>** okwezintuthwane

Ube **<u>phansi</u>** nangenzolo ezothile yobuntu. ✓ (2)

8 Isifaniso✓✓ (2)

9 Isigqi siyashesha ngoba:

OKUKODWA kwalokhu: (2)

- Yonke eminye imigqa ivulekile ngaphandle komugqa wokugcina✓/
- Yonke eminye imigqa ayinazo izimpawuzokuloba ngaphandle komugqa wokugcina. ✓/
- Imigqa mide✓

10 OKUBILI kwalokhu:

Umyalezo esiwutholayo ukuthi kumele sihloniphe abantu esiphila nabo.✓/ (2)

Kumele sizehlise ngaso sonke isikhathi. ✓/

Uma sizibeke phansi abantu bayosiphakamisa. ✓

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 58. INQUBO YOKUBHALA

# UKUBHALA NOKWETHULA

Ukubhala nokwethula kuhlanganisa izinto ezintathu:

1. Ukusetshenziswa Inqubo yokubhala;
2. Ukufunda nokusebenziza ulwazi lwezakhwo nezimpawu ezaahludafcene zamateksthi/imibhalo;
3. Ukufunda ukusethenziswa ulwazi lwezigaba nezakhiwo zemisho, izigaba kanye nezimpawu zokuloba.

## INQUBO YOKUBHALA

Ukufundisa ukubhala kuzombandakanya ukusetshenziswa kwenqubo yokubhala. Nakuba kungewona wonkeamabanga enqubo yokubhala ongawusebenziza noma ukuk[illegible] isimo. Isibonelo, uma abafundi bebhalela izinhlobo zamateksthi/imibhalo ajwayelekile, abadingi ukuhlaziya izakhiwo nezimpawu zolimi ngokujulile. Kungaba khona izikhathi lapho othisha bengafuna ukugxila ezakhiweni zemisho noma izigaba zokubhala, noma abafundi babhale amatheksthi angenalo uhlaka ngeşihathi bezilungiselela ukubhala izivivinyo zabo.

## IZINHLOSO ZENQUBO YOKUBHALA

### 1 NGAPHAMBI KOKUBHALA

- Ukuhlaziya isakhiwo, izimpawu zolimi nerejista yohlobo lwetasthi/umbhalo okhethiwe.
- Ukuthatha isinqumo ngenhloso, ngezethameli kanye nesimo.
- Ukuqoqa imibono ngokuhlelelekile ngesihloko ngokuthii asebenzise isibonelo uhlaka.
- Ukuxoxa kafushane ngendela okuzohlelwa ngayo umbhalo.
- Ukucwaninga isihloko, isibonelo, ukuya emtatshweni wolwazi, nokukhetha ulwazi oluqondene ngqo nesihloko.
- Ukubona amaphuzu asemqoka kanye nalawo esekelayo.

### 2 UKUBHALA IZINHLA ZOMBHALO

- Ukubhala umzamo wokudala obhekele nenhloso, izethameli, isihloko nohlobo lwamatheksthi/umbhalo.
- Ukukhetha amagama anembayo, isibonelo, endaweni elandisayo noma enkondlweni usebenzisa amagama akhumbuza okuthile okujabulisayo kanye neziganeko zamagama ukwenza umbhalo ucace.
- Ukuhlela amaphuzu ngokulandelana ukuze ukuphuma kwakhe endabeni kuhambe ngokushelelela.
- Ukuhlela amaphuzu kanye noma imifanekiso ukuze indaba noma inkondlo yakhe umqondo.
- Ukwakha izwi nesitayela sakho sokubhala.
- Ukufunda umzamo ngokukaphehlisisa nokuthola amaphutha owenziwe kuthisha nakubafundi enifunda nabo.

### 3 UKUBUYEKEZA, UKUFUNDISISA UKUZE UCACISE, UKULUNGISA AMAPHUTHA NOKWETHULA

- Ukuhlaziya umbhalo wabo nowabanye ukuze bawuphucule besebenzisa okokunquma.
- Ukucolisa amagama akhethiwe, imisho, nezakhiwo zezigaba.
- Ukusebenziza ekuhleleni izigaba ukuze zilandela kahle futhi zinikezelane.
- Ukunciphisa amagama angacacile, nanokuthembeleza.
- Ukusebenziza uhlelo, ubhalomagama nezimpawu zokubhala ezifanele.
- Ukulungiselela uhlaka lokuqcina, kuhlanganisa isakkhiwo, isibonelo, izihloko nefonti.
- Ukwethulwa kombhalo.

**KHUMBULA!** Inqubo yokubhala isiza ukuthi umbhalo wakho ube nencazelo, uhambe kahle futhi ube mnandi ukufundwa!

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 59. INQUBO YOKUBHALA



# UKUBHALA NOKWETHULA *kuyaqhubeka...*



## 1 IZAKHIWO KANYE NEZIMISO ZOKUSETHSENZISWA KOLIMI NGESIKHATHI SENQUBO YOKUBHALA



### Irejista, isitayela nezwi

- Ukusebenziiza ngendlela irejista enezimiso nenganasimiso isib, ukusebenziiza isitayela sokukhuluma nomuntu okhuluma encwadini engamiselwe migomo nemiselwe imigomo.
- Ukwakha izwi okungelakho nje kuphela, isibonelo, ukubhala uveze uvo lwakho.



## 2 UKUKHETHWA KWAMAGAMA






- Ukwazi nokusebenziza ulwazimagama olwehldukdafeene.
- Ukwazi incazelo yamagama eqondile kanye nencazelo egudliselayo.
- Ukwazi ukuthi igama liwuluphi ucezu lwenkulumo nanokuthi lisetshenzŝwa kanjani emshweni.
- Ukwazi ukuthi igama limiselwe imigomo noma alimiselwe migomo, lingelesigodi (noma liyalumelana) nokuthi lingasetshenzŝwa kanjani ngokufanele (noma lingasetshenzŝwa ngendlela engalungile).
- Ukusebenziza ubhalomagama ngokuyikho.
- Ukusebenziza izichazimagama ezikulimunayo nezikulimimi.
- Ukusebenziza isichazimaqama sokuzimela kanye nokwakha ibhuku lolwazimagama.

## 3 UKWAKHIWA KEMISHO






- Ukubhala imisho eqondile, embaxa kanye nemagatshagatsha.
- Ukusebenziza izihlanganiso ukuxhumanisa imishwana esemishweni embaxa.
- Ukusebenziza izihlanganiso eziveza imishwana ekhonzile, esemishweni emagatshagatsha:
  - Imishwana ekhonzile ekhomba inkathi: nini, ngaphambi, ngemva, selokhu, kuze, njl.
  - Imishwana ekhonzile ekhomba umbandela: uma, ngapandle, njl.
  - Imishwana ekhonzile ekhomba ihloso: ukuze
  - Imishwana ekhonjzle ekhomba isizathu: ngoba, njengoba, njl.
  - Imishwana ekhonzile ekhomba umphumela: ukuze
  - Imishwana ekhonjzle ekhomba ukuphikisana nemisho ezimele: noma kunjalo, yize kunjalo, njl.



**KHUMBULA!** Sebenzisa ulimi ngendlela efanele, ucace, uhleleke kahle futhi ube nesitayela esikufanele!



Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 60. INCWADI YOBUNGANI



## UKUBHALA NOKWETHULA KUYAQHUBEKA...



### imiyalelo, izinkombandlela kanye nemiyalelo) (Itheksthi emfushane)

Ukuchaza noma ukutshela omunye umuntu ukuthi into ethile yenziwa kanjani ngokwezinga ezilandelana kahle.

- Inhloso: Isitatimende esiveza ukuthi kuhlosweni, isib. Yenzelwa kanjani ikhaya yophothifoliyo?
- Okusetshenziswayo okudingeka ngokohlelo, isib. iphepha elikhulu, upende, njl.
- Imininingwane yezigjaba okumele zilandelwe ukuze kufezwe inhloso, isib. Okokugala, penda ngomabala oluhlaza iphepha ozolisebenzisa.
- Sekungafakwa netheksthi ebukhoma yengezithombe nebhodi lendaba.
- Kumele kubhalwe ngendlela elandelayo, isb. Penda iphepha ngencbala obomvu, kulandelane ngendlela elungile.
- Sebenzisa izinombolo noma amabala ukukhombisa ukulandelana.
- Gxila kokwenzekayo kunokugagula okuthile
- Thinta nembangelela yomphumela wokwenzekayo



### Ukuchaza (isb, inqubo nempilo yevemvane) (Itheksthi emfushane)

Ukuchaza ukuthi into yenzeka kanjani nokuthi kungani kwenzeka inqubo ethile

- Isitatimende sokungenisa indaba, isb. I-dynamo umshini okwazi ukukhiqiza amandla.
- Ukuchaza kwezinyathelo ezithathwayo nokuthi kungani into yenzeka ngendlela ethile.
- Indaba ingahambisana nezithombe noma imifanekiso ethile.
- Kubhalwa ngendlela yamajele.
- Kungasetshenziswa izihlanganiso kanye nezivumelwano ezikhomba inkathi.
- Kungasetshenziswa izihlanganiso ezinjengezi: ngoba, ngenxa yokuthi, ngenxa yokuba, njll.



### Indaba edaza inkani

Ukuthatha uhlangothi olulodwa, uveza umbono othile, unxenxa umfundi wendaba yakho ukuba emukele umbono wakho.
Sekungafakwa netheksthi ebukhoma yengezithombe nebhodi lendaba.

- Isiitatimende esiveza uhlangothi ongakulo, isib. Izitolo kumelwe zivalwe ngeSonto.
- Uchungechunge lokwethula amaphuzu akho, udaza inkani.
- Ukugxilela/ukugcwalisa ukufingqa kanye nesitatimende sokuvula, isib. Sesibonile-ke ukuthi...
- Kubhalwa ngendlela yamajele.
- Sebenz



Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 61. INCWADI YOBUNGANI

## UMSEBENZI WASEKHAYA / EKILASINI

Khetha isihloko **ESISODWA** kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama **angama-80 kuya kwayi-100.**

## INCWADI YOBUNGANI

Ugogo wakho akalitholanga ithuba lokufunda ngenkathi esakhula. Ube esefunda ngasese (part time) wase ezuza iziqu zokuba ngummeli.

**Bhalela ugogo wakho incwadi umhalalisele ngalezi ziqu azitholile.** [30]

**AMAKHODI OKUQOPHA AMAMAKI KULESI SIGABA:**

- **Q** : Okuqukethwe
- **SK** : Isakhiwo
- **L** : Ulimi
- **ST** : Isitayela
- **PT** : Amaphutha

**AMAKHODI AZOSETYENZISWA UMA KUMAKWA:**

- **QSK = 18**
- **LSP = 12**

### OKULINDELEKILE:

### 2.1 INCWADI YOBUNGANI

- Ikheli lobhalayo malibe sesandleni sokudla lihambisane nosuku olugcwele, Isb. (15 Nhlaba 2026/15 Mey 2026).
- Obhalelwayo makabingelelwe ngolimi olukhombisa ubuhlobo: Isb. **Gogo/MaJodani.**
- **Isingeniso:** Isigaba esifushane: umfundi akakhombise ukuthi bayazana nogogo wakhe.Aveze ubuhlobo nenhloso.
- **Umzimba:** Isigaba sesibili: umfundi akabhale izizathu ezimenza abhale incwadi.
- Isigaba sesithathu, umfundi akenabe ngalokhu abhale ngakho esigabeni sesibili.
- Sebenzisa ulimi oluzwakalayo noluhambisana nombhalo.
- **Isiphetho:** Isigaba sokugcina: akakhonze abonge noma adlulise umyalezo.
- Isivaleliso masikhombise ubuhlobo: **Yimina umzukulu wakho uNkosi.**

**Amagama awabe inani elifanele.**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 62. INCWADI YOBUNGANI

B1605 Unit 2
Mpumalanga Township
Hammersdale
3700
15 Meyi 2026

Gogo

Ngiyethemba ukuthi ugogo wami uthokozile futhi uphilile. Ngiyakuhalalisela ngeziqu zobummeli osanda kuzithola.

Ngiyazi ukuthi lokhu akulula bekudinga ukuthi wenze yonke imizamo ukuze uphumelele. Nakuba wawungenalo ithuba lokufunda usakhula, awuzange uyeke, waqhubeka nokuzimisela ukufunda ngasese. Lokhu kukhombisa ukuthi unesibindi kanye nothando lokufuna ulwazi. Namuhla siziqqaja ngawe emndenini wethu.

Lezi ziqu zakho ziyisibonelo esihle kithi sonke, ikakhulukazi kithina izingane. Usifundisa ukuthi noma ngabe izimo zinzima kangakanani, uma sizimisela singafinyelela emaphusheni ethu. Ngiyakufisela ukuthi usebenze kahle kakhudlwana emsebenzini wakho futhi usize abantu abaningi.

Ngiyakuthanda kakhulu gogo wami. Hlala uphilile futhi ujabule njalo.

Yimina umzukulu wakho
uNkosi

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 63. INCWADI YOBUNGANI

## UMSEBENZI WASEKHAYA / EKILASINI

Khetha isihloko **ESISODWA** kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama **angama-80 kuya kwayi-100.**

## INCWADI YOBUNGANI

Ugogo wakho akalitholanga ithuba lokufunda ngenkathi esakhula. Ube esefunda ngasese (part time) wase ezuza iziqu zokuba ngummeli.

**Bhalela ugogo wakho incwadi umhalalisele ngelezi ziqu azitholile. [30]**

**AMAKHODI OKUQOPHA AMAMAKI KULESI SIGABA:**

- **Q** : Okuqukethwe
- **SK** : Isakhiwo
- **L** : Ulimi
- **ST** : Isitayela
- **PT** : Amaphutha

**AMAKHODI AZOSETYENZISWA UMA KUMAKWA:**

- **QSK = 18**
- **LSP = 12**

**OKULINDELEKILE:**

**2.1 INCWADI YOBUNGANI**

- Ikheli lobhalayo malibe sesandleni sokudla lihambisane nosuku olugcwele, Isb. (15 Nhlaba 2026/ 15 Mey 2026).
- Obhalelwayo makabingelelwe ngolimi olukhombisa ubuhlobo: Isb. **Gogo/MaJodani.**
- **Isingeniso:** Isigaba esifushane: umfundi akakhombise ukuthi bayazana nogogo wakhe.Aveze ubuhlobo nenhloso.
- **Umzimba:** Isigaba sesibili: umfundi akabhale izizathu ezimenza abhale incwadi.
- Isigaba sesithathu, umfundi akenabe ngalokho abhale ngakho esigabeni sesibili.
- Sebenzisa ulimi oluzwakalayo noluhambisana nombhalo.
- **Isiphetho:** Isigaba sokugcina: akakhonze abonge noma adlulise umyalexo.
- Isivaleliso masikhombise ubuhlobo: **Yimina umzukulu wakho uNkosi.**

**Amagama awabe inani elifanele.**

B1605 Unit 2
Mpumalanga Township
Hammersdale
3700
15 Meyi 2026

Gogo

Ngiyethemba ukuthi ugogo wami uthokozile futhi uphilile. Ngiyakuhalalisela ngeziqu zobummeli osanda kuzithola.

Ngiyazi ukuthi lokhu akulula bekudinga ukuthi wenze yonke imizamo ukuze uphumelele. Nakuba wawungenalo ithuba lokufunda usakhula, awuzange uyeke, waqhubeka nokuzimisela ukufunda ngasese. Lokhu kukhombisa ukuthi unesibindi kanye nothando lokufuna ulwazi. Namuhla siziqqaja ngawe emndenini wethu.

Lezi ziqu zakho ziyisibonelo esihle kithi sonke, ikakhulukazi kithina izingane. Usifundisa ukuthi noma ngabe izimo zinzima kangakanani, uma sizimisela singafinyelela emaphusheni ethu. Ngiyakufisela ukuthi usebenze kahle kakhulu emsebenzini wakho futhi usize abantu abaningi.

Ngiyaknuthanda kakhulu gogo wami. Hlala uphilile futhi ujabule njalo.

Yimina umzukulu wakho
uNkosi

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 64. INCWADI YAKOMKHULU /ESEMTHETHWENI

## INCWADI YAKOMKHULU/ESEMTHETHWENI

Ibhasi elihamba edolobheni langakini lithutha/lihambisa izingane zesikole nabantu abadala ngesikhathi esisodwa. Lokhu kwenza izinkinga ezinkulu ngendlela izingane zesikole eziphathwa kabi ngayo. Bhalela umphathi wenkampani yalawa mabhasi incwadi yesikhalazo mayelana nalolu daba.




123 Thembu Street
KwaZakhele
Gqeberha
6001

12 Meyi 2026

Umphathi Omkhulu
Inkampani Yamabhasi i-Umoja
15 Station Road
Gqeberha
6001

<u>Isikhalazo sokuphathwa kabi kwezingane emabhasini</u>

Mnumzane M. Dlamini

Ngiya kucela ukuthi nibhale le ncwadi ukhalaza ngokungaphathwa kahle kwezingane zesikole emabhasini enu.

Ibhasi elihamba edolobheni lithutha izingane zesikole nabantu abadala ngesikhathi esisodwa. Lokhu kubangela izinkinga ezinkulu. Izingane ziphushelwa emuva, zipakishwe okosayidinsi. Abanye bayaqhluleka ngisho nokungena ebhasini uma seligcwele. Lokhu kubeka ukuphepha kwazo engcupheni futhi kubenza bafike esikoleni sebekhathele futhi bedangele.

Ngincoma ukuthi nibeke izindawo zokuhlala ezimakiwe zezingane zesikole, kukhishwe amabhasi anele ngezikhathi zesikole, niqeqeshe abagcini nabashayeli ngendlela yokuphatha izingane, futhi kube nemithetho ecacile elandelwayo ngesikhathi sokuhamba kwezingane.

Ngiyethemba ukuthi nizothatha lezi zinyathelo ngokushesha ukuze izingane zethu ziphephe futhi zithole isevisi engcono.

Yimina ozithobayo

*uTiza Sithole (Nkz.)*
Umfundi wakwaZakhele
Isikole Samabanga Aphezulu iZakhele
Inombolo yocingo: 071 234 5678

### IMIHLAHLANDLELA YOKUBHALA INCWADI YAKOMKHULU/ ESEMTHETHWENI

- Ikheli lobhalayo alibe esandleni sokudla elihambisana nosuku olugcwele, Isib. (12 Nhlaba 2026/12 Meyi 2026).
- Ikheli lobhalelwayo alibe ngasesandleni sokunxele liqale ngesikhundla.
- Obhalelwayo makabingelelwe ngokugcwele nangesizotha, Isib. Mnumzane/ Nkosikazi/Nkosazane.
- Qala ngomusho oyisihloko, udwetshelwe noma ubhalwe ngosonhlamvukazi/ofeleba.
- Esigabeni sokuqala ohlolwayo akabhale isizathu sokubhala incwadi ekhalaza ngokungaphathwa kahle kwezingane ebhasini.
- Esigabeni sesibili ohlolwayo akacacise izizathu zokukhalaza afake nezincomo.
- Isiphetho masibe sifishane sikhuthaze uMphathimabhasi ukuthi kube khona akwenzayo ngalesi simo.
- Isivaleliso masikhombise isizotha: Yimina ozithobayo *uTiza Sithole (Nkz.)*
- Amagama akabe inani elingu-80-100.

**QAPHELA:** Impendulo yakho mayilandele isakhiwo esihambisana nencwadi esemthethweni. Qiniseka ukuthi ulimi luhloniphekile futhi lufanele.

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 65. INCWADI YAKOMKHULU

## UMSEBENZI WASEKHAYA / EKILASINI

**Imiyalelo:**
Khetha isihloko **ESISODWA** kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama **angama-80 kuya kwayi-100**.

## INCWADI YAKOMKHULU / ESEMTHETHWENI

Ngenkathi uyolanda umazisi (ID) wakho omusha eMnyangweni wezaseKhaya endaweni yangakini, ubone izinguquko eziningi ezinhle mayelana nokuphathwa kwabantu kanye nomsebenzi.

**Umsebenzi:**
Bhala incwadi eya kuMhleli wephephandaba **Ifa Lamehlo**, uncome/utuse abasebenzi bakulesi sikhungo. [30]

**OKULINDELEKILE**

- Sebenzisa ifomethi efanele yencwadi esemthethweni
- Qaphela isipelingi nolimi
- Hlela kahle imibono yakho
- Landela inani lamagama (**80–100**)



**RUBRIC**

| Amakhodi Okuqopha Amamaki Kulesi Sigaba: | IKHODI | INCAZELO | AMAMAKI |
|---|---|---|---|
| | Q | Okuqukethwe | [30] |
| | SK | Isakhiwo | |
| | L | Ulimi | |
| | ST | Isitayela | |
| | PT | Amaphutha | |

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**
- **QSK = 18** | **LSP = 12**

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 66 I-IKHARIKHULAMU VITHAYE (CV) KANYE NENCWADI EYISIPHELEKEZELO

## UMSEBENZI WASEKHAYA / EKILASINI

**IMIYALELO:**
Khetha isihloko **ESISODWA** kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama **angama-80 kuya kwayi-100.**

## IKHARIKHULAMU VITHAYE (CV) KANYE NENCWADI EYISIPHELEKEZELO

**UMtholi Ngidi** oneminyaka engama-20, ohlala e-B1605 Unit 2, Mpumalanga Township, Hammersdale, 3700 onesitifiketi sikamatikuletsheni, ubone isikhangisi esilandelayo esikhishwe i-Pizza Hut ephephandabeni **iMpumalanga News** ngomhlaka-**15 Meyi 2026.**

Pizza Hut

**Isikhala sokudiliva i-Pizza**



**Onesifiso sokufaka lesi sicelo makabe nalokhu okulandelayo:**

- Isitifiketi sikamatikuletsheni.
- Ubulili besilisa noma besifazane.
- Umazisi waseNingizimu Afrika.
- Iminyaka ephakathi kwengama-18 kuya kwengama-35
- Okwazi ukukhuluma isiNgisi.
- Izincwadi zokushayela isithuthuthu.

Thumela isicelo sakho kuNkk. N Cele (Imenenja) ingakapheli inyanga kaMeyi 2026.
**Ikheli: 16 Hill Street, Pinetown, 3610**



**Bhala ikharikhulamu vithaye (CV) kanye nencwadi eyisiphelekezelo usebenzise imininingwane kaMtholi Ngidi.**

### IKHARIKHULAMU VITHAYE (CV) KANYE NENCWADI EYISIPHELEKEZELO

**Imininingwane eqondene nawe:**
- Isibongo, amagama akho aphelele, usuku lokuzalwa, inombolo kamazisi, ubulili, ubuzwe, izilimi ozikhulumayo, ikheli, inombolo yocingo/iselula nezincwadi zokushayela.

**Imininingwane eqondene nemfundo:**
- Isikole, ibanga, unyaka, izifundo, izitifiketi nokunye okuhambisana nemfundo.

**Imininingwane eqondene nomsebenzi:**
- Uhlobo lomsebenzi, indawo, isipiliyoni nokunye okuhambisana nomsebenzi.

**Imininingwane ngofakazi:**
- Igama nesibongo, isikhundla kanye nenombolo yocingo.

Amagama awabe inani elifanele.

### INCWADI EYISIPHELEKEZELO ('COVERING LETTER')

- Ikheli lobhalayo alibe ngasesandleni sokudla lihambe nosuku olugcwele, Isib. (15 Nhlaba 2026/ 15 Juni 2026).
- Ikheli lobhalelwayo alibe ngasesandleni sokunxele liqale ngesikhundla.
- Obhalelwayo makabingelelwe ngesizotha; Isb: Nkosikazi.
- Qala ngomusho oyisihloko, udwetshelwe noma ubhalwe ngosonhlamvukazi/ofeleba.
- Esigabeni sokugala ohlolwayo akabhale isizathu sokubhala incwadi.
- Esigabeni sesibilli ohlolwayo akacacise ukuthi imininingwane yonke ikukharikhulamu vithaye (CV) bese esho nokuthi ufake amakhophi ezitifiketi/iziqu/umazisi/ nokunye.
- Isiphetho masibe sifishane sifingqe isicelo.
- Isivaleliso masikhombise isizotha: **Yimina Ozithobayo uBanzi Msiza (Mnu.)**

### OKULINDELEKILE

- Sebenzisa ifomethi efanele ye-CV
- Bhala incwadi eyisiphelekezelo esemthethweni
- Qaphela isipelingi, ulimi nesakhiwo
- Landela inani lamagama (80–100)

### RUBRIC

| AMAKHODI OKUQOPHA AMAMAKI KULESI SIGABA: | IKHODI | INCAZELO | AMAMAKI |
|---|---|---|---|
| | Q | Okuqukethwe | [30] |
| | Sk | Isakhiwo | |
| | L | Ulimi | |
| | St | Isitayela | |
| | Pt | Amaphutha | |

**Amakhodi azosetshenziswa uma kumakwa:**

- QSk = 18
- LSP = 12 (7+3+2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 67. IKHARIKHULAMU VITHAYE (CV) KANYE NENCWADI EYISIPHELEKEZELO

### IKHARIKHULAMU VITHAYE (CV)

**Imininingwane Yami**

Isibongo : Ngidi
Amagama : uMtholi
Usuku lokuzalwa : 15 Nhlaba 2006
Inombolo kamazisi : 060515 1234 08 2
Ubulili : Owesilisa
Ubuzwe : UmNingizimu Afrika
Izilimi : IsiZulu, IsiNgisi
Ikheli : B1605 Unit 2, Mpumalanga Township, Hammersdale, 3700
Inombolo yocingo/iselula : 064 123 4567
Izincwadi zokushayela : A1 -125cc

**Imfundo**

Igama lesikole : Mpumalanga Secondary School
Ibanga : Ibanga le-12
Unyaka : 2025
Izifundo : IsiZulu HL, IsiNgisi FAL, Izibalo, Life Orientation, Geography
Isitifiketi : Sikamatikuletsheni

**Isipiliyoni Somsebenzi**

Ngisize esitolo sikamalume ngesikhathi samaholidi.
Umsebenzi : Ukuletha impahla nokusiza amakhasimende.
Isikhathi : 2024 - 2025

**Amakhono**

- Ngiyakwazi ukuxhumana kahle nabantu.
- Ngiyashesha ukufunda.
- Ngiyakwazi ukusekenza ngaphansi kwengcindezi.

**Ofakazi (References)**

Igama nesibongo : Mnu. S Dlamini
Isikhundla : Uthisha
Inombolo yocingo : 031 456 7890

---

B1605 Unit 2
Mpumalanga Township
Hammersdale
3700

15 Meyi 2026

Nkk. N Cele
Imenenja
16 Hill Street
Pinetown
3610

Nkosikazi

**ISICELO SOMSEBENZI WOKUDILIVA I-PIZZA**

Ngibhala le ncwadi ukufaka isicelo sesikhala sokudiliva i-pizza esikhishwe ephephandabeni iMpumalanga News ngomhlaka-15 Meyi 2026. Nginesifiso esikhulu sokusebenza kule nkampani futhi ngikholelwa ukuthi ngiyafaneleka kulesi sikhundla.

Ngifake ikharikhulamu vithaye (CV) yami equkethe yonke imininingwane yami. Ngiphinde ngafaka amakhophi ezitifiketi zami, umazisi kanye nezincwadi zokushayela njengobufakazi.

Ngiyethemba ukuthi isicelo sami sizocatshangelwa. Ngizimisele ukusekenza kanzima nokuletha umsebenzi osezingeni eliphezulu.

Yimina ozithobayo
uMtholi Ngidi

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 68 I-IMEYILI



## IMEYILI

**Funda i-imeyili elandelayo bese ubhala impendulo.**

| | |
|---|---|
| **Iya ku:** | Helen Nzama |
| **Isihloko:** | Ukufundisa abantwana ukudansa |

Helen,

Ngiyathemba le imeyili izokuthola uphilile. Ngicela uzongilekelela la estudiyo sami ngokufundisa abantwana ukudansa. Inkinga enginayo ukuthi sebebaningi ababhalisile, yingakho ngidinga usizo.

Ngizozwa ngawe.

Melo Putin



### IMPENDULO YAKHO

| | |
|---|---|
| **Iya ku:** | [illegible] |
| **Isihloko:** | RE: Ukufundisa abantwana ukudansa |

Sawubona Melo,

Ngiyabonga ngokungithumelela le imeyili. Ngiyajabula ukuthola ithuba lokusiza estudiyo sakho. Ngiyavuma ukukusiza ngokufundisa abantwana ukudansa. Ngiza kuqala ngempelasonto ezayo, ngoMgqibelo, mhla zingama-25 kuMeyi 2025. Sizohlela amasonto ambalwa okulolonga kanye nohlelo olujabulisayo lokufundisa.

Ngicela ungithumele imininingwane ethe xaxa mayelana nezikhathi ezifanele kanye nenani labantwana ababhalisiwe, ukuze ngilungiselele kahle.

Ngikubongela ukungithemba.

Ngilindele ukue[illegible]ana nawe.

Ozithobileyo,

Helen Nzama

**AMACEBISO OKUBHALA**

- Qala ngokubingelela.
- Bonga ngokucela usizo.
- Phendula imibuzo yakhe.
- Nikeza ulwazi olucacile.
- Qeda ngokungane.
- Sayina igama lakho.

**Akuvumelekile ukukopisha leli phepha**

**QAPHELA:** Impendulo yakho ayilandele isakhiwo esihambisana nombhalo we-imeyili.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 69. I-IMEYILI EBEKELWE UMGOMO



Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 70. I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

## Umsebenzi wasekilasini

## I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

Amanothi:

- I-ajenda iveza uhlu lwezihlokwana okuzokhulunywa ngazo.
- Amaminithi abhalwa ngenkathi edlule.
  Ubhala njengomuntu wesithathu.
- Ibhalwa unobhala noma yilowo ogokelwe ukuba awabhale.
- Isebenza ukwakha irekhodi lokuzoxoxwa ngakho emhlanganweni.
- Kubhalwa okusemqoka kusetshenziswe ulimi olumiselwe imigomo.

### I-AJENDA:

1. Ukuvula
2. Amazwi okwamukela umhlangano kasihlalo
3. Abaxolisile
4. Ukufundwa kwamaminithi
5. Ezivuka emaminithini
6. Okusha okuzoxoxwa ngakho:
   - 6.1 Ukukhethwa komholi omusha
   - 6.2 Indlela azosekwa ngayo umholi omusha
7. Okunye okubalulekile
8. Ukuvala

### AM.AMINITHI OMHLANGANO WEBANGA LE-11 OHLANGANELE EKILASINI

1. Ukuvula: Umhlangano wavulwa ngomkhuleko owenziwa nguNkz. Ndlovu nge-13:15.
2. Amazwi Okwamukela Umhlangano Kasihlalo:
   Usihlalo wamukela bonke abaphumelele ukuza emhlanganweni, wabonga ngokuthembaka kanye nokuzimisela kwabo.
3. Abaxolisile: UMnu. T.O Sokhela ongaklwazanga ukuphumelela ngenxa yomshophi obavelele kubo kanye noNkz. D.E Xulu ongaphilile.
4. Ukufundwa Kwamaminithi Omhlangano:
   - Afundwa nguNobhala, alungiswa, usihlalo wawaphakamisa njengaliqiniso.
   - Amukelwa nguNks. P. F Zikode, asekelwa nguMnz. S.O Nzama.
5. Ezivuka Emaminithini:
   Azikho ezivuka emaminithini.
6. Okusha Okuzoxoxwa Ngakho:
   - 6.1 Usihlalo wabukela ikilasi ngokubaluleka kokukhethwa komholi omusha ngoba isikhathi sakhe sasesifike ekugcineni. UNks. B. Hlophe wabonga kakhulu ngomsebenzi owenziwe usihlalo nekilsi lavumelana naye. Usihlalo wabe esebachazela ngohlelo oluzolandelwa mayelana nokukhethwa komholi omusha. UMnu. Z Vimba waphakamisa wakhetha ukuba kube nguNkk.D Sithole usihlalo omusha, waphakamisa wameseka noNkk. K Ndlovu. Emvakwalokho akekho omunye owaphakamisa ikilasi lonke lavumelana ngosihlalo omusha okhethiwe.
   - 6.2 Esekhethiwe usihlalo omusha, uMnu. B Sibiya waphawula ngokubaluleka komezeka usihlalo omusha. Kwavunyelwana ngokuthi ithimba elikade likhona okuyilo elelibeka ngezikhalozo kanye nokusebenzisana nosihlalo omudala lizoqhubeka lisebenze ngaphansi kosihlalo omusha.
7. Okunye Okubalulekile:
   UNkz. G Mkhize waphakamisa ukuba uma beqeda ukuhlolwa kokuphela konyaka bavakashe ebhishi bonke beyikilasi, behambe nothisha wabo.
   Usihlalo wabuza ukuba bonke bayahambisana na nalo mbono.
   UMnu. K Dlamini waphendulela ikilasi wathi bayahambisana nalo mbono bengakujabulela ukuba ndawonye beyikilasi kanye nothisha wabo.
8. Ukuvala: Usihlalo wabonga lonke ikilasi ngokubambisana elinakho. Wabonga nangendlela abaziphathe ngayo emhlanganweni. Umhlangano wavalwa ngomkhuleko nguMnu. D.S Shabangu ngehora le-14:45.

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 71. I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

## I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

Isihloko: UMHLANGANO WESIGUNGU SABAFUNDI (RCL)
Ngodaba lokwanda kwabafundi ababhema insangu esikoleni ngezikhathi zekhefu.

### I-AJENDA

1. Usuku : 16 Mbasa 2026
2. Isikhathi : Ihora le-13:45
3. Indawo : Ihholo lesikole
4. Ukuvula nokwamukela
5. Abakhona
6. Abaxolisile nabangekho
7. Ukufundwa kwamaminithi
8. Ezivuka emaminithini
9. Ezintsha/ezosuku
10. Amaphuzu abazokhuluma ngawo
11. Izinqumo/Izincomo
12. Ezejwayelekile/Ezixubile
13. Ukuvala

AMAKHODI OKUQOPHA AMAMAKI

- Q: Okuqukethwe
- SK: Isakhiwo
- L: Ulimi
- ST: Isitayela
- PT: Amaphutha

AMAKHODI AZOSETSHENZISWA UMA KUMAKWA:

- QSK = 18
- LSP = 12

### AMAMINITHI OMHLANGANO

1. USUKU: 16 Mbasa 2026
2. ISIKHATHI: Ihora le-13:45.
3. INDAWO: Ihholo lesikole.
4. UKUVULA NOKWAMUKELA: Umphathi wesigungu sabafundi wavula umhlangano, wamukela bonke abafundi futhi wachaza inhloso yomhlangano.
5. ABAKHONA: Amalunga onke ekomidi abe khona.
6. ABAXOLISILE NABANGEKHO: Abekho abaxolisile, futhi bonke bebeekhona.
7. UKUFUNDWA KWAMAMINITHI: Amaminithi omhlangano odlule afundwa nguNobhala futhi agunyazwa.
8. EZIVUKA EMAMINITHINI: Azikho ezivuka emaminithini.
9. EZINTSHA/EZOSUKU:
   - Inkinga yokwanda kwabafundi ababhema insangu esikoleni ngezikhathi zekhefu.
   - Iqhaza elizobanjwa yisigungu sabafundi ekuxazululeni le nkinga.
10. AMAPHUZU ABAZOKHULUMA NGAWO:
    - Izimbangela zokubhema insangu esikoleni.
    - Umthelela wokubhema kubafundi, ezifundweni nasekuziphatheni.
    - Indlela yokuxazulula le nkinga.
11. IZINQUMO/IZINCOMO:
    - Ukuqinisa ezokuphepha esikoleni, ikakhulukazi ngezikhathi zekhefu.
    - Ukungenelela kwaboemthetho ukusesha abafundi kanye nezindawo ezifihlekile.
    - Ukuvethulwa kwemisebenzi ehlukile ukubamba abafundi bangabi nesikhatti sokwenza izinto ezingamkelekile.
12. EZEJWAYELEKILE/EZIXUBILE:
    - Ukuhlukumezana kwabafundi kuyakhathaza.
    - Ukudla okudayiswa esikoleni kungathuthukiswa.
    - Ukungdakelwa kwezindawo zokuhlala nokuhlanzeka esikoleni.
13. UKUVALA: USihlalo wenza izaziso, wabonga bonke abebekhona ngeqhaza labo, futhi wavala umhlangano ngehora le-15:15.

Ubhalwe ngu: Sipho Mthethwa (uNobhala we-RCL)
Isiginesha: ....................................
Usuku: 16 Mbasa 2026

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 72 I-INTHAYVU/INHLOLOKHONO

## I-INTHAYVU / INHLOLOKHONO

I-inthavyu (inhlolokhono) iwumbhalo oba phakathi kwabantu ababili noma ngaphezu. Kuba khona obuza imibuzo. Lona obuzayo ubuza kafushane kube khona ophendulayo, uphendula kade ngoba usuke echaza kabanzi.

I-inthavyu iba nengqikithi ethile ebhekiswe kuyo. Kungaba mayelana nolwazi oluthile noma lwesicelo somsebenzi. Le mibuzo iba maqondana nokuthola ulwazi oluthile ngokwenzekile noma okusazokwenzeka. Obuzwayo kungaba umuntu nje noma usaziwayo, ebuzwa ngempilo yakhe noma ngemibono yakhe ngokuthile. Ingenziwa bukhoma, emsakazweni, kumabonakude noma ibhalwe phansi.

### NAZI IZINTO OKUMELE UZIQAPHELE UMA UBHALA LO MBHALO:

- Isihloko – Esihlokweni wethula abalingiswa abazobamba iqhaza, abazoxoxa ngakho (inhloso) kanye nendawo lapho abazobe bekhona: isibonelo Basemsakazweni noma Basehhovisi.
- Amagama alabo abakhulumayo abhalwa ngasesandleni sokunxele, Aqale ngonkamisa -u. Abe mafushane kulandele ikholoni.



### ISIBONELO SENTHAYVU

I-inthavyu phakathi koMsakazi uFelix kanye nomculi wamaPiyano uKabza De Small ngesisusa sogqozi lwakhe lwalo lolu hlobo lo mculo. Basemsakazweni iGagasi FM.

GAGASI FM

| | | |
|---|---|---|
| uFelix | : | Asikubingelele, sikwamukele Kabza. |
| uKabza | : | Ngicela ukukubingelela msakazi kanye nabalaleli beGagasi bonke. |
| uFelix | : | uKabza kungabe igama lakho langempela. |
| uKabza | : | Yigama lasemculweni engalinikezwa abalandeli ngoba Babenqamulela igama lami engaliphiwa abazali. |
| uFelix | : | Awusichazele ngemvelaphi yakho. |
| uKabza | : | Mina ngingu Kabelo wakwaMotha owazalelwa emalahleni, wafunda Eshove Combined School wase eyofundela i-Electrical engineering e-UP. |
| uFelix | : | Uthando lwakho lo mculo lwaqala kanjani futhi nini. |
| uKabza | : | Lwaqala esikoleni uma sishaya izigubhu sishayele laba ababegida ingoma. Sasizifakela nobuciko bethu ukuze umgido wethu uhluke kweminye ejwayelekile. Ubuciko noku ziqambela izinto ezimayelana nomculo ngakufunda lapho. |
| uFelix | : | Pho kungani wakhetha ukwenza lolu hlobo lo mculo. |
| uKabza | : | Ngaqala ngenza umculo weGQomu ngoba nginekhono ekusebenziseni izinsimbi zomculo ngazihlanganisa zakhipha lo mculo wamaPiyano. |
| uFelix | : | Siyabonga ithuba osiboleke lona ukuthi sazi ngawe. Valelisa uphinde ubonge kubalaleli bakho. Bangakutholaphi. |
| uKabza | : | Angibonge ithuba ongiphe lona. Ngibonge kubalandeli bami ngokungeseka zikhathi zonke. Ngifisa baqhubeke nami ngizoqhubeka ngibanikeze umculo omnandi. Ngiyatholakala ku Facebook @Realkabzadesmall. Instagram @kabelomotha. |




#### 1. ISINGENISO

- Bayabingelelana baphinde bamukelana (Laba ababambe iqhaza).
- Bangena odabeni abazoxoxa ngalo.

#### 2. UMZIMBA

- Babuza imibuzo eqondene nabazokhuluma ngakho.
- Obuzayo ubuza kafushane, Ophendulayo uphendula imibuzo kabanzi (kade).
- Izimpendulo mazicace zingalandi kakhulu, ziveze nenhlonipho.

#### 3. UKUVALA

- Ukunikeza umuntu ithuba lokuthi kubekhona akushoyo noma akubuzayo.
- Ukubonga umuntu obebuzwa imibuzo nokuvalelisa.

### OKUQAPHELWE KULE NTHAYVU:

- Imibuzo imifushane.
- Izimpendulo zicacile futhi zichaza kabanzi.
- Kuvele inhlonipho phakathi kwabakhulumayo.
- Kuvele injongo ecacile: ukuthola ulwazi ngomculi.



Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 73 ISIBUYEKEZO



# ISIBUYEKEZO SOMCIMBI

## ABAPHUMELELE NGAMALENGISO:

***Ukubungaza Ukuzimisela, Umsebenzi Onzima nempumelelo Yabafundi***

| | |
|---|---|
| **Uhlobo lo mcimbi** | : Awards Day |
| **Usuku** | : 11 Mbasa 2026 |
| **Indawo** | : Ehholo laseMpangeni |
| **Isikhathi** | : Ihora leshumi |
| **Abahleli bomcimbi** | : Othisha |



### UMCIMBI NGAMAFUPHI

- Abafundi bafika begqoke kahle umfaniswano wabo nothisha nabo babegqoke beconsa.
- Uthishanhloko wavula ngomkhuleko kwaculwa amaculo endumiso wase wabonga abafundi ngokuthi bakwazi uiusebenza ngokuzikhandla.
- Isekela likathishanhloko laluleka izingane ngokubaluleka kwemfundo.
- Othisha baqala babiza izingane eziphase ngamalengiso.
- Zaklonyeliswa ngezitifiketi ezdaferene kanye nezindondo.
- Abazali bajabula bakikiza bebongela izingane zabo, abanye begiya bebongela izingane.
- Ekugcineni uthishanhloko wazikhuthaza izingane ukuthi ziqhubeke ngokusebenza ngokuzikhandla ukuze ikusasa lazo liqhakaze.
- Nababengenzanga kahle bakhuthazwa ukuthi bangaliphonsi ithawula baqhubeke bafunde ngokuzikhandla.
- Abazali babizelwa egumbini lothisha lapho ababelungiselwe khona okuya ngasethunjini.
- Ukudla okwakuphekiwe kwakwehla esiphundu kukhona zonke izinhlobo zokudla.

### IZINCOMO

- Sengathi lo mcimbi ungaphinde ube khona ngoba ukhuthaza abafundi ukuthi bafunde ngokuzimisela.
- Ukhuthaza nabanye abafundi abasemabangeni aphansi ukuthi bafunde ngokuzimisela.
- Futhi inganyusa nezinga lokuphasa kwesikole.

**Sibhalwe ngu:** **Sethabile Khanyile**

**Isignisha:** ____________________

Downloaded from Stanmorephysics.com

ISIBUYEKEZO 74 ISIBUYEKEZO



Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 75. UMBIKO

**AMANOTHI**

**UMBHALO WOMBIKO (IRIPHOTHI)**

Umbiko uwumbhalo obalwa ngento eyenzekile. Ubalulekile njengoba usiza ukudulisela ulwazi ngendlela ecacile nephumelelayo.

**IZINTO EZIBALULEKILE KUMBIKO:**

- Isihloko
- Umbiko uya kubani
- Usuku
- Isikhathi
- Indawo
- Chaza isigameko
- Ubhalwe ubani
- Sayina umbiko
- Amagama awabe inani elifanele.

**QAPHELA:**

* Bhala ngolimi olucacile nolugondile.
* Sebenzisa amagama akho.
* Qiniiesika ukuthi umbiko uhlelekile futhi ulandela izigaba ezifanele.
* Amagama kufanele abe phakathi kuka-80 kuya kwayi-100.

## UMBIKO (IRIPHOTHI)

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama-80 kuya kwayi-100.

**UMBIKO/IRIPHOTHI NGOKULWA KWABAFUNDI EKEMPINI YEBANGA LE-11.**

Uya ku : Mnu. T.P. Zulu
Usuku : 16 Mbasa 2026
Isikhathi : Ihora le-7:30 ebusuku
Indawo : Ekhempini, eThala

**OKWENZEKILE:**

- Abafundi bese besendlini yabo yokulala nothisha bese besezindlini zabo.
- UThabo uye embhedeni ka-Alondwe.
- Kuzwakale sekunomsindo omkhulu behilizisana.
- Abanye abafundi bamemezile bethi ku-Alondwe akashaye uThabo.
- Kube ubugunqugunqu kwawa nezingubo embedeni ka-Alondwe.
- Abanye abafundi bebethatha amavidyo esikhundleni sokuba balamule.
- Bobabili u-Alondwe noThabo bebethukana ngesikhathi belwa.
- UVusi uzamile ukungena phakathi kwabo kodwa bamwisa phansi.
- UThabo uthathe ingilazi wayiphula wagwaza u-Alondwe esandleni ngesikhathi ezama ukuyibamba.
- Ngokuphazima kweso u-Alondwe ubesebomvu tebhu igazi futhi seligcwele naphansi.
- Abafundi bamemeze kakhulu ngoba sebesaba igazi.
- Kungene othisha begijima ngoba bezwa umsindo.
- UMnu. Zulu uphume nabo bobabili abafana.
- UMnu. Khathi uthathe u-Alondwe wamphuthumisa emtholampilo.
- Bonke abafundi ababone le nhlekelele balulekwe ngokwengqondo.
- U-Alondwe ubuyile emtholampilo khona ebusuku ebhandishwe isandla kodwa ebukeka engcono.
- UMnu. Zulu ucele ukuba ngibhale umbiko engizomunika wona.

Ubhalwe ngu: Avela Dlamini, Ibanga le-11

........................
Isiginesha/Ukusayina

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 76. I-DAYARI



# IDAYARI

Uyoqala imfundo yakho ephakeme enyuvesi yaseKapa ngomhla lu-1 kuFebruwari/kuNhlolanja 2025.

Bhala idayari yezinsuku ezintathu ngamalungiselelo ozowenza ngaphambi kokuya enyuvesi.




**USUKU 1:** ULwesihlanu, 31 Januwari 2025 — Isikhathi: 8:30 ekuseni

Namuhla ngiqale amalungiselelo okuya enyuvesi yaseKapa.
Ngizizwa ngijabule kodwa futhi nginemizwa exubile.
Ngibhale uhlu lwezinto engidingayo.
Ngithenge isikhwama esikhulu, imibhede, amathawula nezinto zokuhlala.
Ngiphinde ngahlela amadokhumenti ami: isitifiketi, ikhadi likazwelonke, nezinye izincwadi ezibaluleklie.
Ngizozihlela kahle ukuze kungabi lutho engilibale.
Ngiyabonga kuNkulunkulu ngokunginika ithuba lokufunda.

**UHLU LWEZINTO**

- ☑ Isikhwama
- ☑ Imibhede
- ☑ Amathawula
- ☑ Izingubo
- ☑ Izincwadi
- ☑ Izimpahla zokugezela
- ☑ Amadokhumenti



**USUKU 2:** UMgqibelo, 1 Februwari 2025 — Isikhathi: 10:00 ekuseni

Namuhla ngiyaqhubeka namalungiselelo. Ngigeze izingubo zami, ngazigoqa ngazifaka ezikhwameni.
Ngibeke igama lami kuzo zonke izinto zami ukuze zingalahleki.
Ngilungiselele izinto engizozidinga ngosuku lokuhamba: ukudla kancane, imali, amanzi nezinye izinto ezibaluleklie.
Ngikhulume nabazali bami ngokuhamba kwami.
Ngizizwa ngikhathazekile kodwa futhi ngijabule kakhulu ngendlela le ntshanje ezoshintsha ngayo ikusasa lami.



**USUKU 3:** ISonto, 2 Februwari 2025 — Isikhathi: 6:30 ekuseni

Namuhla usuku lokugcina ngaphambi kokuhamba.
Ngiphinde ngahlola ukuthi yonke into isilungile yini.
Ngipakishe isikhwama sami ngafaka zonke izinto eziyisidingo.
Ngibonge kuNkulunkulu ngezinto zonke.
Ngizizwa nginethemba lokuthi ikusasa lami lizoba lihle.
Ngikulungele ukuqala lesi sahluko esisha sempilo yami.
Ngilungele ukufunda kanzima nokufeza amaphupho ami.
Ngiyabonga emndenini wami ngokungisekela.




**OKUBALULEKILE:**

- Qala ngokuhleleka kusenesikhathi.
- Qinisesika ukuthi uthatha zonke izinto ezidingayo.
- Gcina amadokhumenti akho ephephile.
- Cela usizo lapho udinga.

**KHUMBULA:**
Ukulungiselela kahle kuyisinyathelo sokugala sempumelelo!

**IZINHLOSO ZAMI:**

- Ukufunda ngokuzikhandla.
- Ukuziphatha kahle.
- Ukwenza abazali bami baziqqaje.
- Ukufeza amaphupho ami.

Ngikholwa ukuthi ikusasa lami likhanya!

Downloaded from Stanmorephysics.com

UMSEBENZI 77. I-DAYARI

# IDAYARI

## UMSEBENZI

Usanda kuthuthela endlini entsha. Ufuna ukubhala ngemizwa yakho ngalolu lwazi olusha.

**Bhala IDAYARI EYODWA** lapho uchaza khona ukuthi uzizwa kanjani.




## IMIYALELO

- Kufanele kube khona idayari eyodwa kuphela.
- Usuku nesikhathi kufanele kubonakale.
- Ididayari kufanele iveze imizwa yakho ngaphambi, ngasikhathi nangemva kokuthuthela endlini entsha.
- Ididayari kufanele ibhalwe ngomuntu wokugala (mina, ngizizwa...).
- Sebenzisa ulimi olulula nolungahlelekile (informal).
- Ithoni kufanele ikhombise imizwa efanele (injabulo, ukwesaba, ukulangazelela, njll.).

## AMACEBISO

- Bhala iqiniso.
- Khuluma ngemizwa yakho.
- Sebenzisa amagama alula.
- Hlela imicabango yakho ngendlela efanele.

## IDAYARI EYODWA – ISIBONELO ESILUNGISIWE

Usuku: 25 Meyi 2024 Isikhathi: 7:30 ebusuku

Namuhla ngifuna ukubhala ngemizwa yami ngokuthuthela endlini yethu entsha. Ngiyajabula kakhulu!

Ngaphambi kokuthuthela, nganginesasasa futhi nginemizwa exubene. Ngangijabule ngoba sizoba nendawo enkulu futhi enhle kunangaphambili. Kodwa futhi ngangikhathazekile ngokushiya abangani bami, isikole sami kanye nendawo engijwayele.

Lapho sifika endlini entsha, ngazizwa ngimangala! Indlu inkulu, inamagumbi amaningi kanye negceke elikhulu. Igumbi lami lisewindaweni enhle futhi linombhede omusha. Sahlela izinto, sasihlanza futhi senza indlu ibe yinhle. Ngazizwa ngikhathala kodwa ngijabule ngasikhathi sinye.

Manje sengijwayela kancane. Sengithole nabangani abasha esikoleni. Bashayela nami futhi ngiyabathanda. Ibhizinisi lise eduze futhi ipaki iseduze nendlu yethu. Ngiyazingca ngokuthi le ndlu seyiyikhaya lethu.

Ngiyabonga kakhulu kuNkulunkulu ngokusinika le ndlu enhle nekhaya eliphephile. Ngizokwenza konke okusemandleni ami ukuyinakekela nokuyigcina ihle njalo.

## KHUMBULA!

- Qala usuku nesikhathi.
- Bhala ngemizwa yakho.
- Hlela okwakenzeka ngaphambi, ngasikhathi nangemva.
- Qeda ngokuthi uzizwa kanjani manje.




## AMAGAMA ANGASIZA

- Ngiyajabula...
- Ngisijabulela...
- Ngikhathazekile...
- Ngiyamangala...
- Ngiyabonga...
- Ngiyethemba...

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 78. I-DAYARI

Khetha isihloko **ESISODWA** ubhale ngaso kube ngamagama angama -60 kuya kwangama-80.




**IDAYARI**

- Bhala usuku kanye nelanga: isibonelo 14 Meyi 2023 ... Lwesihlanu.
- Bhala ngenkathi efanele.
- Bhala njengomuntu wokuqala.
- Bhala ngemisho ephelele.
- Sebenzisa ulimi olukhulukekile.
- Okuqukethwe makunamathele emyalelweni.

Amagama awabe inani elifanele.

## A. IDAYARI




*Njalo ngonyaka kuba nomncintiswano/umqhudelwano wabathanda ukucula nokudansa ezindlini zakwa SABC e-Auckland Park. Ungomunye wabazongenela lo mncintiswano kulo nyaka.*

*Bhala idayari yezinsuku ezinhlanu ngamalungiselelo ozowenza ngaphambi kokuyongenela lo mncintiswano/mqhudelwano.*

**IDAYARI**

- Bhala usuku nelanga (Isibonelo: 10 Julayi 2024.... Lwesithathu)
- Kumele ibe senkathini ezayo.
- Ubhala njengomuntu wokuqala.
- Izinsuku mazihlukaniswe ngokweqa umugqa.
- Kumele ubhale ngemisho ephelele.
- Kusetshenziswa ulimi olukhululekile.
- Okuqukethwe makunamathele emyalelweni (Idayari yakhe mayiqale ngoLwesithathu kuya kuMgqibelo).

Amagama awabe inani elifanele.

## B. IDAYARI




*Ugogo wakho uzobe ehlanganisa iminyaka engama-90. Ningabazukulu bakhe nifuna ukumenzela umcimbi wokumbonga ngakho konke anenzele kona.*

*Bhala idayari ngamalungiselelo enizowenza kusukela ngoLwesithathu kuze kube usuku lomcimbi oluzoba ngoMgqibelo.* **[20]**

**IDAYARI**

- Bhala usuku kanye nelanga.
- Kumele ibe senkathini ezayo.
- Ubhala njengomuntu wokuqala.
- Izinsuku mazihlukaniswe ngokweqa umugqa.
- Kumele ubhale ngemisho ephelele.
- Kusetshenziswa ulimi olukhululekile.
- Okuqukethwe makunamathele emyalelweni (Idayari yakhe mayiqale ngoLwesithathu kuya kuMgqibelo).

Amagama awabe inani elifanele.

## C. IDAYARI




*Njalo ngonyaka kunomncintiswano womjaho wamabhayisikili webanga lama-21 km obanjelwa eKapa. Kulo nyaka nawe ufuna ukuwungenela lo mncintiswano.*

*Bhala idayari yezinsuku ezintathu ngozokwenza ngaphambi kokuya kulo mncintiswano ozoba ngomhla ziyisi-5 kuJulayi 2026.*

**IDAYARI**

- Bhala usuku kanye nelanga.
- Kumele ibe senkathini ezayo.
- Ubhala njengomuntu wokuqala.
- Izinsuku mazihlukaniswe ngokweqa umugqa.
- Kumele ubhale ngemisho ephelele.
- Kusetshenziswa ulimi olukhululekile.
- Okuqukethwe makunamathele emyalelweni (Idayari yakhe mayiqale ngomhla zi-2 kuya kumhla zi-4 kuJulayi 2021).

Amagama awabe inani elifanele.

Amagama awabe inani elifanele.

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 79. IJENALI

## IJENALI

### Amanothi

- Ijenali umbhalo lapho usuke uqopha futhi ubuyekeze izigameko zempilo yakho.
- Ubhalwa ngenkathi edlule.
- Awumiselwe migomo.
- Obhalayo usuke ezibhalela yena ngezinto ezithinta imizwa yakhe.
- Ibhalwa ebhukwini elithile okungaba idayari.
- Ibhalwa ifakwe izinsuku.
- Kungasetshenizwya ukulandisa okuqondene nomuntu obhalayo.

### Isibonelo:

UBafana uthole izindaba ezimnandi emsebenzini wakhe wase ebhala kwijenali yakhe.

**Usuku:** 10 Mfumfu 2026
**Isihloko:** Usuku Oluhle kakhulu
**Isikhathi:** Ihora le-10

Namuhla ngivuke ekuseni kakhulu ngizizwa nginomdlandla omkhulu. Phela bekungolunye losuku olungeke luphinde lulibaleke empilweni yami. Ngibe nomhlangano noMphathi wami sizodingida ukunyuselwa kwami esikhundleni esiphezulu kanye nokushintsha komholo. Ngifike uMphathi esengilindele ungemukele kamnandi ehhovisi lakhe. Ngizizwe nayi ngiyisikhulu esiphezulu. Ngizizwe ngijabule kakhulu ngoba imali esengizoyihola izophindwa kabili kunalena ebengiyihola nyanga zonke.

Ngibuyele ekhaya ngafika umama esengilphekele ukudla okumnandi. Ngiyabonga usuku luhambe kahle kakhulu.

### Izikhumbuzo

- Ijenali ibhalwa ngenkathi edlule.
- Ibhalwa umuntu aqophe okwenzekile empilweni yakhe.
- Ifakwe usuku nesikhathi.
- Ibhalwa ngokukhululekile ngolimi oluthinta imizwa nomuwza.
- Kuyimfihlo: ibhalelwa wena wedwa.

Amagama awabe inani elifanele.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 80. I-TiKToK (WhatsApp/SMS/DM/Instagram/Facebook/TikTok)

### AMANOTHI

- Isakhiwo sihambisana nohlobo lombhalo.
- Kusetshenziswe ulimi olubhlulekile kepha elinomgondo ozwakalayo.
- Izimpawu zisetshesizwa ngendlela ehambisana nomyalezo.
- Amanye amagama angabhalwa ngokufinqiwe kulandelwe imithetho yokufingqa.
- Kufanele kuvele ukuthi ubani othumele umyalezo ka-tiktok kwi-bio yakhe, inombolo yakhe, isikhathi nosuku.
- Akubalulekile ukudweba umakhalekhukwini.
- Ama-emoji angabhalwa noma adwetshwe.
- Amagama kumele abe inani elifanele.

**QAPHELA:**

- ★ Kumele ulandele umyalelo noma umbuzo.
- ★ Okubalulekile ukuthi uma ubhala impendulo usebenzise ubuciko ukuze amagama alandele uhlobo lombhalo.
- ★ Khumbula ukuthi ubhala umyalezo wakho kuphela, hhayi inkulumo-mpendulwana ka-tiktok.

### UMYALEZO OMFISHANE (TikTok)

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

Indlela eyamukelekile yokuziphatha kwabafundi ezikoleni, emphakathini nasemakhaya.

Bhala umyalezo ka-tiktok ozowuthumela ekhasini lakho ukuze abantu bawubone, bawuthande, bakulandele, babeke imibono ngalolu daba.

### IMIBHALO EMFUSHANE
(WhatsApp/SMS/DM/Instagram/Facebook/TikTok)



**Lwazi_The_Good_Vibe** ✔ •••

@lwazi_11

Bio: UKUZIPHATHA KUYISIKHIYE EMPUMELELWENI 🔒

HEE BANTWANA! 👋

Masishintshe isiko lethu!

Esikoleni, emphakathini nasemakhaya sikhethe ukuziphatha kahle.

- ✅ Hlonipha bonke abantu. ❤️
- ✅ Khuluma kahle, ungahlukumezi.
- ✅ Gcina indawo ohlala kuyo ihlanzekile.
- ✅ Sebenzisana, unakekele abanye.
- ✅ Yiba isibonelo esihle – namuhla, kusasa, nsukuzonke! ✨

UMUNTU NGUMUNTU NGABANTU. 👥

Abafundi abayeke ukuziphatha budedengu ngoba lokho kungabalahlekisela ngempilo yabo yesikhathi esizayo. Abanye bangagcina bengayitholi imisebenzi. 😟

#Respect #GoodVibes #SifundaIkuziphathaKahle
#EsikoleniNakuboBonke #UmuntuNgumuntuNgabantu ❤️

❤️ 1,2K 💬 156 ↪ 243 🔖

Thunyelwe ngu: Lwazi_The_Good_Vibe

Inombolo: 072 123 4567

Isikhathi: 19:45

Usuku: 16 Mbasa 2026



Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 81. WHATSAPP NE-SMS

## UMYALEZO OMFISHANE (WhatsApp) NE UMYALEZO KAMAKHALEKHUKWINI (SMS)

Khetha isihloko **ESISODWA** ubhale ngaso kube ngamagama **angama-60 kuya kwangama-80.**

### UMYALEZO OMFISHANE (WhatsApp)

UBanathi ufunda umyalezo omfishane (WhatsApp) ovela kuZakhele. **[20]**

**Zakhele da-bozza**

Hawu bra yini wangayibamba ifoni kunini ngifona
Ok sengiyabona usadinwe ukuthi ngitshele uthisha ukuthi uwena ofihle ifoni kaSam. Ubufuna ngenzenjani bra?
21:47

- Bhala usuku, isikhathi kanye nelanga.
- Akuyele igama lomuntu obhalayo.
- Bhala ngenkathi efanele.
- Bhala njengomuntu wokugaisa.
- Sebenzisa ulimi oluzwakalayo noluhambisana nombhalo.
- Sebenzisa ulimi olukhululekile olusethenziswa ku-WhatsApp.
- Okuqukethwe makunamathele emyalelweni. (uBanathi uphendula umyalezo kaZakhele.)
- Bhala inombolo noma igama lothumele umyalezo.

**Bhala impendulo yomyalezo omfishane (WhatsApp) uBanathi awubhalela uZakhele.**
**QIKELELA: Akubalulekile ukudweba umakhalekhukhwini uma ubhala impendulo.**

### UMYALEZO KAMAKHALEKHUKWINI (SMS)

Umngani wakho ukuthumele lo myalezo olandelayo kumakhalekhukhwini wakho: **[20]**

22:15

**Khanyo Z**

*Hheyi mnga, ngiyabonga, umfwe2 unginkile ushokole8 ongithengele wona. Sori ukuthi ngingafiki ukuzokubona ooh ukuthi umah ungithume ethawini ngabuga leyithi ngasaba ukuriska ebusuku.*

**Bhala umyalezo kamakhalekhukhwini (sms) uphendule umngani wakho.**

### IMPENDULO YAKHO (WhatsApp):

*ULwesine, 15 Meyi 2026 22:15*

*Bengisafunda bra, ngiphendula manje. Anginak ukuthi utshelile uthisha, ubenelungelo lokwenza lokho ngoba ayikho into engafihlwa uma ihlulekile. Ifoni kaSam beyisiphazamisa eklasini, ngakho-ke wenze kahle. Anginankinga nawa futhi ngiyakweseka uthathe izinto njengendoda. Asixazulule kalokhu bra, asibe abangani. Ngizokubona esikoleni kusasa.* 👍😁

*22:15* ✓✓

### IMPENDULO YAKHO (SMS):

*ULwesine, 10/06/2022 22:30*

*Thandeka DaDiva*

*Hawu kodwa Khanyo ubungasho ngani ukuthi uya etawni uyazi ukuthi bengibhoreke kanjani bengizokuphelezeha mnganami. Hhayi bo! waze wakhula uthuthi wakho omncane. Ngiyakuvuma uzalwa nocleva ngikushayela ihlombe/ oe. Uyazi ungibone ngizithengela oncamnce esitolo wangiphotha ukuthi angikuthengele ushokole8 ngoba unestress se-exam. Bengimcuphile ngithi angeke akunike shame bandla uthembekile hahaha/* 😅*. Wenze kahle wangariska umuntu usephilisa okwenyamazane ujlaha tsotsi. Sharp* 💯 *asibonane ephathini kaZak kusasa.*

*22:30* ✓✓

### AMAKHODI OKUQOPHA AMAMAKI KULESI SIGABA:

- **Q** : Okuqukethwe
- **SK** : Isakhiwo
- **L** : Ulimi
- **ST** : Isitayela
- **PT** : Amaphutha

### AMAKHODI AZOSETYENZISWA UMA KUMAKWA:

- **QSK = 12**
- **LSP = 08**

**QAPHELA:**

- Akuyele ukuthi umyalezo uvela kubani njengoba kuvela efonini.
- Akuyele igama noma inombolo kamakhalekkukhwini womuntu othumele umyalezo.
- Akuyele usuku nesikhathi.
- Bhala umyalezo ngokufingqiwe.
- Sebenzisa ulimi olukhululeklie lwasezinkundleni zokuxhumana.
- Sebenzisa izifinyezo nezimpawu (emojis).
- Okuqukethwe makunamathele emyalelweni.
- QAPHELA – Ama-emojis nezimpawu akuphoqelekile.

★ **Amagama awabe inani elifanele.**

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 82. FACEBOOK

## UMYALEZO OMFISHANE (Facebook)

Khetha isihloko **ESISODWA** ubhale ngaso kube ngamagama **angama-60 kuya kwangama-80.**

### IMIBHALO EMFUSHANE (WhatsApp/SMS/DM/Instagram/Facebook/TikTok)

**Amanothi:**

- Isakhiwo sihambisana nohlobo lombhalo
- Kusetshenziswa ulimi olukhululekile kepha elinomqondo ozwakalayo
- Izimpawu zisetshenziswa ngendlela ehambisana nabathumelelana umyalezo
- Amanye amagama angabhalwa ngokufinqiwe kulandelwe imithetho yokufinqa.
- Kufanele kuvele ukuthi ubani othumele umyalezo, isikhathi nosuku.
- Akubalulekile ukudweba umakhalekhukhwini.
- Ama-emoji angabhalwa noma adwetshwe.
- Amagama kumele abe inani elifanele.

**QAPHELA, kufanele ulandele umyalelo noma umbuzo.**

Okubalulekile ukuthi uma ubhala impendulo usebenzise ubuciko ukuze amagama alandele uhlobo lombhalo.
Khumbula ukuthi ubhala impendulo yakho kuphela, hhayi inkulumo-mpendulwana.

### UMYALEZO OMFISHANE (Facebook)

Buka umyalezo omfishane olandelayo bese ubhala impendulo uBusi aphendule ngayo umngani wakhe u-Ayanda Goba.

**Ayanda Goba**

Busi mngani ngibona ufake isithombe senja kuFacebook. Ngabe yiyo le engakunika yona?



**[20]**

**QIKELELA: Akubalulekile ukudweba umakhalekhukhwini uma ubhala impendulo.**

**AMAKHODI OKUQOPHA AMAMAKI KULESI SIGABA:**

- **Q** : Okuqukethwe
- **SK** : Isakhiwo
- **L** : Ulimi
- **ST** : Isitayela
- **PT** : Amaphutha

**AMAKHODI AZOSETYENZISWA UMA KUMAKWA:**

- **QSK = 12**
- **LSP = 08**

### OKULINDELEKILE:

- Bhala usuku, isikhathi kanye nelanga.
- Bhala ngenkathi efanele.
- Bhala njengomuntu wokugala.
- Sebenzisa ulimi olukhululeklie olusetshenziswa ku-Facebook.

*15 Meyi 2026 • 14:35 • NgoLwesihlanu*
*Yebo mngani. Yiyo le owanginika yona. Iyangigada uma ngifika ekhaya. Ingihlangabeza ngeculo elimnandi. 🎵 🎶 Iphinde ilale ekameleni lami eceleni kombhede. Ngizwa ngayo uma sekufanele ngivuke seyinyakazisa umsila. 😊 Ngethemba uphilile? Ngizokuba maduze. Izikole zizovalwa, sibe namathonamente e-KZN rabhi 💎 isonto lonke. Angikwazi ukungabi khona njengoba ngifisa ukuthola isikolashiphi sokuyofunda eKheyzeni College.*
*Ngiyabonga fre 🙏 ngiyithanda kakhulu le nja.*
*Ngiyakuthanda. Nami kukhona engizokuphathela khona lapha esikoleni oluzoba usizo nakuwe. Phela izandla ziyagezana. 😄*

⭐ **Amagama awabe inani elifanele.**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 83. IMIYALELO

# IMIYALELO




### A. UMYALELO

**Amanothi:**

- Umyalelo uhlukene izinhlobo eziningi, kuya ngokuthi yini leyo umuntu ayalelwa ukuthi ayenze.
- Ubhalwa ngolimi oluphoqayo.
- Kusetshensizwa imisho ecacile nenembayo.
- Kusetshensizwa uhlelo olukhomba ukullandelana kwezinto.



### Isibonelo:

**Imiyalelo ngokufanele kwenziwe abafundi bebanga le-12 emcimbini we-Matric Dance:**

1. Fika ngesikhathi esifanele.
2. Gqoka ngendlela ehambisana nomcimbi.
3. Bheka igama lakho ohlwini ukuze uhlale endaweni efanele.
4. Linda ukuhlaliswa endaweni yakho.
5. Lalela imiyalelo yomphathi wohlelo.
6. Thatha izithombe endaweni ebekelwe kona.
7. Dansa ngesikhathi esifanele.
8. Linda ukubizwa kwenombolo yetafula lakho uma sekuphakwa ukudla.
9. Phaka ukudla ozokwazi ukukuqeda.
10. Thatha ngokuhlonipha isipho onikwa sona.
11. Akuvunyelwe ukuletha amanzi amponjwana.
12. Izinto ezifana nogwayi, i-vaper nezidakamizwa akuvunyelwe.
13. Ungahambi umcimbi ungakapheli.



### B. IMIYALELO: IRESIPHI

Buka lezi zithombe ezilandelag bese ukhetha izithako ongazisebenzisa ukwenza ibhega yakho ozoyiphatha esikoleni.




**IMIYALELO: IRESIPHI**

- Bhala isihloko esiveza uhlobo lwebhega ozolwenza.
- Bhala izithako kanye nezikalo.
- Bhala indlela yokwenza.
- Bhala ngolimi oluhambisana nombhalo.
- Kuyancomeka ukubhala umbono wokuthi le bhega ungayidla nani.



Amagama awabe inani elifanele.

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UMSEBENZI 84. IMIYALELO

**Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.**

## A. IMIYALELO

Ngaphambi kokubhala iphepha ngalinye lokuhlolwa kwebanga le-12 kokuphela konyaka, kunemiyalelo eqikelelwayo ngabahlolwayo. Bhala imiyalelo okufanele abafundi bayilandele. [20]

### IMIYALELO KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:
   - ISIQEPHU A: Indaba (50)
   - ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)
   - ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)
2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE.
3. Bhala ngolimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo NGAMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Hlela umsebenzi wakho ngamaphuzu (uhlaka) noma ngebalazwe (mind map), ulungise amaphutha bese uyawufundisisa. Uhlelo/uhlaka MALWANDULELE umbhalo ngamunye.
6. Ukuhlela makukhonjiswe ngokubhala igama elithi **uhlelo/uhlaka** bese kuyethulwa. Kuyancomeka ukuba kudwetshwe umugqa phezu kwemisebenzi yonke yokuhlela.
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
   - ISIQEPHU A: Amaminithi angama-80
   - ISIQEPHU B: Amaminithi angama-40
   - ISIQEPHU C: Amaminithi angama-30
8. Bhala izinombolo zezimpendulo ngendlela ezihlelwe ngayo kuleli phepha.
9. Nikeza impendulo NGAYINYE isihloko esifanele.
10. UNGAZIBALI izihloko nezihlokwana lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngobunono nangesandla esifundekayo.

## B. IMIYALELO

Ngonyaka ozayo (2023) udadewenu uzoya kofunda enyuvesi, ucele ukuthi umiyalele zonke izinto azozidinga efulethini azobe ehlala kulona. Bhala imiyalelo ozoyinika udadewenu ukuze akwazi ukuhlala kahle efulethini ngesikhathi efunda.

### IMIYALELO

- Nikeza uhlelo lokulandelana kwezinto:
  - Indawo okuzokwenzelwa kuyo umcimbi nenani labantu.
  - Uhlu lwezidlo ezizodliwa neziphuzo (menu).
  - Ukuhlobisa.
  - Izikhulumi
- Kusetshenziswa indlela ephoqayo. Isb. Bekisa indawo okuzokwenzelwa kuyo umcimbi kusenesikhathi.
- Bhala ngamaphuzu usebenzise imisho ecacile nenembayo.
- Okuqukethwe makunamathele emyalelweni.

Amagama awabe inani elifanele.

### IMIYALELO

- Isihloko masiqamise izinto azozinga efulethini.
- Nakhu okumele ukuthenge:
  - amakhethini.
  - umbhede nelineni yawo.
  - ideskhi/itafula elincane lokufundela.
  - ilambu lokutadisha.
  - isitofu, amabhodwe, amapuleti, isiqandisi/ifriji, iketela, i-ayina, izipuni, izinkomishi namasoso. (Nokunye okunembayo okuhambisana nezinto azozidinga ezilingene yena)

Amagama awabe inani elifanele.

Amagama awabe inani elifanele.

Downloaded from Stanmorephysics.com

## UMSEBENZI 85. INKOMBANDLELA


### AMANOTHI

- *Inkombandlela yenzela ukusiza umuntu ongayazi indlela yendawo aya kuyona. Ingabhalwa phansi ngamagama noma idwetshwe.*
- *Okubalulekile ukuthi uma uyalela umuntu noma uyalelwa kufanele ubhale ngokucacile ukuze angaduki umuntu ozosebenzisa inkombandlela.*
- *Ubhala ngolimi oluqondile namagama ahambisana nokuyalela umuntu.*

QAPHELA:
- *Landela imicibisholo.*
- *Sebenzisa amagama ezindawo ezifanele.*
- *Qinisekisa ukuthi umuntu uyakuqonda ngaphambi kokuthola.*
- *Buza uma ungaqiniseki.*

# INKOMBANDLELA


Usuka eFundakuhle High School uya ePaki yasePhola.




1. Phuma esangweni lesikole uze uphumele ku-Freedom Lane. Hamba uqonde.
2. Jika kwesokudla ungene emgwaqweni i-Villa Road. Hamba uqonde.
3. Fika ku-roundabout. Thatha umgwaqo wokuqala uphumele kwesokunxele ungene emgwaqweni i-Mazandela.
4. Hamba uqonde uze ufinyelele i-Intersection (ukuhlangana kwemigwaqo) bese ujika kwesokudla ungene emgwaqweni i-Nconjane.
5. Hamba uqonde uze ufinyelele i-Intersection bese ujika kwesokunxele ungene emgwaqweni i-Phithikizini.
6. Hamba uqonde uze ufinyelele i-Intersection bese ujika kwesokudla ungene emgwaqweni i-Park Avenue.
7. Hamba uqonde bese uphumele ePaki yasePhola.

Downloaded from Stanmorephysics.com

# UHLU LWEMITHOMBO ESETSHENZISIWE



## UHLU LWEMITHOMBO YOLWAZI

### ABABHALI BALOMSEBENZI

1. **TJA Mthembu,** Umlazi district, 2026
2. **ESN Mabaso,** King Cetshwayo District, 2026
3. **NP Sikhakhane,** Umzinyathi District, 2026
4. **PNF Mthembu,** Umgungundlovu district, 2026
5. **MN Sibisi,** Zululand district, 2026
6. **LP Mthembu,** Ilembe District, 2026
7. **FC Zulu,** Amajuba District , 2026
8. **NE Sikhakhane,** Ugu District, 2026
9. **TP Mazibuko,** Uthukela District, 2026
10. **BWV Mbonambi,** Pinetown District, 2026
11. **Khombi Nyuswa,** Harry Gwala District, 2026

### UMHLELI

- Nosipho Makhanya, TLS FET, Umlazi district, 2026

### UMSHICILELI

- KZN Dept of Education TLS -FET

### IMITHOMBO ESETSHENZISIWE ESETSHENZISIWE


1. Department of Basic Education. (2011). *Curriculum and Assessment Policy Statement (CAPS): IsiZulu First Additional Language Grades 10–12.* Pretoria: DBE.
2. Department of Basic Education. (2021). *Examination Guidelines: IsiZulu First Additional Language Grades 10–12.* Pretoria: DBE.
3. Department of Basic Education. (n.d.). *National Senior Certificate past examination papers and memoranda.* Pretoria: DBE.
4. Google Images. (n.d.). *Images used for educational purposes.* Retrieved from https://images.google.com
5. *Elokufa Alitsheli.* (n.d.). By M.M. Ndlovu. Shuter & Shooter Publishers / New Dawn Publishers.
6. *Ulozolo.* (2014). By N.G. Sibiya. UNISA Press. ISBN: 9781868887644.
7. *Kusa Kusa.* (n.d.). By S.P. Nhleko. Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd. ISBN-13: 9780796074409.
8. *Amanyal' Enyoka.* (2013/2015). By Buyi Chili & Mandla Ndlovu. Shuter & Shooter Publishers.
9. *Izinkwazi Zothukela.* (n.d.). By Londi P.M. Makhanya. Shuter & Shooter Publishers.
10. Dr Bonela. (n.d.). *Dr Bonela* Google advert used for educational analysis. Retrieved from https://images.google.com


### IMIBHALO YOBUCIKO EMISELWE UKUFUNDA

**1 ELOKUFA ALITSHELI**
- **Umbhali:** M.M. Ndlovu
- **Uhlobo:** IsiZulu Literature / High School Novel (FAL)
- **Umshicileli:** Shuter & Shooter Publishers / New Dawn Publishers

**2 ULOZOLO (ISBN: 9781868887644)**
- **Umbhali:** N.G. Sibiya
- **Umshicileli:** UNISA Press
- **Uhlobo:** Dramatic Arts / IsiZulu Home Language
- **Usuku Lokushicilelwa:** 05 October 2014
- **Amafomethi:** Paperback ne-eBook

**3 KUSA KUSA**
- **Umbhali:** S.P. Nhleko
- **Umshicileli:** Shuter & Shooter Publishers (Pty) Ltd
- **Ulimi:** IsiZulu
- **ISBN-13:** 9780796074409
- **Uhlobo:** School Education & Reference Literature
- **Amafomethi:** Paperback ne-eBook

**4 AMANYAL' ENYOKA**
- **Ababhali:** Buyi Chili & Mandla Ndlovu
- **Umshicileli:** Shuter & Shooter Publishers
- **Ulimi:** isiZulu
- **Uhlobo:** Inoveli/umdlalo wesikole samabanga aphezulu
- **Ingqikithi:** Ukuhlaziya ubulili nobudlelwano emphakathini wasemakhaya

**5 IZINKWAZI ZOTHUKELA**
- **Umbhali:** Londi P.M. Makhanya
- **Umshicileli:** Shuter & Shooter Publishers
- **Uhlobo:** IsiZulu Poetry Anthology
- **Izinga:** Grade 12 HL/FAL Literature

*Siyabonga* **KZN JIT** *Provincial Coordinator* *Mr Thobela* ngokusinikeza leli thuba.